# *Impilo YaKho Ilifanele IVangeli na?*

Asibe silokhu simile umzuzwana nje, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu manje futhi sibuka eNkosini. Uma zikhona izicelo zokuba zaziswe kuNkulunkulu, ningakwenza nje manje ngalesisikhathi niphakamisele isandla senu kuYe, *kanjalo*, futhi nikubambe enhliziyweni yenu enikufunayo.

2 Baba wethu waseZulwini, siyabonga ngolunye usuku. Futhi manje kuqala ukuphawuleka; kuzoba ngumlando. Izinkonzo zalokhu ukusa isivele yedlule. AmaZwi elishiwoyo lisemoyeni, eteyipini, futhi sizodingeka sihlangane naLo ngoluny'usuku. Kuyoba phakathi kokuthi kuyoba ngokulungile noma okungalungile. Futhi si—sikholwa ukuthi Liqinisile, ngenxa yokuthi liyiZwi laKho.

3 Manje, sikhulekela ukuthi Uzosipha, kulobubusuku, izicelo esizicelayo. Nezandla zethu, siyaziphakamisa, sicela izicelo. Wena ubuwazi ukuthi besidingani, nokuthi sicelani. Ngakho sikhulekela ukuthi Uzosiphendula, Nkosi, futhi siphe izifiso zenhliziyo yethu, okungukuthi, uma singasisebenzisela ukudumisa Wena. Siphe khona, Nkosi.

4 Philisa ukugula phakathi kwethu. Susa sonke isono nokungakholwa. Siphe okwaKho . . . ingxenye yezibusiso zaKho futhi, kulobubusuku, Nkosi, njengoba sizindla phezu kweZwi, nesikhathi esiphila kuso. Sibuthene ndawonye, Baba, kungesikho okwenye inhloso kodwa ukuzama ukufunda ukuthi singaphila kanjani kangcono, nokuthi siphile sisondele kakhulu kuWe. Ngokuba sibona usuku lusondela, futhi sifanele sibuthane ndawonye thina uqobo kaningi, futhi sithathe iziyalo kuWe. Siphe khona, Baba, eGameni likaJesu. Amen.

Ngiyabonga. Ningahlala phansi.

5 Ngiyazi ukuthi kufudumele kabi, nendawo yonke iminyene swi indlela engayo. Futhi ngakho siyaxolisa asinayo i . . . noma yikuphi okushayisa umoya. Futhi ngi . . . Mhlawumbe lokho kuzoba . . . Kunezinto ezimbili engifuna ukuzenzela ibandla, ngokushesha nje uma sengibuya ngendlela engifuna ngayo, uma ngibuyela emihlanganweni kahle. Ngifuna, futhi, u—upiyano, lapho oluhlezi khona *kanje*, ukuze umshayi wopiyano ezobheka ngasebandleni. Ngifuna iogani *ngapha*; nesishayisamoya. Khona–ke ngibona sengathi lokho kuzoba yikho. Futhi ngakho si . . . Sizokwethemba iNkosi, futhi sazi ukuthi Izosipha khona.

6 Ngiyakholwa, bangitshelile, uMfowethu Hickerson usanda kukukhipha nje *lokhu* kwiphephabhuku. Ukubeke phezu kwedeski lami emuva lapho. Lokho yilowomthala weziNgelosi okwiphephabhuku okwakhulunywa ngawo. Niyasibona isimo sesivivane na? Bukani Lena *ngapha*, iphiko elicijile, iphuma nesifuba saYo siqhoshile kanjalo, ngakwesokudla sami. Njengoba ngakhuluma ngikulelipulpiti elifanayo, izinyanga ngezinyanga ngezinyanga ezedlule, niyabo, Nanso. Ne*Look* maga-. . . Noma, iphephabhuku i*Life* linaKho, e—eliphuma ngoMeyi, ngoMeyi 17, ngikholwa ukuthi yilo. Kunjalo na? Eliphuma, ngoMeyi 17. UNkk. Woods ubengitshela namhlanje ukuthi abaningi bambizile futhi babuza. Lokho kukweliphuma ngoMeyi, ngoMeyi 17.

7 Yifu eliyimfihlakalo. Ifu lingamamayela angamashumi amabili-nesithupha ukuphakama namamayela angamashumi amathathu ukuvundla. Futhi yilokho esasikhuluma ngakho lapha. Yilapho iNgelosi yeNkosi eyehla khona futhi yazamazamisa indawo. Nakho konke. . . Kuzwakala kakhulu kune. . .

8 Ngiyazi kunendoda eyodwa, uma. . . Ngicabanga ukuthi, uMfowethu Sothmann, ngimbonile esikhashaneni esedlule, ndawo ndawo. Ukhona. Wayemi. . . Ya. Khona emuva *lapha*. Wayemi esondele ngenkathi kwenzeka. Ngiqagele ngangingaqhelile kakhulu kangako kuye. Ngiyambona nje, ngazama ukumvayizela. Kuphela, nganginezipopolo zakhe. Lokho, i—izilwane, lapho esasizingela khona, kune. . . Kwakungesikho kuleligquma. Manje kwaya kwelinye igquma. Ngazithola, ngakuthangi, futhi ngabatshela ukuthi abaye kuphi. Ngaya *ngapha*, lapho, uma ziza ngapha, ngiyovele nje ngidubule phezulu emoyeni bese ngizixoshela emuva ngapho, ukuze bakwazi ukuthola isilwane sabo—sabo. Ngakho, kwakuyingulube ijavelina.

9 Futhi ngakho ngawela, ngapha, futhi zazingekho. Zazingekho ngapha nangapha. Ngibone uMfowethu Fred ephuma, futhi zazingekho lapho. Wabuyela emuva, noMfowethu Norman waya ngale kwegquma. Ngase ngibuya, ngehlela egebeni elincane ngase ngikhuphuka, ngingedwa nje, cishe imayela nohhafu ngidabula ezweni elithize elimangelengele ngempela. Futhi ngangihlezi phansi futhi nje ngangiqalaza. Kwase kwenyukela emini.

Futhi ngangicosha lezo, esikubiza lapho, okungomakhandembuzi. Kuyinto efana nogudluthukela. Ngikuchutha emlenzeni webhulukwe lami, nje lona impela uhlobo olufanayo engazibona mina uqobo ngilwenza ngenkathi ngilapha nginitshela ngombono, izinyanga eziyisithupha, cishe, kungakenzeki. Ngathi, "Lokho kuyaxaka. Bukani ukuthi ngisenyakatho yeTucson ngokuphelele kanjani, ukuthi nje ukuba ngasenyakatho-mpumalanga. Kwenza. . . .

"Tucson," khumbulani, ngathi, "iningizimu-ntshonalanga encane."

Ngase ngithi, "Lokho kuyaxaka." Ngangibuka ugudluthukela, *kanje*, ngiwuchutha kwelami . . . omningi wawo, ngiwususa emilenzeni yebhulukwe lami. Uma ungakaze ube lapho, lelo yizwe eliwugwadule. Alifani naleli, nhlobo. Cishe ligqame ngokuphindwe kamashumi amabili; futhi akukhozihlahla nezinto njengoba kukhona lapha. Ngumdolofiya nje nesihlabathi.

10 Ngakho ngi—ngiwubuka nje, kanjalo. Ngavele nje ngaphakamisa amehlo ami. Futhi cishe, ngingathi, uhhafu wemayela ukusuka kimi, ngabona lonke ikhanda le . . . umhlambi wezingulube amajavelina. Aphuma ekugcineni, lapho ezazikade zidla khona amacembe. Ngase ngicabanga, "Manje, uma nje ngingahle ngithole uMfowethu Fred noMfowethu Norman aye lapho, leyo yindawo nje."

11 Futhi phambi kwakusihlwa, uMoya oNgcwele wawumangalisa kakhulu ekhempini, ukuthi Wawungitshela izinto ezazenzekile futhi zenzeka. Ngadingeka ngisukume ngisuke ngihambe ekhempini yami.

Futhi manje–ke, ngalokho kusa okulandelayo, ngangenyukele lapho. Ngase ngiqala . . . Ngathi, "Manje, uma ngingafinyelela kuMfowethu Fred, ngizomjikelezisa lentaba," okuthi akube yi—yimayela *ngapha*. Ngadingeka ngihambe cishe—cishe amamayela amabili, noma ngaphezulu, ngimthathe, mhlawumbe amathathu. Emva *ngapha*, phansi lokhu esikubiza ngomhlane wengulube, ngenyuke kanje, ngenyukele phezulu esiqongweni salezi ezimangelengele, izintaba ezicijile, bese ngigijima ngehlele *ngapha*, nginqamule bese ngiza nganeno, bese ngehla ngokuqonda *ngapha* bese ngimthatha. Khona–ke uzofanele ahambe aze ayothi ngqi phansi ekugcineni kwegquma, ukuba alande uMfowethu Norman, obekungaba mhlawumbe cishe amamayela amane noma amahlanu, bese ebuya. Futhi ngangizobeka u—uphisi omncane weKleenex engangizowulengisa o—ophisini wokuthela imidumbe lapho, ukuze ngikwazi ukuzikhombela ukuthi angiphumele kuluphi unqenqema uma sengibuya.

12 Futhi ngavele nje ngenyukela ngale konqenqema oluncane lapho okunenqwaba yedwala elicijile, futhi kuno—nomzila wezinyamazane amadiye owehla ngakolunye uhlangothi, cishe, o, amashumi amane, amayadi angamashumi amahlanu phansi kwewa. Kwakuthi akube, o, kwase kusemini, ngithi elesishiyagalombili nqo, noma elesishiyagalolunye. Wawungayicabanga into enjengaleyo, Mfowethu Fred, mhlawumbe elesishiyagalolunye nqo, okuthize na? Ngagijima ngawelela *ngapha*, ngokushesha, ukuvimba izingulube

amajavelina angangiboni. Ayingulube yenkunzi yasendle, niyazi, futhi ethusana ngempela.

13 Ngakho nga—ngaya ngale kwegquma *ngapha*, ngase nginquma, ngaqala, ngagjima ngenyuka igquma. Futhi ngangilokhu ngigijima nje, esikubiza ngokuthi, ukudledletheka kwenja. Futhi khona manjalo, lonke izwe lavele nje lezwakala. Angikaze ngikuzwe ukuqhuma okwesabeka kangaka! Kwavele nje kwazamazama, namadwala agingqika. Futhi ngezwa sengathi ngi—ngivele ngagxuma amafidi amahlanu ngisuka emhlabathini, kwakubukeka kanjalo. Nje kwa—nje kwangethusa. Ngacabanga, "O, he!" Ngacabanga ukuthi ngangidubulekile. Ukuthi omuny'umuntu . . . Ngangifake isigqoko esimnyama. Ngacabanga ukuthi ngahle ukuba bacabanga ukuthi ngangiyingulube ijavelina igijima yenyukela entabeni, omuny'umuntu wayengidubulile. Kwaqhuma kakhulu, kimi ngqo, kanjalo. Kwase kuthi–ke, khona manjalo, Into ethize yathi, "Buka phezulu." Kwakulapho. Wayesengitshela–ke, "Ngukuvulwa kwalezoziMpawu eziyisiKhombisa. Jika uye ekhaya." Ngakho, nakhu ngiza.

14 Ngahlangana noMfowethu Fred noMfowethu Norman, cishe sekuyihora kamuva, ngenkathi ngibathola. Babexhuxhuma futhi bekhuluma ngakho. Nakho. Nesayense ithi akunakwenzeka ukuba—ukuba noma yiluphi uhlobo lwe—lwenkungu kumbe noma yini iphakame kangako, inkungu ethe ngci, umhwamuko. Niyabo? Kuphela ihamba nje . . . Ngingeke ngazi. Ngi—ngi . . .

15 Thina, uma siya phesheya kwezilwandle, sihamba amafidi ayizinkulungwane eziyisishiyagalolunye. Lokho kungaphezu kweziphepho. Lokho cishe kungamamayela amane. Futhi uthi, ake sithi, mhlawumbe amamayela ayishumi nanhlanu uze ungabe usathola-mhwamuko. Kodwa lokhu ngamamayela angamashumi amabili-nesithupha, futhi lalilenga lapho usuku lonke. Niyabo? Abazi ukuthi Kuyini. Kodwa, ayibongwe iNkosi, thina siyazi.

Ngiyabonga, Mfowethu Hickerson. Ngizokugcina phezu kwedeski lami phakathi lapho. Futhi uma sibhala ibhuku, ngani, khona–ke singaba nalo.

16 Nginenothi elincane lapha enginikwe lona. Ngikholwa ukuthi kube nokwanda esibalweni sethu mhla ngigcina ukuba lapha. Ngicabanga ukuthi igama lakhe ngu—ngu . . . ngenani, igama likayise, uDavid West. Futhi nginomfo omncane lapha abafuna ukumnikela eNkosini. Kunjalo na? Ngabe bekukulobubusuku, noma bekungoLwesithathu ebusuku na? Angazi. Kune . . . Kulobubusuku na? Kuhle. Awu, kuthiwani nge . . . UnguDavid, awusuye na? Yilokho ebengicabanga ukuthi ubunguye. Kulungile. Kunjani uma umfo omncane enyuswa na?

Uma udadewethu ezoza ngapha kulolupiyano, futhi asiphe iculo elithi *Bangen'seni*. Umelusi, uma ethanda, enyukele lapha, futhi sizonikela lomfanyana eNkosini. Manje, sizama ukukugcina kungokomBhalo.

17 Lena yindodana yakho engumzukulu, Mfowethu West. Akubonakali kunokungenzeka, kuyabonakala na? Dade West, ucabangani ngalokho na? Ngabe aku . . . Uyazi ukuthi ngicabangani, nokho? Uyazi, ngingumkhulu, nami.

Kungikhumbuza ngoMfowethu Demas Shakarian. Wayemi phambi kwesixuku esikhulu sabantu. Waxova yonke into njengoba ngenza, niyazi. Wayemi lapho. Wathi, "Niyazi," wathi, "Nga—ngatshela uRose, ngezwa," lowo ngumkakhe, wathi, "ngezwa ngiba mdala kaninginingi selokhu ngaba ngugogo." Wathi, "Qhabo. Bengiqonde ugrand- . . . " Niyazi, ngi . . .

18 Awuwedwa, Mfowethu West. Kunenqwaba yabo phakathi lapha. Futhi kulungile. Ngicabanga ukuthi singabathokozela ngempela abazukulu bethu. Lokhu aku . . . Ngithemba ukuthi lokhu akuzwakali kabi. Kodwa singaba nesikhathi esiningi kakhulu nabo, ngiyakholwa, kunoma senza ngabantwana bethu—bethu. Ngabuza unkosikazi lokho, ngoluny'usuku. Wathi, "Impela. Ubathanda isikhashanyana, ubabuyisele kunina, bese uyaqhubeka."

19 Awu, nginendodana encane engumzukulu emuva lapho. Yathi, "Ubaba, uyashumayela. Ubaba, uyashumayela." Futhi bathathe umnikelo ebusukwini bangeSonto eledlule, futhi bewubeke phezu kwetafula. Bayingenisa, emuva lapho, futhi—futhi yangizwa ngemayikrofoni. Yathi, "Ubaba, uyashumayela. Ubaba, uyashumayela."

UBilly wayesethi, "Yebo, phezulu *lapho*."

Wathi, "Qhabo." Nomnikelo wasakazeka yonke indawo kwiphansi lendlu. Yayifuna ukuphuma yenyukele lapha, niyazi. Futhi ingimpompolozela njalo, niyazi, ingibona kunoma yiyiphi ingqungquthela. Iyampongoloza, "Ubaba, uyashumayela." Yayimpompoloza kakhulu ngempela. Ngakho ngiyazi bayabukeka.

Ake nisho, angazi noma bengingaziboleka yini ezinye zalezo zinwele na? Akazidingi khona manje. Ngiyazidinga. Ubani igama lakhe? [UDade West uthi, "UDavid Jonathan."—Umhl.] UDavid Jonathan. Lelo alisilo igama elihle na? Awu, ngithemba ukuthi impilo yakhe ilandela labo ethiwe ngabo. UDavide, inkosi, uDavide; yena, uKristu uzohlala esihlalweni sakhe sobukhosi; kanti futhi noJonathan, umngane othandekayo. Ngi—ngiyanitshela, bangababafo abancane abathandekayo. Siyabathokozela, kakhulu impela. Ngi . . . Uyaphaphama. Futhi anga—angampompoloza "amen" kahle njengabo bonke abanye, niyazi, ngakho asizukukuvumela nje kusikhathaze. Simnikela eNkosini.

Ngicabanga ukuthi kumnandi kakhulu, ukuba nezithandani ezisencane, uNkulunkulu abeke kuzo ukunakekela kwazo umfo omncane njengalona, futhi zizela ukuzomnikela eNkosini. Futhi uma nenza lokho, kukhombisa ukuthi ani . . . ukuthi nibuye nipha uNkulunkulu lokho uNkulunkulu anipha khona. UNkulunkulu ambusise.

Manje, uma ufuna ukumbamba, ngikholwa ukuthi mhlawumbe umama ubengambamba kangconywana kunoma bengingenza. Futhi kuthiwani ngathi sibeka izandla nje phezu kwakhe na? Ubungakuqoka ukukwenza lokho na? Isizathu, ngesaba ukuthi ngizomwisa, noma, ngingamwisi, ngimephule noma enye into ethize, niyazi. Futhi njalo ngiyesaba ukubephula, niyazi. Owami—owami . . .

UMeda wathi, emuva lapho . . . Ngicabanga ukuthi lona ngumsebenzi owodwa emsamo athi ukuba nomona kimi ngawo, niyazi. Uyathanda ukubamba i . . .

Awu, bukani lapha, uzongibuka. Ungumfo okahle. Yebo, mnumzane. Mhlawumbe bengingambamba. Ngiyamangala. O, dade, unga . . . Ngithemba ukuthi akazukuwa. Lapha, akabukeki lowo na? Lokho kubukeka? Sawubona? Awu, manje, kumnandi.

Asikhothamise amakhanda ethu.

Nkosi Jesu, eminyakeni eminingi edlule, ngenkathi ubuKristu buzalwa esimweni soMuntu othiwa nguKristu, uMesiya ogcotshiwe, uJesu kwakuyiGama laKhe. Abantu baletha abantwana babo abancane abasancela kuYe, ukuba Abeke izandla zaKhe phezu kwabo futhi ababusise. Wayesethi, "Vumelani abantwana abancane beze kiMi, futhi ningabenqabeli, ngokuba uMbuso weZulu ungowabanjalo." Lezizithandani ezincane ezithandekayo, ogogo nomkhulu babo nabo bebengabalandeli beqiniso beZwi.

Nkosi Jesu, ngiletha, futhi ngibambe kuWe, kulobubusuku, umelusi nami, loDavid Jonathan West othandekayo omncane. Ngimnikela kuWe, esuka kumama nobabayi. Ngimethula kuWe, Nkosi, ukuba aphile, abe namandla, impilo ende yenkonzo, ukudumisa uNkulunkulu uSomandla, Owamletha kulelizwe. Kwangathi izibusiso zikaNkulunkulu zingaphumula phezu kwakhe. Kwangathi uMoya oNgcwele ungaphumula phezu komntwana. Uma likhona ikususa, kwangathi angathwala iVangeli abazali bakhe nogogo nomkhulu abalazisa kangaka namhlanje. Siphe khona, Nkosi. Manje, eGameni likaJesu Kristu, ngiKunika lomntwana, ekunikelweni kwempilo yakhe. Amen.

Ngikholwa ukuthi bafuna ukuthatha isithombe somfo omncane. [Ikhamera ithi qhafa—Umhl.] ngigxumile, nami.

UNkulunkulu akubusise, dade. Kwangathi ungayithanda njalonjalo futhi uyazise iNkosi uJesu, nomfo omncane

akhuliswe ngomyalo kaNkulunkulu, futhi nibe nomfanyana oyisimangaliso. Ngiqinisekile. UNkulunkulu abe nawe.

Ngikholwa ukuthi uwise idemkhohlisa yakhe encane? Bayitholile na? O, he!

Manje asicule leloculo elincane, *Bangen'seni*. Wonk'umuntu, kanyekanye manje, elomfo omncane. Kulungile, dade.

Bangen'seni, bangen'seni,
Lethani abancinyane kuJesu.

20 Angizazi izandla ezingcono ukubafaka kuzo. Ninazo na? Izandla zeNkosi uJesu!

21 Manje, ngiyazi kuyashisa phandle lapho. Ngifuna ukusho kumlindimnyango, umfowethu, uDoc, noma omunye, bona uyakunakekela. Abanye bodade bangcolisa iziketi zabo ku—kugrisi osesihlalweni. Bangaki abanawo omunye wawo kubo na? Ngiyazi, nango umkami, amadodakazi ami amabili, uBetty Collins, uNkk. Beeler, abanye babo. Kuyinto ethize, ugrisi lapho. Uma uwubona, Doc, uma ungaphumelela. Ungukuthi, ngiyakholwa, yilapho aba . . . Ngugrisi noma upende, noma into ethize, khona lapho besebenza khona phansi-phezulu, izihlalo. Futhi akunjalo na? [UMfowethu Edgar "UDoc" Branham uthi, "Akukho-grisi kubo, ukusuka kuwo."—Umhl.] Awu, a—angazi ukuthi kuyini, ke. Into ethize nje engi . . . Kushiwo kimi, futhi ngithe ngizokusho ku—kuDoc. Kulungile.

Manje, umhlangano womkhuleko wangoLwesithathu ebusuku. Ukhona omunye na? Nimemezele na? Nizifakile izimemezelo zenu, Mfowethu Neville na? Izimemezelo zonke zifakiwe.

22 Manje, uma iNkosi ithanda, ngeSonto elizayo ekuseni, ngifuna ukukhuluma ngendaba yokusibeka icala lesisizukulwane ngokubethela uKristu. Wena uthi, "Lesisizukulwane sasingeke sikwenze." Sizothola ukuthi ngabe bakwenza, noma qha, ngokweZwi. Manje, ngeSonto elizayo ekuseni, uma iNkosi ithanda. Uma, manje, uma—uma—uma into ethize yenzeka . . .

23 Ngifanele ukuba seHouston kuleliviki, futhi, engqungqutheleni, lokho kungithatha kuze kuyoba yiSonto, ngakho angazi noma ngiyokwazi noma qha. Kodwa sinamaSonto amanye athi awabe mabili ukudlala kuwo, ngaphambi kwakho, empeleni. Bese–ke siya eChicago ngemvuselelo, noma umhlangano eChicago, iviki lokugcina kulenyanga. Ngizobe–ke sengithatha umndeni ngiwubuyisele eArizona, ngokuba—ngokuba iholide labo seliphelile nabantwanyana kufanele babuyele esikoleni.

24 Manje, bangaki abakujabulele ukufundwa kweZwi, nezibusiso zeNkosi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Sonke siyakujabulela, kakhulu impela.

25 Manje, kuyashisa, futhi ngiyazi abanye benu ubuyela ekhaya kulobubusuku. Ngiyazi uMfowethu Rodney noCharlie, nabo, uzoshayela izindlela ezinde. Futhi awume kancane, useholidini, awukho na? Awu, ngiyezwa uya kodoba.

"INkosi ayisabeli isikhathi kumuntu uma edoba. Awubi mdala ngenkathi usadoba." Ngakho, manje, nina mantombazane hambani nabo. Niyabo? Futhi ngizokwehla nginijoyine, uma ngingaphumelela. Futhi niyazi, "INkosi elungileyo," bathi, "ayisabeli isikhathi kumuntu uma ephumile edoba." Yaba ngaso uma u—uma uzizwa usonteke konke. Kuyinto enhle ukwedlula zonke ukuziphumuza kuyo, ngaze ngathola empilweni yami, ngukuyodoba.

26 Nganginekhadi elincane, ngesinye isikhathi, elivela kuMnu. Troutman. Ukhona oke akhumbule uMnu. Troutman, inkampani ka ayisi eNew Albany na? Wayenekhadi elincane phezu kwalapho, lathi, "Ngiphumile ngiyadoba." Wayeseqhubeka, uthi, "Umuntu one . . . Wonke umuntu, abafowabo, baphumile bayadoba. Nesandla esisizayo, njalo bayobamba, bephumile bedoba." Wayenezinto ezehlukene ezithi azibe yisishiyagalombili noma ishumi. Kwase kuthi–ke esefike phansi ekugcineni, wathi, "Umuntu useduzane kakhulu kukaNkulunkulu uma ephumile edoba." Ngakho ngicabanga ukuthi lokho kuthi akube njalo. "Abacebile nabampofu bonke bayafana, bephumile bedoba." Niyabo? "Isandla esisizayo, uyohlala njalo ebamba, ephumile edoba." Futhi yonke into yayimayelana nokuthi, "Ngiphumile ngiyadoba."

27 Awu, ngizonitshela okunye ukudoba ekade ngikwenza cishe iminyaka engamashumi amathathu-nantathu edlule, bekungukudoba imiphefumulo yabantu. Kwangathi iNkosi ingasisiza ukuba sizuze bonke esingabathola.

28 Manje, kulobubusuku, lokhu kuyaqopha. Manje, kulokhu ukusa, (uma uJim ekhona, noma eqopha), ngi—ngiyacabanga, eteyipini, omunye unginakise khona, ngathi, "Uphumo lwesibili." Bengingaqondile *olwesibili*. Kungukuthi, "Uphumo lwesithathu."

UMoya oNgcwele esimweni seNsika yoMlilo, uNkulunkulu ehla ngokubonakaliswa, wakhipha uphumo lokuqala, na—nasemuva e . . . wakhipha uIsrayeli eGibhithe.

Uphumo lwesibili lwalunguKristu ekhipha iBandla ebuJudeni.

Futhi, *UPhumo Lwesithathu*, kungenkathi iNsika yoMlilo efanayo ithatha uMlobokazi ebandleni. Niyabo? Aphume kokwemvelo; aphume kokomoya; nowokoMoya uphuma kokomoya. Okuthathu, niyabo, elokoMoya liphuma ebandleni, njalo. Manje–ke sithola okuthathu, iminyaka emithathu yakho.

29 Manje, kulobubusuku, bengifuna ukwenza enye iteyipu, naleyo ibibizwa ngokuthi: *Impilo yaKho Ilifanele IVangeli na?*

Mhlawumbe ngeke kuthathe isikhathi eside kakhulu. Awu, eminye imiBhalo nje namanothi enginawo lapha, kodwa kuqala sifuna ukufunda iZwi likaNkulunkulu. Singakakwenzi lokho, sikhothamisa izinhliziyo zethu nje kuYe umzuzwana nje.

30 Nkosi Jesu, noma yimuphi owesilisa, ngokomzimba, noma owesifazane, noma umntwana, angawaphenya amakhasi aleliBhayibheli, kodwa akekho ongaLembula kodwa Wena. Ngiyakhuleka, Nkosi, ngokuthatha lendikimba njengoba ibekwa phezu kwenhliziyo yami ukuthumela phandle ezizweni, wenzelwe abantu, ukuze bazi ukuthi hlobo luni lwempilo edingwa kubo ukuze baphile. Ngokuba, baningi kakhulu ongibuzile, "Ngabe ukuPhila komKristu kungukuphila kwenkonzo yebandla na? Ngabe kusiza abampofu, abadingayo na? Noma ngabe yilunga lanjalonjalo na? Ngabe kungukwethembeka okwethembekile ebandleni na?" nemibuzo enjengaleyo. Baba, kwangathi impendulo eyiyona ingafika kulobubusuku, ngalamazwi, njengoba senza umzamo uku—ukubaletha kubantu. EGameni likaJesu Kristu, siyakucela. Amen.

31 Manje phenyani emaBhayibhelini enu, eNcwadini kaLuka oNgcwele, futhi sizoqala esahlukweni 14 nevesi 16, ukufunda eminye imiBhalo okwezisekelo, okwesendlalelo, ngokwalokhu ukuthi sizozama ukwabela cishe imizuzu engamashumi amathathu kuya kwengamashumi amane. Manje, ivesi 16 lesahluko 14 sikaLuka oNgcwele.

> *Kepha wathi kuye, Umuntu othile wenza idili elikhulu, wamema abaningi:*
>
> *Ngesikhathi sedili wathuma* izinceku *yakhe ukuba isho kwabamenyiweyo ukuthi, Zanini; ngokuba—ngokuba sekulungisiwe konke.*
>
> *Kepha bonke baqala ukuzilandulela* nganhliziyonye. *Owokuqala wathi kuye, ngithengile insimu, kuswelekile ukuba ngiye ngiyibone; ngiyakuncenga: mawungilandulele.*
>
> *Omunye wathi, ngithengile* inkabi *eziyishumi, sengiya ukuzilinga: ngiyakuncenga mawungilandulele.*
>
> *Omunye wathi, ngithathile umfazi, ngalokho ngingeze.*
>
> *Isibuyile inceku, yabika lokhu enkosini yayo. Khona umninindlu wathukuthela, wathi encekwini yakhe . . .*

Qaphelani, akusizo *izinceku*. "Inceku."

> . . .*Khawuleza uye emigwaqweni nase*mncingweni, nemizi, *ungenise lapha abampofu, nezilima, nezinyonga, nezimpumputhe.*
>
> *Yathi inceku, Nkosi, sekwenziwe ngokuyala kwakho, kepha isekhona indawo.*

*Yathi inkosi encekwini, Phuma uye ezindleleni nasezintangweni, ubacindezele bangene, ukuba igcwale indlu yami.*

*Ngokuba ngithi kini, Ayikho neyodwa yalawomadoda abemenyiwe eyakulizwa idili lami.*

32 Manje, niqaphelile, kwakunemidonso emithathu, noma amathuba amathathu, alo na? Ngenkathi ziphuma, kuqala, futhi zabiza kubo lokho okwaku. . . noma abamenywa ukuba beze, futhi abakwenzanga. Ngakho kwaphuma umkhankaso wokuphilisa, zaphuma ukulanda izimpumputhe nezinyonga. Futhi yayisalokhu ikhona indawo, ngakho yaphuma yase icindezela abalungileyo, ababi, nabanganaki; bafanele bangene.

33 Manje, fundani omunye umzekeliso walokhu, into ethi ayifane nakho, kuMathewu 22:1 kuya kwele 10, uma ningathanda ukukufunda, kamuva. Kodwa ngi—ngidonse lendaba lapho: *Impilo Yakho Ilifanele IVangeli na?*

34 Manje, uJesu lapha uyasho. . . Umuntu njalo ubezama ukwenza izaba, ukuba angemukeli iZwi likaNkulunkulu lesimemo saKhe. Nakuba lifakaziswe ngokugxilile kubo, ukuthi yi—ukuthi yiDili laKhe nesimemo saKhe, kodwa umuntu njalonjalo enza izaba. Futhi uma ufunda uMathewu-oNgcwele 22, uzothola ukuthi izaba zenziwa lapho, futhi. Futhi—futhi bazama. . .

35 Kwabuyela emuva kuyo yonke iminyaka. Kwabuyela onyakeni, futhi kwathi indoda yabamema, ine—nesivini. Futhi siyawuthola lowomfanekiso. Nokuthi yazithuma kanjani izinceku zayo ukuba ziqoqe kulesisivini. Inceku yokuqala iyafika, benzani na? Bayixosha. Inceku elandelayo iyafika, nayo bayikhanda ngamatshe. Futhi baxosha inceku emva kwenceku; amadoda anonya. Inkosi yathumela, ekugcineni, indodana yayo. Futhi ngenkathi indodana yayo ifika, siyathola, ukuthi, "Bathi, 'Lena yindlalifa. Sizoyibulala, sizoba–ke nazo zonke izinto.'" UJesu wayesethi–ke kubo, "Inkosi yathuma futhi yababulala labobabulali, futhi yashisa imizi yabo."

36 Manje, siyabona, uma uNkulunkulu enika umuntu isimemo, nokwenza into ethize, noma ukwemukela isimemo Amnike sona, bese esenqaba, khona–ke akusekho okusele, emva kokuba isihawu sesideleliwe, kodwa ukwehlulelwa. Uma weqa imincele yesihawu, khona–ke yinye kuphela into esele, nalokho ngukwehlulelwa. Futhi sithola ukuthi lowomuntu ukwenzile lokho kuyo yonke iminyaka. Kwenzekile, cishe impela yonke iminyaka, eBhayibhelini.

37 Ngenkathi uNkulunkulu ethuma uNowa, inceku yaKhe, futhi wenza indlela yokuphunyuka kwabo bonke abantu ababefuna uku—ukusindiswa. Kodwa abantu kuphela bahleka futhi bamklolodela uNowa. Kodwa uNkulunkulu wenza indlela, kodwa babenezaba. Kwakungahambisani nendlela yabo—yabo

yesimanje yokucabanga. Akuzange ku . . . Kwakungesiyo indlela ababeyifuna, ngakho benza izaba ngezinsuku zikaNowa.

38 Benza izaba ngezinsuku zikaMose. Benza izaba ngezinsuku zikaElija. Benza izaba ngezinsuku zikaKristu. Futhi benza izaba namhlanje.

39 Manje, Yena ekhuluma ngqo kuIsrayeli, labo owabizelwa emkhosini, engizolibhekisela futhi kubantu namhlanje, ibandla, elimenywe ukuba lize emkhosini, futhi aliyikukwenza, idili lokomoya leNkosi. Futhi abayikukwenza. Abafuni ukukwenza. Banezinye izinto ukuba bazenze. Bathola izaba.

40 Manje, ukuba uIsrayeli, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili eyedlula, wayemukele isimemo ababenikwe sona, ngabe abenjengoba benjalo namuhla. Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili edlule, uIsrayeli wasenqaba isimemo ukuba eze edilini lomshado, futhi basenqaba futhi baya ekwahlulelweni. Kodwa, njengoba uJesu asho, bakhanda ngamatshe futhi babulala abaprofethi abathunyelwa kubo, ngokwenza izaba, manje, izaba ababezenza osukwini ngosuku.

41 Siyathola, ngezinsuku zikaJesu, ukuthi Aka—Akangenanga phansi kwanoma yimuphi wabo. Bathi, "LoMuntu wakutholaphi lokhu ukufunda na? Uvela kusiphi isikole na? Lona Akasiyo iNdodana yombazi na? Umama waKhe akathiwa nguMariya na? Ngabe abafoWabo, uJose noJames, kanjalonjalo na? Futhi odadeWabo abanathi na? Pho loMuntu ulithathaphi leligunya ukwenza lokhu na?" Niyabo? Ngamany'amazwi, Akangenanga phansi kwabo. Ngakho bathi, "UnguBelzabule. UngumSamariya. Unedemoni, futhi Uyahlanya. Uyi—Uyi . . . UnguMuntu onomoya omubi, emgqeni wezenkolo, futhi uMhlanyisile. Futhi yilokho. Uphandle lapho njengendoda yasendle. NingaMnaki." Futhi siyazi ukuthi kwenzekani kuIsrayeli. Futhi badazuluka. Babeqiniseke kakhulu ukuthi lowoMuntu wayenephutha, kwaze kwathi, o, baMlahla ngecala. Wathi, wathi, "IGazi laKhe malibe phezu kwethu naphezu kwabantwana bethu." Futhi Belilapho selokhu kwasukela lapho.

42 UJesu wayezama ukubatshela ukuthi izaba zabo kwakuyilokho okwabulala abaprofethi, nalokho okwabulala abalungileyo abezayo. Bemukela izivumokholo zabo umuntu ayebanike zona, esikhundleni sokuthatha iZwi likaNkulunkulu. Futhi, ngokwenzenjalo, balenza ize iZwi likaNkulunkulu.

43 Manje, kuphakathi kokuthi uzosho, kulokhu, ukuthi *Lena* yintando kaNkulunkulu nesifiso sikaNkulunkulu, noma kumbe enye into ongayiqhamukisa, engcono kunaleyo Lena eyikho. Manje, uzofanele uthathe eyodwa noma enye. Ungeke wakhonza uNkulunkulu nomamona. Futhi ufanele uthi, "Leli yiQiniso," noma "Leyo yingxenye yeQiniso," noma "Alisilo lonke iQiniso," noma "Alihlanganisiwe kahle," noma "Alihunyushiwe kahle."

NeBhayibheli lasho, ukuthi, "IZwi likaNkulunkulu alichasiswa ngumuntu ngokwakhe." Akekho omunye ofanele ukubeka ukuhunyushwa kuLo, Lilotshwe nje ngendlela uNkulunkulu afuna Lihunyushwe ngayo. Lokho nje Elikushoyo, Lokho, yilokho okufanele kube yikho. Lithathe nje ngendlela Elasho ngayo, indlela Elilotshwe ngayo phansi Lapha.

44 Manje, bemukela izivumokholo zabo. Bazenza ize izithembiso zikaNkulunkulu kubo. Bayaledlula Lelo. Bayokweqa kuLo.

45 Manje, ukuba iRashiya yayemukele isiBusiso sephentekoste, iminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu eyedlula, ngenkathi uMoya oNgcwele wehlela eRashiya, ngabe abanawo amakhomanisi namhlanje. Manje, iminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu eyedlula, babenemvuselelo enkulu eRashiya. UNkulunkulu wafika phakathi kwabo, babenezimvuselelo ezinkulu, le ukuyongena eSiberia. Futhi benzani na? BaSenqaba. Futhi namhlanje, izwe alisekho, namabandla angeke aba nendlu yokukhonzela, kuphela ngaphansi kwemvume. Futhi bonke balahlelwe ekwahlulelweni. Uchezukele kulokhu ukutetema kwasendle kobukhomanisi; bazithengisela kuDeveli.

46 Iminyaka engamashumi amahlanu eyedlula, uMoya oNgcwele wehlela eNgilandi. Emva nje kwalokho kufika uGeorge Jefferies, noF.F. Bosworth, noCharles Price, uSmith Wigglesworth, lawomaqhawe amakhulu okukholwa, iminyaka engamashumi amahlanu eyadlula, futhi banikela iNgilandi imvuselelo kaMoya oNgcwele. Kodwa benzani na? Babahleka, babafaka ejele, bababiza ngohlanya, bacabanga ukuthi babelahlekelwe yizingqondo zabo. Amabandla abalela abantu ukuba beze babezwe. Futhi baphilisa abagulayo, futhi bakhipha amademoni, futhi benze imisebenzi emikhulu. Futhi ngenxa yokuthi iNgilandi, njengesizwe, yenqaba iVangeli, izono zayo—zayo saziwa izwe lonke jikelele. Kul'khuni ukuba ne—nesinye futhi isizwe esingumhlubuki kulo lonke izwe, ngisho kubandakanya neRoma neFransi, kuneNgilandi. Ingunina wokuhlubuka. Khona lapho uFinney namaningi amadoda amakhulu ashumayela, e—eHaymarket, noCharles G. Finney, noWesley, futhi kwehle njalo, futhi yaWenqaba.

47 Futhi manje, ngisho nangeviki eledlule, noma amabili, emaphepheni, niyathola lapho amadoda abo amakhulu enze buthakathaka kakhulu o—cansini lwabesifazane, kuze kungene izinhloli. Nenduna yabo yathola abanye abaningi babo. Iphephabhuku belikuqukethe. Isono sabo sehlazo, khona impela kuhulumeni wabo, kuhlwanyele igama labo elihlazisayo ezweni lonke. Ngani na? Yenqaba iQiniso. Yaba nezaba zalo, futhi isiphelile. INgilandi isiguguleke yonke, ngoNkulunkulu, kudala. Uma . . .

48 IMelika, iminyaka eyishumi nanhlanu eyadlula, ngenkathi imvuselelo enkulu yokuphilisa iqhubeka kusukela ephentekoste, yabhobokela esizweni, futhi kwabakhona izimvuselelo ekomkhulu, eWashington, DC. Omongameli, amaphini omongameli, abantu abakhulu, ababusi; izinto ezinkulu zenzekile, ababusi na—namadoda basindiswa. Njengo, Congressman Upshaw wayekade ekhubazekile i—iminyaka engamashumi ayisithupha-nesithupha, futhi babengenakuphendula ubuso babo bese bethi kwakungenjalo. Kwakuphambi kwabo ngqo, kodwa baKwenqaba.

49 Futhi, kulobubusuku, yingalesosizathu lesisisizwe sihlala. Silahliwe. Alisekho ithemba laso, nhlobo. Sesinqamule umugqa phakathi kokwahlulelwa nesihawu. Futhi sikhethwe kulokho esinakho lapha, ukulawula isizwe. Futhi sibolile, kuze kuyofika emnyombweni. Ezombusazwe zaso sibolile. Izimilo zokuziphatha kwalesisizwe kuphansi kunoma yini engingacabanga ngayo. Nenqubo yaso yezenkolo ibole ukwedlula izimilo zokuziphatha. Siba, ekwenzeni lokhu, manje sesizijoyinele sona, onke lamabandla, nawesizwe, kumfelandawonye wamabandla, futhi sesithathe uphawu lwesilo. Into enje pho! Ngani na? UKristu ubanika ithuba, "Wozani emkhosini waMi," umkhosi wephentekoste, okusho "amashumi amahlanu."

50 Ngenkathi uMoya oNgcwele uthululwa phezu kweRashiya, babizelwa emkhosini wephentekoste, umkhosi wokomoya, futhi baWenqaba. INgilandi, uMoya oNgcwele wathululwa phezu kwabo, futhi baWenqaba. IMelika, uMoya oNgcwele wathululwa phezu kwabo, futhi baWenqabile.

51 Wamema kathathu. Kathathu, Wathumela, futhi abawulalelanga umkhosi. Wayesethuma futhi, Wayesethi, "Hamba futhi ucindezele labobantu ukuba beze. Itafula lizofanele lidekwe. Itafula selilungile. Isekhona indawo." Futhi ngikholwa, ukuthi, mhlawumbe, mhlawumbe phakathi nezinyanga ezimbalwa, noma okuthize, noma unyaka, noma ngabe kuyini, uNkulunkulu uzothumela okunye ukuzamazama izwe lonke, ngokuba usekhona omunye lapho, ndawondawo, oyiMbewu emiselwe ngaphambili, ukuKhanya okuzowela phezu kwayo, ndawondawo, ndawondawo ezweni. Isizwe, qobo lwaso, asisekho.

52 Ngangibuka kwiphephabhuku i*Life* kuleliviki; ezansi e, awu, ezansi eLittle Rock, ngoluny'usuku, noma, njalo, eHot Springs. Futhi lapho ngabona, ngikholwa ukuthi kwakungumbusi wasesifundazweni saseNew York, noluny'uhlobo lomhhunduli wezingubo ngale eHonolulu, edansa nalo, manje. Futhi lapha, ngaphansi kwalokho, kwakungenye indoda enodumo. O, ihlazo elinje pho! Bukani isizwe sethu namhlanje. Bukani isimo sesizwe sethu—sethu. Bukani lapho esiye khona, ukuthi sicwile kanjani.

53 Bukani izinqubo zenkolo yethu namhlanje. Kungaba kanjani ukuthi amabandla angake aze angene esimweni akuso manje na? Yingoba enqabe futhi ala uMlayezo kaNkuunkulu, isimemo sokuza emkhosini. Ubungayibiza impilo enjalo ngokuthi ifanele iVangeli na? Ubungayibiza impilo, ebingahlala futhi ivumele abantu bawo—bawo ukuba benze izinto, ukuba babheme osikilidi na?

54 Ngoluny'usuku, ezansi lapha, ebandleni elithize, ithimu encane yeligi yayidlala ezansi lapha epaki, nomfanyana kas'bali ungumphonsi wenye yamathimu. Futhi ngakho wayephandle lapho ephonsa, futhi kwakukhona iligi yebandla idlala. Futhi kwakukhona umelusi, nalababafo abancane phandle lapho enkundleni, bedlala. Nomelusi wayebhema usikilidi emva kasikilidi, webandla elakhelene ngempela khona lapha ngakithi. Futhi ungathini nje indoda. . . Futhi ngisho nabantu behlezi ezethamelini bakuqaphela. Kodwa kuba njalo ngangokuthi abakunaki ngisho nokukunaka.

55 Ibandla elithize elikhulu, ibandla lamaBaptisti, engilaziyo, lidedela ibandla liphume kuSonto'sikole, imizuzu eyishumi nanhlanu eyengeziwe, ukuze umelusi nabo bonke bakwazi ukuma ngaphandle futhi babheme, ngaphambi kokuba babuye bangene ukuba bazokhonza umsebenzi weNkosi. UJohn Smith, umqambi walelobandla, wakhuleka kanzima kakhulu, ukuthi uNkulunkulu athumele imvuselelo, amehlo akhe aze avuvukala avaleka ebusuku, nomkakhe wadingeka amhole eya etafuleni futhi amfunze ngesipuni. Uma. . . Leyondoda ibiyoguquka ethuneni layo ukuba yayazi ukuthi lelobandla lase lingene kulesosimo. Kuyini na? Bamenywa ukuba beze, futhi bakwenqaba. Yileyonto kuphela. Futhi niyakhumbula, uJesu washo, phakathi lapha, ukuthi, "Labo abamenywayo, futhi bakwenqaba, abalinambithanga idili laKhe."

56 Nxa uNkulunkulu ethuma uMoya oNgcwele futhi ungqongqotha emnyango womuntu, futhi aWenqabe ngamabomu, ngesinye isikhathi uzoWenqaba sekuyisikhathi sakhe sokugcina, khona–ke awuyikuba luhlobo olunenhlanhla. Ungahlala ebandleni futhi ulalele iVangeli, futhi uvumelane neVangeli. Ungahle wenze okukhulu kangaka njengokuthi, "Ngiyazi Liqinisile," kodwa ungawubeki neze umunwe kuLo, ukuLisiza, wena uqobo. Uyabo? UyaLilalela nje, ngoba uthi, "Ngiyalikholwa ukuthi Liqinisile." Lokho kungukuzwelana nje naLo.

Bengingathi, "Ngiyakholwa ukuthi *lokho* ngamadola ayizinkulungwane eziyishumi." Lokho akusho ukuthi nginawo. Niyabo? Bengingathi, "*Lawo* ngamanzi amnandi abandayo," kodwa ngale ukuwaphuza. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

Nalokhu ngukuPhila okuPhakade. Futhi ukwala ukukwenza, ngoluny'usuku uyonqamula umugqa phakathi kokwahlulelwa nesihawu, khona–ke awuyikuba nenhlanhla yokuza futhi uKwemukele.

57 Kinina bantu eniza lapha. Anginasibopho ngalabo aba . . . noma—noma abanye abefundisi engikhuluma kubo. Kodwa, uma Liqinisile, niKukweleta impilo yenu. Yini enye ebeningaze niyithole, ebingaba yinzuzo kakhulu kini, kunokwazi ukuthi ningaba nokuPhila okuPhakade na?

58 Ukuba–ke benginikezana ngamaphilisi angamagobongwana lapha, ukuthi, afakazelwe ngokwesayense, afakazelwe ngokwesayense ukuthi leliphilisi eliyigobongwana belingakwenza uphile iminyaka eyinkulungwane na? Awu, bengi—ngingadingeka ngithole umbutho wezempi phandle lapha, futhi ngiwuphethuzise usuke endaweni. Ubungeke uwenzele ukubizela ealtare. Ufanele nje ubashaye basuke kukho, ukuphila iminyaka eyinkulungwane.

Futhi, nokho, kufakazelwe ngokwesayense ukuthi uNkulunkulu oPhakade, onke amandla aKhe okuvuka kwaKhe, akwethembisa ukuPhila okuPhakade, noSathane uyobeka olegiyona bakhe phandle lapho futhi akuvimbele kuKho. Niyabo? Nokho, ungabuka, futhi ube ngohluze ngokwenele ukuba ubuke ebusweni baKho bese ubona ukuthi Kuqinisile, kodwa bese–ke uKwenqaba. Uyabo?

59 Into ethize, uhlobo oluthize lwezaba. "Kushisa kakhulu. Ngikhathele kakhulu. Ngizokwenza, kusasa." Nje uhlobo oluthize lwezaba, yilokho kuphela abakwenzayo. Ngokwenqaba usuku lwesimemo, kukwehlukanisa noNkulunkulu.

60 Manje, siyaqaphela. Futhi, eTestamenteni eLidala, babenalokhu ababekubiza ngonyaka wejubili. Lokho kwakungenkathi bonke abantu, owayeyizigqila, ababengahamba khona bakhululeke uma sekukhale ijubili. Bese kuthi–ke uma umuntu engaphumanga, uma kwakukhona izaba ezithize ayengazinikeza, ukuthi wayengafuni ukubuyela ezweni lakhe, khona–ke wayedinga ashaywe uphawu endlebeni, ngosungulo, ngasensikeni yethempeli. Bese kuthi–ke akunandaba ukuthi mangaki amajubili afikayo, lowomuntu wayesethengisiwe. Wayengasophinde abuye njengesakhamuzi kwaIsrayeli, nhlobo. Wenzani na? Wenqaba isimemo sakhe. Wayengadinge kukhokha lutho. Isikweletu sobugqila bakhe sase siphelile. Umndeni wakhe wawukhululekile. Wayengabuyela emuva ngqo ezweni lakhe lendabuko futhi athathe ifa lakhe uqobo. Kodwa uma wayenqabile ukukwenza, khona–ke wayengasabelwe kanye noIsrayeli, nefa lakhe lalinikwa omunye.

61 Manje, into efanayo kokwemvelo isebenza kokomoya. Ukuthi, uma thina, njengezindlalifa zokuPhila okuPhakade, futhi sizwa iVangeli futhi sazi ukuthi Liyiqiniso, futhi

siLenqabe, futhi senqabe ukukwenza noma ukuLilalela, sithatha uphawu lwesilo.

62 Manje, omunye wathi, "Manje, kuzoba no—nophawu lwesilo, luzofika ngoluny'usuku." Ake nginitshele. Seluvele lufikile. Niyabo? Uthi nje uMoya oNgcwele ungaqala ukwehla, uphawu lwesilo luqala ukuthatha indawo. Niyabo?

63 Ninezinto ezimbili kuphela. Enye yazo, ingukuthi, uYemukele, uthathe uPhawu lukaNkulunkulu. UkuLwenqaba, kuthatha uphawu lwesilo. Ukwenqaba uPhawu lukaNkulunkulu kungukuthatha uphawu lwesilo. Wonk'umuntu uyaqonda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ukwenqaba uPhawu lukaNkulunkulu kungukuthatha uphawu lwesilo. Ngokuba, iBhayibheli lathi, "Wonke lowo owayenganamekiwe ngoPhawu lukaNkulunkulu wathatha uphawu lwesilo."

64 Ngenkathi icilongo likhala, nabo bonke ababefuna ukuhamba bakhululeke babengahamba. Labo ababengafuni, wayeshaywa uphawu.

Manje, niyabo, uphawu lwesilo, uma sikhuluma ngalo ngenkathi ezayo, kungenkathi lapho luzobonakaliswa, ngenkathi usuqonda ukuthi luyilokho osuvele ukwenzile. Uyabo? Futhi unjalo noMoya oNgcwele, Uzobonakaliswa. Uma sibona iNkosi uJesu eza enkazimulweni, futhi siwezwe lawomandla okuguqulwa isimo, futhi sibone abafileyo bevuka bephuma ethuneni, futhi sazi, ngokuba kude ngomzuzwana, siyoguqulwa futhi sibe nomzimba onjengowaKhe. Uyobonakaliswa. Manje–ke, ukubona labo abaWenqaba, bayoshiywa phansi, ngaphandle.

65 Akashongo yini uJesu ukuthi izintombi zaphuma ukuhlangabeza uKristu na? Ezinye zazo zozela zalala, umlindo wokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, kuya emlindweni wesikhombisa. Kodwa, emlindweni wesikhombisa, kwase kufika umsindo, "Bhekani, uMyeni uyeza. Phumani niye ukuMhlangabeza." Nalezo ezazilele, zavuka. Wonke unyaka emuva, kuya ePhentekoste, zavuka. Niyabo? Kusukela onyakeni wesikhombisa, unyaka webandla wesikhombisa, emuva le kudabule njalo, zavuka. Nalezi ezazikulonyaka webandla, ziphila, zaguqulwa. Futhi zangena.

Ngaso impela isikhathi ezangena ngaso, intombi elele iyafika yase ithi, "Sifuna ukuthenga awenu amaFutha."

66 Kodwa zathi, "Sinanele thina nje. Hambani niye kwabaWathengisayo."

"Futhi kwathi zisazama ukwemukela lamaFutha, uMyeni wafika." Asikaze sibekhona isikhathi emlandweni wezwe, ukuthi ama Episcopalian, amaBaptisti, amaMethodisti, amaPresbyterian . . . Amaphepha agcwele. Amaphepha ezenkolo adumisa uNkulunkulu, ukuthi lezozintombi ezilele manje

zizama ukwemukela iphentekoste, zizama ukwemukela uMoya oNgcwele. Futhi abantu abaqondi yini ukuthi akuzukwenzeka, ngokweZwi likaNkulunkulu na? "Kwathi zisazama ukubuya, uMyeni uyafika wayesethatha uMlobokazi. Futhi zaphoswa ebumnyameni obungaphandle, ukuba zahlulelwe," ngoba zenqaba isimemo sazo.

67 Bonke abantu bayamenywa ukuba beze. UNkulunkulu, kuyo yonke iminyaka, uthumele ukuKhanya kwaKhe, futhi Kwenqatshiwe.

68 Futhi, manje, namhlanje akukho kwehluka kunoma yiluphi oluny'usuku, ukwenqaba usuku lokuhanjelwa. Nxa uNkulunkulu enza ukuhambela kulo iBandla nakubantu, Kwemukeleni ngaleyonkathi. Ningakuyekeli kuze kube ngunyaka ozayo, imvuselelo ezayo. Yilelo ihora, "Namuhla lusuku lwensindiso."

69 Futhi khumbulani, uNkulunkulu akakaze athumele uMlayezo, kunoma yiluphi usuku, kodwa lokho AKuqinisekisa ngokungaphezu kwemvelo. UJesu wathi, qobo lwaKhe, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona–ke ningaNgikholwa. Kodwa uma Ngenza imisebenzi, kholwani yimisebenzi uma ningenakukholwa yiMi," futhi uma nikubona kusika ngokucacile futhi—futhi kubonakaliswa.

70 Manje isikhathi sesifikile ukuthi liLenqabe, khona–ke libholwa indlebe, khona–ke alisoze laLizwa. Manje lizithatha lona liziyisa kumfelandawonye wamabandla, ukuba liyongena ngqo ukuba lithathe uphawu lwesilo.

71 "Okunye kokuzimisela okukhulu," omunye unginika iphepha manje nje, lophapha omusha uthe, "ngukuhlanganisa amabandla ndawonye." Bayokwenza nje ngokuyikho impela nje njengoba ngimi lapha. NamaProtestane ayathatheka kukho. Niyabo? Ngoba, ibandla . . . IBhayibheli lathi, uPawulu, umprofethi weNkosi, wathi, "Lolosuku aluyikufika kungakafiki ukuhlubuka, kuqala, bese kuthi–ke i . . . ngaphambi kokuba umuntu wesono ezokwembulwa. Lowo ohlezi ethempelini likaNkulunkulu, eziphakamisa, konke lokho okungaphezu kukaNkulunkulu; yena, njengoNkulunkulu," eththelela izono emhlabeni, kanjalonjalo. Ukuthi lento yenzeka kanjani! Kodwa kwakungenakwenzeka kuze kube ngukuhlubuka, ibandla lize liqale ukudeda emkhosini wokomoya, lizidonsela lona emuva futhi lizihlele. Bese kuthi–ke isambulo asihlalanga nebandla.

72 Khumbulani, uIsrayeli wahamba, imini nobusuku, ngeNsika yoMlilo. Ngenkathi leyoNsika yoMilo ihamba, babehamba naYo. Futhi khumbulani, kwakunguMlilo ebusuku, neFu emini. Ngakho Ingahle ifike, emini noma ebusuku, noma ngasiphi isikhathi. Kodwa, noma ngabe Yayikuphi, kwakukhona inhlawulo eyenziwayo, ababengayikuhluleka ukuYibona.

KwakungukuKhanya ebusuku, neFu ngesikhathi sasemini, futhi baYilandela. Yebo, mnumzane. Into efanayo!

73 UMartin Luther waYibona. Wenzani na? Uyaphuma kubuKatolika. Kodwa benzani na? Bakha uthango oluncane oluzungezile, bathi, "SingamaLuthela. Yikho lokhu."

74 Kwase kuthi uWesley waYibona ihamba isuka lapho. Wahamba. Benzani na? Bakha uthango oluncane lwakuzungeza, bathi, "Yikho lokhu." UkuKhanya kwenzani na? Kwaqhubeka ngqo, futhi.

75 IPhentekoste yaYibona. Enzani na? Aphuma kwabakaWesley namaNazaretha, kanjalonjalo. Enzani na? Akha uthango oluncane akuzungeza, akubiza ngokuthi, "Singubunye," futhi "Singumthathu-emunye," futhi "Siyi United," nakho konke lokhu. Wenzani na? UNkulunkulu wahamba waqonda waphuma kukho. Niyabo?

76 Singeke sakwenza lokho. Sifanele silandele, nsuku zonke, mahora onke osuku, zonke izinyathelo zendlela. Sifanele siholwe yiNkosi uJesu Kristu. Uma singaholwa, sithatha impilo yenhlangano. Nempilo engamlandeli uKristu, nsuku zonke, ayifanele.

77 Umuntu ongumKristu ngeSonto, futhi aye enkonzweni, ahlale emuva lapho futhi acabange ukuthi ibandla lingelakhe ngoba wenza *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, futhi ngoMsombuluko uyokweba futhi aqambe amanga. Nabesifazane abayophumela emabhishi omphakathi, futhi—futhi baphume emigwaqeni, begqoke izingubo zokungabi nasimilo!

78 Ngacabanga nge—ngenenekazi lokuqala, lalingafaki ngisho nopende ebusweni, ukuya phambi kukaphapha; futhi libuye, futhi lisethe ukuzitika ngokugunda izinwele zibe yinkimbinkimbi okwabesifazane esizweni. Nazo zonke lezizingubo, lokho, uma eseba ngumama, wonke owesifazane ezweni ufuna ukugqoka enye yalezozingubo ezifanele umama manje. Kunjalo. Yizibonelo. Futhi bayazi ukuthi labobantu bayokwenza lokho. Bathatha umoya wezwe. Nalokho akusikho okweBandla likaNkulunkulu ophilayo.

79 Abesifazane bebefanele babuke kuJesu Kristu. Benifanele ukubuka kuSara nabo abeTestamente eLidala.

80 Manje, babenjalo ukuze. . . Ngangishumayela ngobuny'ubusuku, ndawondawo, mayelana nabesifazane ukuba bathobele umyeni wabo. Bathobe? Ya. Owaphuma enkambisweni yomshado, kudala. Kodwa abazukukwenza lokho. Qhabo, mnumzane. Baphila eMelika, futhi bakwazisa kanjalo. Abazukuthoba. Kodwa, inqobo nje uma ungakwenzi, ungazami neze ukuzibiza ngomKristu, ngoba awusuye. Angikhathali ukuthi usina kangakanani futhi ukhulume ngezilimi, uma ungamthobeli umyeni wakho, uphumile entandweni kaNkulunkulu.

81 Owesifazane ogqoka izikhindi futhi enze lezizinto azenza emgwaqeni, ungazibizi ngomKristu. Ufuna ukuba nezwe futhi ube usalokhu ubambe ubufakazi bakho. Ungeke wakwenza lokho eBukhoneni bukaNkulunkulu, ube wazi kangcono kunokuba ukwenze.

82 Qaphelani, "abhotshozwe endlebeni," ashaywe uphawu, khona–ke awusoze wezwa. Khumbulani, leso yisibonakaliso sokuvala izindlebe. Awusophinde uLizwe. Awuyikulalela. Awusoze wakwazi futhi, ukwenze futhi.

83 O! "Akalikholwa *Lelo*." O, he! "Ungamtsheli. Uyakukholwa." Qhabo. "Uyokutshela ngqo . . . " AkaLazi. Belingakwenza kanjani i—inenekazi . . . Ngibuza nina nje, belingakwenza kanjani inenekazi . . .

Njengoba ngakhuluma ngeSonto, ngeSonto eledlule ebusuku, sekwedlule iviki kulobubusuku, ngokuthi "ububanibani belambu elibomvu," ukuthi kwenzeke kanjani ukuthi i—i—isimo sabesifazane sesiphenduke saba sihle ukwedlula esake saba yiso. Manje, lokho akumelene ngalutho—ngalutho nowesifazane, manje, lokho kungukuthi nje kodwa ukulawula kanjani lokho. Niyabo? I . . . Uthole leyondlela, ukumbeka esilingweni, njengoEva wabekwa phambi komuthi.

84 Wonke owesilisa, yonke indodana eza kuNkulunkulu, izofanele yedlule kulelohora lokuvivinywa. Lona ngunyaka wabesifazane, lesisizwe sinjalo, lapho ezodlula khona kulokho kuvivinywa. Uma engaba ngowesifazane omuhle, futhi aziphathise okukadade, izithembiso zeNkosi ziphezu kwakhe. Kodwa uma engazithola yena uqobo ukuba—ukuba azi lokhu, futhi aziveze obala, ngokoqobo ukhombisa ukuthi uno—nomoya omubi kuye. Akaqondile ukuba yileyondlela, angicabangi, abaningi babo abaqondile. Kodwa abakuqondi lokho.

85 Ubungangitshela ukuthi ohloniphekile, owesifazane ocabangayo angazifaka yena uqobo, lezizingutshana abazigqokayo phandle lapha emgwaqeni na?

86 Nginamantombazane amabili asemancane ehlezi lapha. Angazi ukuthi miphumela mini yalezozinganyana eyoba yiyo. Ngiyabakhulekela nje. Abantwanyana, namhlanje, angi . . . Ungeke washo. Angazi. Abagomekile kulokho. Bazofanele bazimele ngezinyawo zabo zombili, ngaphambi kukaJesu Kristu, futhi baphendule. Bangeke bangena ngalokho . . . ngalokho—ngalokho engikukholwayo, nalokho unina akukholwayo. Angazi ukuthi benzani. Kodwa empeleni ngiyakholwa, kulelihora, uma lawomantombazane eye phandle emgwaqeni, begqoke lezozinhlobo zezingubo, nowesilisa wabathuka, bekulezonhlobo zezingubo, angikholwa, ukuba benginethuba, bengingamgxeka ngisho nowesilisa. Kunjalo. Ngiyawagxeka amantombazane. Ayengenamsebenzi ukuthi angenza lokho.

87 Lalelani. Uma umuntu ecabanga, futhi bafundisa ukuthi, "Umuntu akangaphezu kwesilwane. Uvela esizweni sezilwane." Futhi bukani, manje–ke, nimkhiphela lapho njenge . . .

88 Thatha inja uyise emndenini omncane ngezikhathi ezithile ngezintango nayoyonke enye into, ngoba umndeni omncane ukuleso simo; izingulube, amankomazi, zonke ezinye izilwane. Futhi uma siyimpilo yesilwane; okungukuthi, siyiyo, ingxenye yokomzimba. Bese kuthi–ke uma owesifazane eziveza obala kanjalo, ufakazisa ukuthi uyinto efanayo inja encane eyiyo, noma into efanayo, impela, ngokuba ubengekwenze lokho. Uyazi. Imvelo imfundisa ukuthi owesilisa uzombuka. NeBhayibheli lathi, "Obuka owesifazane ukuba amkhanuke usephingile naye vele enhliziyweni yakhe."

89 Lokho kubeka isikhathi sokuvivinywa. NoDeveli ubenza babebahle labo besifazane, futhi uyabahhundula, futhi ababeke phandle lapho, ukuninika isivivinyo. Madoda, phendulani amakhanda enu. Yibani ngamadodana kaNkulunkulu. Besifazane, gqokani njengamadodakazi kaNkulunkulu. Ningaphenduli ngokuphinga ngaleya oSukwini.

90 Uma lowo wesifazane, akunandaba ukuthi umsulwa kangakanani . . . Angahle ukuba akazange enze lutho olungalungile, akaze abenakho ngisho nasengqondweni yakhe ukwenza okungalungile. Kodwa uma lesosoni esibuke leso simo sokuphiqilika salowo wesifazane, sazi ukuthi siyisilisa; nobulili besifazane busezindlaleni eyodwa, neyodwa, isilisa, sikwenye; nalesosoni sizophendula ngakho ngoSuku lokwaHlulela, ubani owakwenzayo, ubani onecala na? Akusiso. Nguwe. Nakho lapho okhona, isimilo esibi.

91 Ake nibheke lesisizwe. Sasivamise ukuthi, ngenkathi be— babenezingubo ezifika emadolweni abesifazane ababezigqoka, sasifanele sithumele eParis ukuyozithenga. Namhlanje, iParis ithumela lapha ukuzithenga. Sekungcole kakhulu iParis isize ayisakwazi ukuhambisana nakho. Kunjalo. Yonke . . . Ngani na? Yenqaba iVangeli. Ngani na?

IParis yayingenaLo. NgubuKatolika ngekhulu lamapesente. AmaProtestane awakwazi ngisho ukungena lapho. Buka uBilly Graham. Ngicabanga ukuthi kunamaKristu angamakhulu ayisithupha kuphela kuyoyonke iParis, ezigidini, amaKristu angamakhulu ayisithupha, amaProtestane. Lokho akusikho okugcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Lokho nje ngamaProtestane uqobo, amakhulu ayisithupha awo, ezigidini eziphindwe kazigidi. Abalitholanga ithuba lokuLenqaba.

92 Kodwa lababantu uneVangeli. Futhi uma bededa eMlayezweni neVangeli abalibone libonakaliswa ngokwenziwa, bahlekisa ngaLo ngoba imfundiso yesifebe esidala esithize ibaphice gimbici; nomunye umelusi emi epulpiti, ecabanga kakhulu ngedola nethikithi lokudla kunoma enza

ngomphefumulo, abantu ashumayela kubo, kunjalo, yilokho okukwenzile. Manje uhola izwe.

93 Khumbulani, kungekudala, kulelitabernakele. Ngashumayela ngendaba, cishe iminyaka engamashumi amabili edlule, "Ngizonikhombisa unkulunkulukazi weMelika," futhi kwakunesimukanandwendwe esincane lapha, sihlezi lapho nakho. Yilokho okuyikho. Manje ngisho baya, kuthola. Bathola lokho abakucelile. Futhi bazokuthola. Yilokho kuphela.

94 Qhabo. Abasoze bakukholwe. Qhabo, mnumzane. Bakwazisa ukuthi bayizakhamizi zaseMelika, futhi banelungelo lo—lokusebenza noma ngayiphi indlela abayifunayo. Ngifisa nje . . .

95 Ake nginitshele. Ngizonitshela manje. Qhabo, mnumzane, ezombusazwe azisoze zasebenza. Qhabo, mnumzane, intando yeningi ayisoze yasebenza. Intando yeningi ibolile, kuze kuyofika ethanjeni. Uma bekungagijima phakathi kwesigejane samaKristu, bekungaba kuhle. Kodwa uma ukubeka phandle lapho ezweni, konke kuba imikhumbi ehamba ngoseyili futhi ingenahange. Kunjalo impela.

96 Bukani lapha, namhlanje. Kungenzeka noma yini, futhi bayovele nje babe yi. . . Noma yini, badonse ezombusazwe ezimbalwa, futhi bayodlula ngokubulala.

97 Ngenkathi ngishumayela ezansi lapho, ngalobobusuku ukuzama ukusindisa impilo yalezozinganyana ezimbili. Banecala ngakho konke. Ngisho nalowo mmeli wasemajajini wasukuma emva kwami lapho wayesethi, "Kulungile." Wathi, "Angikholelwa ekuthatheni impilo yabantu." Wathi, "Uma nizoqaphela emarekhodini enu obugebengu, ubani lowo othola ukubulawa ezihlalweni zikagesi nezinto na? Akusibo abacebile. Angakwazi ukuzitholela ummeli nomunye umdonso, amanye amaqhinga angcolile, namanye amasondo *lapha*, namanye *ngapha*, nokufumbathisa into." Wathi, "Ngabantwanyana abampofu kanjalo, abangenayo imali eyenele ukuzithengela ukudla okukahle, yilolohlobo olukutholayo. Nanto uhlobo abalubulala ngogesi, umuntu ofana nabambiza ngesigejane sabantu abangazi lutho, futhi nje bavele baphakamise igama labo lesijeziso sokubulawa nguhulumeni."

98 Ngathi, "Ukubulala kokuqala okwake kwenziwa ezweni, umfowabo wabulala omunye, noNkulunkulu akayithathanga impilo yakhe ngakho. Wabeka umaka kuye, ukuba kungabibikho muntu othatha impilo yakhe. Kunjalo. Lowo ngumaHluleli oMkhulu."

Ngiyabona basisusa isigwebo kubo. Manje bazothola elinye icala. Kusobala, bazothola udilika jele manje, ozoba yiminyaka eyishumi nanye, futhi mhlawumbe bamele ukuthi baxolelwe. Banecala. Impela. Banecala. Bebefanele ukuthunyelwa etilongweni lokuhlunyeleliswa kwezimilo, okwesikhathi sonke sokuphila, kodwa kungathathwa impilo yabo. Akukho muntu

onelungelo lokuthatha impilo yomunye umuntu. Qhabo, mnumzane. Angikholelwa kukho. Qhabo, impela.

99 O! Bathi. . .Ngani, abakholwa ukuthi baphumile entandweni yeNkosi, ngoba yilokho kuphela abazi ngakho, konke abafuna ukuzwa ngakho. Bafulathelisa indlebe yabo eQinisweni, phakathi lapho.

100 Kanjalo neGibhithe yayingafuni ukwazi ukuthi lesosigejane sabagingqiki abangcwele ezansi lapho kwakuyintando yeNkosi. Babeyofuna kanjani ukwazi ukuthi leyondoda ehlanyayo efanayo ingena lapho, ivela ehlane, nobuhwanqa bulenga *kanje*, futhi wathi, "Faro, ngiza ngeGama leNkosi. Badedele labobantwana bahambe."

UFaro wayengathi, "Uba, mina? Mphoseni ngaphandle." Niyabo? "Mina na?"

"Uma ningakwenzi, uNkulunkulu weNkosi uzoshaya lesisizwe."

101 Kuselokhu kungukuthi, "Omdala ongahlakahlile kahle ekhanda, mdedeleni ayendawondawo. Akahambe. Ilanga lithe ukubhaka ingqondo yakhe." Niyabo? Kodwa kwaletha ukwahlulelwa, ngoba indoda yayingumprofethi futhi yayikade ino ISHO KANJE INKOSI. Kunjalo impela. Babengafuni ukukukholwa.

IRoma yayingafuni ukukukholwa, nayo, kodwa kwenzeka ngokufanayo nje.

102 UIsrayeli wayengafuni ukukholwa ukuthi lowo kwakunguMesiya. "Babengaba kanjani, isigejane sa—isigejane sabaseGalile na?" Sithi, "Abasibo bonke laba abaseGalile na? Bavelephi na? Hlobo luni lwesixuku Ahamba naso na? Bona impela abampofu kunabobonke abangahlanganiswa ndawonye, yilesosixuku Azihlanganisa naso. Yilowo ozayo ukuzoMuzwa, abantu abampofu, bona abantu abangazi lutho. Abakhethiwe. Aba—abasilo uhlobo oluhlakaniphile esiyilo. Bayisixuku esimpofu." Uyakuzwa kusho ngemvuselelo kulolusuku. "Hlobo luni lwesixuku olubezwayo na? Hlobo luni oluya kulemihlangano na? Hlobo luni lwabantu abayilo na?"

103 Ngezwa umfo ethi, kungekudala. . .Awu, wayethi akabe wuhlobo lwe. . .Wayengusingababa kaHope. Futhi ngangimtshela ngombhaphathizo uMoya oNgcwele. Wathi, "Manje, ubani oyokholwa into enjalo, ngaphandle kohlobo oluthize lwesigejane onaso enhla lapho na?" Wathi, "Vumela u*S'bani–bani*, usomabhizinisi lapha edolobheni, emubi njengabo bonke, athi wemukele uMoya oNgcwele, khona ngizokukholwa."

104 Ngathi, "Ungakhathazeki. Akasoze akusho." Indoda yafa ngokushesha, ngaphandle kukaNkulunkulu. Niyabo?

Qaphela okwenzayo. Qaphela ukuthi uthini. Ufuna impilo efanele iVangeli. Kunjalo.

105 UIsrayeli akakukholwanga lokho, lesosigejane sabantu. “Leyondoda ehlanyayo, eGama linguJesu waseNazaretha, ezaliwe,” bacabanga, “ukuzalwa okungaphandle komshado.” Nabantu bakukholwa. Ngoba, bathi, “Kwakungesiye owakhe. Ngani, ubaba waKhe nguJosefa, noMariya wayezoba naleNgane ngaphambi kokuba ngisho baze ba . . . Ukuzala, ngani, ukuzalwa ngaphandle komshado. Futhi Uyini na? Indoda ehlanyayo nje. Ngolunye lwalolohlobo lwabo umfo oxakile. Ningayi ukuyoMuzwa.” Benzani na? Babethumela imiphefumulo yabo esihogweni. Bathatha . . .

106 UJesu wathi, “Bayekeni. Uma impumputhe ihola impumputhe, zombili aziweli emgodini na?” Kunjalo. Babengakwazi. BabengenakuKukholwa. Abakwazanga.

107 Abakwazanga ukubona ukuthi kukanjani ukuthi abantu abalula noMlayezo olula, ukuba benqatshwe, babengabangela isizwe esikhulu ukuba siwe sibe yizincithakalo. Manje lalelani. Babengenakukuqonda lokho: esilula, esijwayelekile, isigejane sabantu abangabantukazana. Niyazi, iBhayibheli lasho ukuthi, “Abantukazana bamuzwa uJesu ngokujabula.”

108 Ngaba nento encane eyenzeka eMexico, kungekudala. UGeneral Valdena, ekhethwe nguNkulunkulu, ukuKhanya kwake kwakhanya endleleni yakhe yabahamba ngezinyawo, komunye wemihlangano. Leloqhawe elikhulu eliyiKatolika, omunye wezinduna eziphakeme kunazozonke eMexico, uza ngokuzithoba ealtare futhi wemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Wabuyela ezansi eMexico. Wayelokhu engikhalela, wehlela lapho. Ekugcineni, nganquma ukwehla. INkosi yangihola; ngaba nombono. Ngatshela umkami. Ngehlela lapho.

Futhi ngenkathi enza, yena engomunye wezinduna zabo ezinkulu, induna enezinkanyezi ezine, waya kwekomkhulu, kuhulumeni. Futhi, bona, banzima ngokumelana namaProtestane ezansi lapho, niyazi. Ngakho bayazi ukuthi lokhu kuzoba ngumhlangano onamandla asabekayo, ngakho wehlela lapho wayesethola umlindi wombutho. Futhi ngenkathi benza, banenkundla enkulu evalekile. Futhi babezongingenisa kanjalo. Uhulumeni wayengingenisa.

Ngakho, ngenkathi benza, u—umbhishobhi, omunye wababhishobhi abakhulu webandla eliKatolika, wenyukela kuye, umbusi, wayesethi, “Mnumzane, ngiyaqonda ukuthi ungenisa ongesilo iKatolika.”

Wathi, “Yebo. Uthini ngakho na?”

“Ngani,” wathi, “ungeke waba nendoda enjalo phakathi lapha. Lohulumeni akakaze azi ngokwenza into enjengaleyo.”

109 “Kodwa,” wathi, “sesikwenzile manje.” Wathi, “Ngani,” wathi, “indoda iyindoda edumile. Ngiyaqonda ukuthi izinkulungwane zabantu iphumela ukuyizwa. UGeneral Valdena, ungumngani wami wesifuba.” Wathi . . . Futhi

wayene . . . Umongameli qobo lwakhe uyiProtestane, niyazi, iMethodisti. Ngakho wathi—wathi, “Indoda iyindoda enodumo, ngokwazi kwami.” Wathi, “UGeneral Valdena lapha, uphenduke phansi kwalendoda.” Wathi, “Ngani, ungu, ngokwazi kwami, muntu odumile.” Wathi, “Izinkulungwane zabantu, bayasho, zizoza zimuzwe.”

Nalombhishobhi wathi, “Hlobo luni lwabantu oluyilo, mnumzane na? Abangazi lutho nje. Yilabo ohambayo, bezwe umuntu onjalo.”

110 Umongameli wathi, “Mnumzane, senibenabo iminyaka engamakhulu amahlanu, kungani bengazi lutho na?” Lokho kwakwenele. Lokho kwakuxazulula. O, he! Lokho kwabanqunda. Yebo, mnumzane. Ya.

111 Kwase kuthi–ke ngenkathi leyongane encane ivuswa kwabafileyo, ngathumela isigijimi emva kwendoda. Inenekazi lalithi, ngeSipenishi, “Ingane ifile, kulokhu ukusa ngelesishiyagalolunye nqo.” Futhi laliyidliva, imvula. Kunabaphendukela kuKristu cishe abayizinkulungwane eziyishumi, ubusuku ngabunye.

Ebusukwini bakuthangi, impumputhe endala yayivuleke amehlo emsamo. O, usayizi ophindwe kathathu noma kane lelitabernakele, futhi lithi aliphakame *kangako*, abamatshali amadala nezigqoko belele. Futhi nje ngi . . .

112 Bangehlisa ngezintambo, eringini, ukuba bangingenise. Ngavele ngahamba ngaphumela lapho nje ngase ngiqala ukushumayela, ngokukholwa.

UBilly uyafika, wathi, “Babayi, kuzofanele kubekhona okwenzayo, lowo wesifazane.” Wathi, “Nginabangenisi abangamakhulu amathathu bemi lapho. Abakwazi ukumisa owesifazane omncinyane, usinda ikhulu lamaphawondi, cishe.” Futhi elihle, inenekazi elincane elithi aliphakame *kangako*, cishe, o, mhlawumbe ingane yalo yokuqala. Ngingathi linamashumi amabili-nantathu noma iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu ubudala.

113 Futhi lalimi lapho, nezinwele zalo zilenga, futhi liphethe ingane encane. Futhi lalenza ukuhlokoza kwalowomugqa. Amadoda ayeliphushela emuva. Laligibela liweqe ngaphezulu, leyongane isenqulwini yalo, noma kanjani, lichushe phansi kwemilenze yawo, kumbe noma yini. Babelenyusela lapho, futhi bedingeka balikhabe balisuse emsamo.

114 Futhi babengenakhadi lomkhuleko ukuba balinike. Wathi, “Uma ngilidedela lingene lapho, babayi, naleyongane efile, lingenakhadi lomkhuleko, futhi . . . ” Wathi, “Labo abanye bemi lapho, kade bemi lapha izinsuku ezimbili noma ezintathu, kuleyomvula nelanga. Futhi lidedelwe lingene ngaphambi kwabo,” wathi, “kuzodala i—isidididi ezansi lapho.”

115 Ngathi, "Kulungile." UMfowethu Moore wayelapho, futhi uwuhlobo lokuba nempandla njengami. Ngase ngithi, "Alazi ukuthi ubani ongubani, abantu abaningi kakhulu." Ngathi, "Thumela . . . " Futhi—futhi abazalwane abathi ababebabili, omunye wabazalwane walapha etabernakele, osewaya eNkazimulweni manje. Angisalikhumbuli igama lakhe nje ngalesisikhathi. Kodwa wayemi emuva lapho. Ngakho ngathi, "Mfowethu Moore, yehla, khulekela ingane. Alizukwazi ukuthi ubani, noma yimi noma uwe. Yehlela ezansi nje uqhubeke. Futhi lingakwazi ukukhuluma isiNgisi."

Futhi ngakho uMfowethu Moore wathi, "Kulungile, Mfowethu Branham."

116 Waqala ukwehla. Ngathi, "Njengoba bengisho, fa-. . . " Ngase ngibona ingane encane, ingane engumMexico encane ihlezi phambi kwami, ihleka nje. Ngathi, "Awume kancane." Ngase ngithi, "Lidedeleni inenekazi elincane ledlule."

UBilly wathi, "Ngeke ngakwenza lokho, babayi. Li . . . "

Ngathi, "Ngibone umbono, Billy."

Wathi, "O, lokho kwehlukile."

117 Ngakho savula isixuku kanjalo sasesiledlulisa. Nanti liza, liwa ngamadolo alo, linobuhlalu bomkhuleko esandleni salo. Ngathi, "Sukuma."

Ngakho ngathi, "Baba waseZulwini, manje angazi ukuthi Uzokwenzani. Angazi nje noma Ufuna mina ukuba ngenelise owesifazane ngokukhulekela ingane, noma ini. Kodwa," ngathi, "Ngibeka izandla zami phezu kwengane encane, eGameni leNkosi uJesu." Into efanayo nje njengoba ngenza kuMfowethu Way, elele lapho kuyiphansi lendlu, efile, ngolunye usuku. Noblankethe wakhahlela, naleyongane encane yaqala ukudazuluka. Futhi yayisiya ekuphileni kwayo. Ngenkathi . . .

118 Ngathumela isigijimi, uMfowethu Espinosa, ukuba ahambe nalo aye kudokotela, bese ethola isitatimende esifungelwe esivela kudokotela, "Leyongane ifile." Lokho kwakuthi akube eleshumi nqo ngalobobusuku. "Ife ngalokho kusa ngelesishiyagalolunye nqo, eofisi lakhe, iphethwe yinyumoniya." Wathola isitatimende esifungelwe esivela kudokotela.

Amaphepha ayengenakukugcina lokho kuthule, niyazi, ngakho badingeka ukuba beze neno. Baba nengxoxiswano nami. Futhi bathi kimi, wathi, "Ucabanga ukuthi abangcwele bethu bebengakwenza lokho nabo na?"

Ngathi, "Uma bephila."

"O," wathi, "ungeke waba ngongcwele uze ukuba usufile." Nakho lapho okhona. Niyabo? Nabantu . . .

119 Niyabo, ngoluny'usuku, lapho ababenalelindela abaganga ngalo, ephepheni na? Ngakho, ongcwele omusha wafa, o,

ekhulwini leminyaka eyadlula, noma into efana naleyo, futhi benza i. . .sebemngcwelisile manje, benza ongcwele ngaye. Futhi bathi u—ubuya kwabafileyo futhi wakhulekela omunye umuntu ogulayo owayenesifo sokuphelelwa yizinhlaziya zegazi ezibomvu. Kwakungesiso na? Kwakukwelinye lamaphephabhuku. Cabangani nje ukuthi bazama kanjani ukuganga ngalokho, futhi kube kunamakhulu ngamakhulu ezehlakalo ngqo phansi kwekhala labantu lapha. Yini leyonto na? Ukuba into idlale ibandla lamaProtestane kulo, niyabo, bakwenze kucabange enye into.

Bese kuthi–ke imisebenzi yangempela yeNkosi, lapho eqinisekiswa khona ngokuphelele, yafakazelwa, abalokothi ukuba bathinte iphepha ngawo. Nakho lapho okhona. Bemukela isimemo base besenqaba. Yebo, mnumzane.

120 Abaqondi ukuthi ukanjani uMlayezo olula, abantu abalula, ukwenqaba into enjalo ukuthi ingababangela ukuba bangene enxushunxushwini.

121 Owesifazane wathi kimi, eGrant's Pass, eOregon, ngesinye isikhathi esedlule, intombazane eyayiyiKatolika iphuma lapho ukugxeka nokubhala. Yayyintatheli yephepha, iphethe osikilidi ngesandla sayo. Yayisithi, "Ngifuna ukukhuluma kuwe."

Ngathi, "Yini ofuna ukuyisho?"

Yathi, "Bengifuna ukubuza eminye imibuzo ngalenkolo yakho."

Ngase ngithi, "Yini ofuna ukuyibuza?"

Yayisithi, "Ukwenza ngaliphi igunya lokhu?"

122 Ngathi, "NgeGama likaJesu Kristu, ngobizo lobuNkulunkulu." Yayisiqhubeka, izenza ohlakaniphile. Ngathi, "Umzuzu nje."

Yathi, "Ukuba ngangizodingeka ngizihlanganise nalesosigejane sezidomu phezulu lapho," yathi, "bengingeke ngisho ngifune ukuba umKristu." Yathi, "Futhi uma labo. . . Bathi labobantu bayobusa umhlaba ngoluny'usuku." Yathi, "Ngithemba ukuthi angikho lapha."

Ngathi, "Ungakhathazeki. Awuyikuba lapha." Ngathi, "Wena . . . ukuba ukhathazeke ngalokho."

"Ngani," yathi, "konke lokho lapho kuqhubeka nokudazuluka!"

Ngathi, "Futhi uzisho ukuthi uyiKatolika na?"

Yathi, "Nginguye."

123 Ngathi, "Ubuwazi yini ukuthi uMariya intombi ebusisiweyo wadingeka emukele uMoya oNgcwele futhi akhulume ngezilimi, futhi asine eMoyeni, indlela efanayo abenza ngayo, ngaphambi kokuba uNkulunkulu amemukele na? Nimbiza ngomama kaNkulunkulu."

Yathi, "Ngumbedo lowo."

Ngathi, "Umzuzu nje. Ngi . . . "

"Angifanele ukubuka eBhayibhelini."

124 Ngathi, "Pho uzokwazi kanjani ukuthi yini eyiQiniso noma engesilo na?"

Yathi, "Ngithatha izwi lebandla lami."

125 Ngathi, "Leli yiZwi likaNkulunkulu. Nanti khona lapha. Ngikuphosela inselelo ukuba uLibuke. NoMariya wayenabo phezulu lapho ekamelweni eliphezulu, futhi wemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele njengoba kwenza bonke abanye. Futhi nimbiza ngomama kaNkulunkulu." Ngathi, "Manje–ke ubiza lokho ngokuthi, 'Isigejane semfucumfucu; ibuya lolwandle'?" Ngathi, "Ungakhathazeki. Awuyikuba Lapho. Awudingeke ube nokuningi ukukhathazeka ngakho, uma kuyilokho kuphela onokukhathazeka ngakho. Kungcono ukhathazeke ngomphefumulo wakho onesono uqobo, ntombazane." Ngase ngiyiyeka yahamba.

126 Manje cabangani ngakho konke lokhu, okulula. UNkulunkulu ukwenza kube lula kakhulu.

Wayengakwenza kanjani uAhabi, wayengakwenza kanjani uJezibeli, babengakwenza kanjani labobantu ababecabanga ukuthi uElija wayengumthakathikazi, becabanga ukuthi wayengokhonza imimoya na? Ngisho noAhabi wathi, "Nangu lona obangele yonke lenkathazo kuIsrayeli."

Wathi, "Nguwe okhathaze uIsrayeli."

127 Sasingakucabanga kanjani lesosizwe, lokho, ukwenqaba umlayezo wendoda enobuso obulufifi kanjalo, ingafake zingubo zobupristi, nokunjalo, kube ngukulahlwa kwaso na?

Yayingakwenza kanjani iGibhithe, ukubusa izwe, ofaro, nezigaba zayo nonesithunzi na? Izwe alikaze lifike kuleyondawo futhi, kwisayensi kanjalonjalo. Bebengacabanga kanjani, ukwenqaba umprofethi omdala oneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, nobuhwanqa bulenga, izinwele ezimpunga, egqishazela ephuma lapho, umhambuma na? Futhi aphume lapho nomlayezo, "Kuphakathi kokuthi uzobayeka bahambe, noma uNkulunkulu uzobhubhisa isizwe." Wayengakwenza kanjani uFaro na? "Uzongithobela, Faro."

128 UFaro wathi, "Ngithobe?" O, yena, uFaro! Nekhehla, "Othize omdala ongahlakahlile ekhanda," bacabanga, "bale umfo onjalo, abhubhise isizwe na?" Kodwa kwakwenza. O, he!

Ake sime, sithi ukuthula kancane imizuzu embalwa futhi sibe nomkhuleko, futhi sicabange. Siphila kuluphi usuku na? Sikuphi na? Omunye wesimanje, unyaka wesayensi. Kungcono sicabange. Mhlawumbe, nime, bantu nime futhi nikhuleke

isikhashanyana, futhi nicabange kancanyana, nizozizwa ningcono emva kokuba seniqedile ukukwenza. Kunjalo.

129 UmKristu akasilo ithuluzi, noma olunye uhlobo lodlawu lwepayipi lokukhenikha embusweni omkhulukazi wezenkolo. Kunjalo. UmKristu akasilo olunye uhlobo lwethuluzi olugcina inhlangano yenkolo ihamba. UmKristu, lowo akusuye umKristu. UmKristu ufanele abenjengoKristu. Futhi umKristu angebe ngumKristu aze uKristu angene kumuntu, ukuPhila kukaKristu kuye. Khona–ke kuveza ukuPhila uKristu akuphila, futhi wenza izinto uKristu azenza.

130 Ngikhuluma ngani na? Ubuhlobo obuqondene nomuntu siqu sakhe kuKristu. Kuyini na? Impilo yakho ilifanele iVangeli na?

Manje ngizama ukwendlala lesosendlalelo lapho, ukunikhombisa lokho, abesilisa nabesifazane ababengabesifazane abadumile, abesilisa.

131 IBhayibheli lasho. Niqaphelile na? NgeSonto eledlule ebusuku, into ethize ngikhohliwe ukuyifaka, uGenesisi isahluko 6 nevesi 4. "Labo abesilisa abazithathela abesifazane, babe ngabafazi, babengabesilisa basendulo, abadumile." Abesilisa abadumile, babikezelwa ukufika futhi. "Njengokwenzeka emihleni kaNowa, kuyobanjalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu." "Abesilisa abadumile bethatha abesifazane," hhayi abafazi, "abesifazane; belandela inyama imbe."

132 Bukani eNgilandi, amaviki athi awabe mabili edlule. Bukani eUnited States. Bukani ndawozonke, kugcwele ubufebe. Amadoda amakhulu, abakhulu, ama ofisi aphakeme, kuletha ihlazo phezu kwesizwe, belandela abesifazane. Leyondoda enkulu lapho eNgilandi, uhlobo oluthize lukaphakimpi, njenge, ngani, niqaphelile, wayenonkosikazi omuhle. Isithombe sakhe sasilapho, ngakhona. Bukani lesosifebe saseRashiya, kodwa sasigqoke ngokukhanukisayo konke, futhi saziphosa ngaphandle lapho, ukuba siveze obala inyama yaso yabesifazane. Nendoda yathatheka kukho.

133 Esikudingayo namhlanje amadodana kaNkulunkulu. Sidinga amadoda kuhulumeni, leyo ngamadodana kaNkulunkulu. Kunjalo. Ngakho–ke, elungile, inkosi emesabayo uNkulunkulu ibingamisa wonke lombhedo. Bekungebikho zintambo ezidonswayo. Njengoba kwenza uDavide, wakumisa. Impela wakwenza, ngoba wayeyinkosi. Futhi kwakukhona kuphela . . .

134 Indlela yangempela, ingukuthi, uNkulunkulu eyiNkosi, futhi uNkulunkulu uthumela umprofethi. Akabatshelanga yini uSamuweli ngaphambi kokuba baze bathole inkosi na? Wathi, "UNkulunkulu uyiNkosi yenu. Sengake nganitshela yini noma yini eGameni leNkosi ayangafezeka na?"

Bathi, "Qhabo. Kunjalo."

"Sengake ngazicelela yini kini okokuziphilisa na?"

"Qhabo. Awukaze uzicelele kithi okokuziphilisa."

"Angikaze nginitshele lutho kuphela lokho okwakuqinisile, phambi kweNkosi." Wathi, "UNkulunkulu uyiNkosi yenu."

135 "O, siyakuqonda lokho. Futhi siyazi ukuthi uyindoda elungileyo, Samuweli. Siyakholwa ukuthi iZwi leNkosi liza kuwe, kodwa sifuna inkosi, noma kanjani." Niyabo? Yilokho abakutholayo.

136 IPentecost yayifuna inhlangano, noma kanjani. Yayithola. Kunjalo. Yayifuna ukuba njengawo onke amabandla. Niyiyo. Qhubekani, lokho, yilokho nje okwenzekayo. Kodwa uNkulunkulu uyiNkosi yethu. UNkulunkulu uyiNkosi yethu. Yebo, mnumzane.

137 Kuyini na? Yingenxa yokuthi abantu, njengoba benza ezinsukwini zikaKristu, njengoba benza kuyoyonke iminyaka, bathola izaba. Banezivumokholo zabo uqobo. Ningahle ningafuni ukuba nithi, "Ngi—ngithenge inkomazi, futhi ngifanele ngihambe ngibone ukuthi ngabe i—izosebenza yini noma qha, noma ikhiphe ubisi, noma—noma iyiyiphi imfuyo." Ningahle ningabi nazo lezozaba.

Kodwa nantu uhlobo lwezaba abantu abangahle balusho, "NgiyiPresbyterian. Asikholelwa kuLokho. NgiyiBaptist. Asikholelwa ezintweni ezinjengaLeyo. Awu, ngiyiLuthela." Awu, lokho akuhlangene ngalutho naLo. Lokho akusho ukuthi ungumKristu. Lokho kusho ukuthi ungowesigejane sabantu esihlelile. Futhi ungowedlangala leLuthela, idlangala leBaptisti idlangala lePentecostal. Ayikho into okuthiwa yiBandla lePentecostal. Ayikho into ethiwa yiBandla leBaptist. Yidlangala leBaptist, idlangala lePentecostal, idlangala lePresbyterian.

Kodwa linye kuphela iBandla. Futhi yinye kuphela indlela ongangena ngayo kuLo, futhi lokho kungokuZalwa. Uzalwa eBandleni likaJesu Kristu, nelunga loMzimba waKhe, lokuthunywa kokomoya kwaseZulwini. Bese–ke kuba yizibonakaliso, ukuthi uKristu unawe, uphila ngawe.

138 MaKristu, o, ufanele ube nobuhlobo obuqondene nomuntu siqu sakhe kuNkulunkulu. Ukuze ube yindodana kaNkulunkulu, ufanele ube yisihlobo kuNkulunkulu. Ufanele abe nguBaba wakho, ukuze wena ube yindodana. Futhi ngamadodana namadodakazi aKhe kuphela asindisiwe, hhayi amalunga ebandla, kodwa amadodana namadodakazi. Yinye kuphela into eyoveza lokho, lokho ngukuZalwa okusha. UkuZalwa okusha yiyona kuphela into eyoveza ukuhlobana noNkulunkulu. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Amadodana namadodakazi. Bese kuthi–ke uma lokhu kwenzeka, khona–ke amadoda . . .

139 Nanku umbuzo engifuna ukuwuletha kini. Indoda ithi, "Senzani ke emva kokuba sesizalwe kabusha na?" Abaningi kakhulu bangibuza lowombuzo. "Ngifanele ngenzeni–ke, Mfowethu Branham na?" Uma uzelwe ngokusha, yonke imvelo yakho gulukunqu iyaguquka. Ufile ezintweni owake wazicabanga.

140 "Awu," wena uthi, "Mfowethu Branham, ngenkathi ngijoyina ibandla, ngakuthola lokho."

Awu, manje–ke, ngenkathi, uNkulunkulu wathi, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Usabaphilisa abagulayo. Usayibonisa imibono."

"Kodwa, Mfowethu Branham, ibandla lami!" Manje, awuzelwe ngokusha. Niyabo? Ungebe njalo; ngokuba, uma yena impela uNkulunkulu, uma ukuPhila kwaKhe kukuwe, njengoba usekuphileni kukayihlo. Futhi uma khona impela ukuPhila kukaNkulunkulu kukuwe, wona impela uMoya owawukuKristu, ukuwe, uMoya ungaphila kanjani kuJesu Kristu futhi ulobe *Lokhu*, bese–ke ubuyela phansi kuwe futhi uphike Lelo na? Niyabo? Ungeke wakwenza. Uyogcizelela onke amaZwi ukuthi anjalo.

141 Manje–ke, uma uthi, "Awu, ngiyilunga elilungileyo lebandla." Lokho akuhlangene ngalutho naLo.

Ngiyamazi umhedeni. Ezansi eAfrika, phakathi kwabazalwane bami abansundu ezansi lapho, ngithola izimilo zalabobantu ziphakeme kakhulu kuna—kunamapesente angamashumi ayisishiyagalolunye abantu baseMelika. Ngani, kwezinye zezizwe lapho uma intombi ingashadile ize ifike onyakeni othize, kumbe uma isingusayizi othize futhi engakabibikho oseyithathile okwamanje, bayazi ukuthi kukhona okungalungile. Bayayixosha. Isusa upende wesizwe, bese iya edolobheni, bese–ke iba yimbuka nje. Futhi uma ishada, ihlolwa ubuntombi bayo. Uma iveyili encane yobuntombi isibhobokile, khona–ke ifanele isho ukuthi ubani okwenzile. Futhi bababulala bobabili, ndawonye. Kungebe inqwaba yini yokubulala eMelika uma lokho kwenzekile na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Bese–ke nibabiza ngabahedeni na? O, he! Bangeza bafundise abantu, abazibiza ngamalunga ebandla, ukuthi kuphilwa kanjani ngokuhlanzeka. Kunjalo.

142 Angizange ngifumane nesisodwa isifo socansi kulolonke uhambo eNingizimu Afrika yonke. Abanayo into enjalo. Nakho lapho okhona. Niyabo? Yizindlela zethu uqobo nje ezingamanyala angcolile, njengabelungu. Kunjalo. Saqhela kuNkulunkulu.

143 Uma lokho kwenzeka, into oyoyenza–ke, uyothola ukuthi uMoya ongena kuwe, kusukela ekuZalweni okusha, uyokholwa futhi wenze yonke into uNkulunkulu ayisho eZwini laKhe ingeyakho ukuba uyenze. Nayoyonke into iBhayibheli

elikucaphunela ukuba uyenze, uyoyigcizelela ngo "amen." Futhi awuyikuma, ubusuku nemini, uze ukwemukele. Kunjalo. Kunjalo. Futhi kusosonke lesisikhathi, ngempela uyo, phezu kwayoyonke into, thela isithelo sikaMoya.

144 Wena uthi, "Ngiyokhuluma ngezilimi na?" Ungahle ukwenze lokho, futhi ungahle ungakwenzi. "Ngiyomemeza na?" Ungahle ukwenze lokho. Ungahle ungakwenzi.

Kodwa yinye into impela oyoyenza. Uyothela isithelo sikaMoya. Nesithelo sikaMoya siluthando, ukujabula, ukuthula, ukukholwa, ukubekezela, ubumnene, ububele, ukukhuthazela. Ulaka lwakho aluyikuba ngukuthi, "Uuuh!" Khumbula nje, uma unalokho, lokho kufaka uphoyizeni uMoya oNgcwele usuke kuwe. Uyabo? Uma ufika endaweni ofuna ukuqophisana kuyo nawo wonke umuntu ohlangana naye, kukhona okungalungile. Uma uthola indawo lapho u. . . umfundisi eyofunda eBhayibhelini, ukuthi akulungile ukwenza into ethize, futhi, uyo. . . Khumbula nje, akukho buKristu lapho nhlobo. Lokho kungukuthi manje, ukuthi, "Niyakubazi ngezithelo zabo." Yilokho uJesu akusho. Niyabo?

145 Uma kuyiZwi, futhi uNkulunkulu asho njalo, lowoMoya kuwe uyobambisana naleloZwi, ngasosonke isikhathi. Isizathu, uMoya oNgcwele wangokoqobo uyobambisana neZwi, ngoba iZwi lingukuPhila noMoya. UJesu wathi, "AmaZwi aMi angukuPhila." Futhi uma unokuPhila okuPhakade, futhi UyiZwi, iZwi lingaliphika kanjani iZwi na? Niyabo? Hlobo luni lomuntu obungalwenza uNkulunkulu na? Leyo yinto eyodwa yokwaziwa, ukuthi ungumKristu, uma ungavumelana ngokugcwele phezu kwawo onke amaZwi kaNkulunkulu.

146 Futhi uzithola uthandana nezitha zakho. Omunye uthi, "Awu, akalutho kodwa ungumgingqi ongcwele." Futhi uqala ukuthola. . . Qaphela. Qaphela. Kodwa uma ngempela uthola, qobo lwakho, ukuthi uyamthanda! Kungakhathaleki ukuthi benzani, usalokhu ubathanda. Niyabo?

147 Khona–ke uqala ukuthola, nokukhuthazela kwakho kuvela cishe kubekude *kangaka*, noma kunjalo akunakuphela nje. Noma ubani aqhubeke nje nokusho izinto ngawe, "Awu, angikhathali ukuthi uthini!" Ungatholi ukugovuzeka. Uma uthola ukugovuzeka, kungcono uyokhuleka kuqala, ngaphambi kokuba ukhulume kubo futhi. Ya. Ya.

Ungangeni ezinqophiswaneni. Ungathandi ukungena ekuqophisaneni; uma uthanda ukubona umuntu esukuma ebandleni, ethi, "Uyazi ukuthini? Ngizokutshela, u*S'bani–bani* wenze *ukuthi–nokuthi*."

Wena uthi, "Manje, mfowethu, ngiyakudabukela."

148 Uma uthi, "O, kunjalo na?" Ulalele lokho kuhleba na? Qaphela.

UMoya oNgcwele awusiwo umgodi wokungcolileyo. Niyabo? Qhabo, qhabo. Qhabo, qhabo. Inhliziyo ihlala uMoya oNgcwele, igcwele ubungcwele, ubumsulwa. "Ayicabangi okubi, ayenzi okubi; ikholwa izinto zonke; iyabekezela, ukubekezela." Niyabo?

149 Ungaqophisani. Uma umndeni ungena ekuqophisaneni, ungaqophisani nabo. Umama wakho uthe, "Awenyukeli lapho, kulelobandla elidala, nhlobo. Awu, wena, ocabanga ngakho kuphela manje, usuyeke izinwele zakho zikhule. Ubukeka njengomunye ugogo omdala." Ungaqophisani naye.

Thana, "Okey, mama. Kulungile. Ngiyakuthanda, ngokufanayo nje. Futhi ngizobe ngikukhulekela inqobo nje uma ngisaphila." Niyabo?

150 Manje, ungaqophisani. Uyabo? Ulaka luzala ulaka. Into yokuqala uyazi, udabukisa uMoya oNgcwele usuke kuwe, uyobe uphindisela ngokuqophisana. Khona–ke uMoya oNgcwele usuka Undize. Ulaka luzala ulaka.

Nothando luzala uthando. Gcwala uthando. UJesu wathi, "Lokhu bonke abantu bayokwazi ukuthi ningabafundi baMi, uma ninothando, omunye nomunye." Leso yisithelo sikaMoya oNgcwele, uthando.

151 Futhi bewazi yini, ungumdali omncane, qobo lwakho na? Niyakwazi lokho na? Impela. Nibabonile abantu enithandayo ukuba ngakubo. Anazi ukuthi kungani. Lolohlobo lomuntu nje oluthandekayo. Nike nakubona lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Onomusa nje, lapho, uyathanda ukuba ngakubo. Lokho yi . . . Badala lesosimo, ngempilo abayiphilayo, indlela abakhuluma ngayo, ingxoxo yabo.

Manje–ke, nibabonile labo aba, ngasosonke isikhathi, u—uyabagwema. Njalo, bafuna ukukhuluma ngento embi, futhi bakhulume ngomunye. Bathi, "O, he! Nampo beza. Bazogxeka omunye lapho. Usephakathi lapha manje, uzokhuluma nga*lo* wesilisa. Abazokwenza kuphela ngukukhuluma amahlaya angcolile, noma okuthize ngabesifazane, noma into efana naleyo." Uyakuzonda nje ukuba ngakubo nje. Uyabo? Bayadala. Ngokungathi, abantu abahle kancane, kodwa badala lesosimo.

Nezinto ocabanga ngazo, izinto ozenzayo, izenzo, izinto okhuluma ngazo, kudala isimo.

152 Ngaya eofisi lendoda, lapha kulelidolobha. Nendoda ingumphatheli, noma idikoni, kuyikho, ebandleni elihle. Ngahamba ngangena lapho ukuyobona leyondoda ngebhizinisi elithize. Futhi kunomsakazo laphaya, nalowo mculo wokuzibinya noma itwisti, kumbe noma ngabe kwakuyini, uvulwe wonke nje. Futhi ngiqagele kwakunezithombe ezingamashumi amane ezinabantu abakhanukisayo eofisi layo, zabesifazane abanqunu. Manje, ungeke wangitshela ukuthi idikoni elingakanani noma kungakanani okunye. Ngibonise

okubukayo, nokufundayo nohlobo lomculo olulalelayo, isixuku ozihlanganisa naso, futhi ngizokutshela ukuthi hlobo luni lomoya olukuwe. Uyabo? Ya.

153 Uzwe umfo ethi, "Mina ngenze *ukuthi–nokuthi* na? Lesosigejane . . . " Khumbula nje, angikhathali ukuthi uthini amazwi akhe akhuluma kakhulu. Izenzo zakhe sikhuluma kakhulu kunanoma noma yini ebingasho. Ubengafakaza, athi ungumKristu, impela, futhi mhlawumbe enze noma yini. Kodwa nje bhekisisa uhlobo lwempilo ayiphilayo. Lokho kusho lokho ayikho.

154 Manje, ungathini nje, indoda nempilo ebingathi, "Ukukholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu, lokho yinto yezinyoni. Lokho kwakusemuva eminyakeni eyadlula. Ayikho into enjalo namhlanje"? Ngabe leyo impilo elifanele iVangeli, ukuthi, "UKristu walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu nangemivimbo yaKhe siphilisiwe thina"? Wena uthi, "Kodwa ngiyidikoni." Angikhathali. Ungahle ube ngumbhishobhi.

155 Ngenkathi ngizwa umbhishobhi Sheen ethi, cishe eminyakeni emibili eyadlula, eza ehla; angizange ngiphinde ngimvule. Ngenkathi ethi, "Umuntu oyokholwa futhi azame ukuphila ngaleloBhayibheli, wayefana nomuntu ozama ukuhamba nokho emanzini anodaka." Umbhishobhi Sheen, bese ejika, wathi, "Uma sengifika eZulwini, niyazi ukuthini? Uma ngihlangana noJesu, ngizoMtshela ukuthi, 'Ngingumbhishobhi Sheen,' futhi Uyothi, 'O, yebo, ngamuzwa umama waMi ekhuluma ngawe.'" Ubuhedeni, amadoda ayohlambalaza leloZwi. Nkulunkulu yiba nesihawu. Angisuye umehluleli. Niyabo?

LeloZwi liyiQiniso. Kunjalo. NoMoya kaNkulunkulu uyokuqonda ukuBhala kwaKhe uQobo. Ukhonjwa ngokuBhala kwaKhe. Ku—Ku—Kukhuluma ngaYe. Futhi ukhonjwa ngokuKukholwa, futhi kuKunika izincwadi zakho ezikuchazayo zenkomba.

156 Ningaqophisani nabanye. Futhi ninga—ningabinazo lezizinqophiswano zomndeni, njengoba ngishilo. Uthando luzala uthando. Nolaka luzala ulaka.

157 Manje, manje ake sibhekisise. Bukani uJesu, umzuzu nje. Wayeyisibonelo senu. Ngethemba anikhathali kakhulu. Bukani. Ake sibuke uJesu, umzuzu nje. Wayeyisibonelo sethu. Washo njalo. "Ngokuba Ngininikile isibonelo, ukuthi nifanele ukwenza kwabanye njengoba Ngenzile kini."

158 Manje bhekisisani. Ngenkathi Efika ezweni, ngenkathi kwakukhona okukhulu, okukhulu impela ukungakholwa ezweni ngayo leyonkathi njengoba kwakulokhu kukhona, akuzange ngisho kuMlibazise. Waqhubeka ngqo eshumayela ngokufanayo nje, futhi ephilisa ngokufanayo nje. Akuzange kuMkhathaze. Kwakunabagxeki. UMuntu wagxekwa kusukela

esikhathini Eseyingane waze Wafa esiphambweni. Ngabe kwaMmisa na? Qhabo, mnumzane. Wawuyini umgomo waKhe na? "Njalo ukwenza lokho uBaba akulobile. Njalo ukwenza lokho okuMthokozisayo."

159 Bukani uJesu. Nikhuluma ngathi sizithoba na? Ngenkathi uNkulunkulu qobo lwaKhe eba yingane, esikhundleni sokuza ngo—ngombhede omncane wengane ndawondawo ekhaya elihle, wazalwa phandle lapho phezu kwenqwaba yomquba esitebeleni, phakathi kwamankonyane ampompolozayo. BaMsonga ngembeleko, yayisuka entanyeni yejoka lenkabi. Impofana edlula impofana, futhi, nokho, uMdali wamazulu nomhlaba.

160 Ngobunye obubandayo, ubusuku obunemvula, bathi, "Nkosi, sizoya ekhaya naWe."

161 Wathi, "Izimpungushe inemigodi, nezinyoni inezidleke, kodwa aNginayo ngisho indawo yokucamelisa ikhanda laMi."

UNkulunkulu, uJehova, Wazithoba futhi uba nguMuntu; emelwe enyameni yesono, ukuhlenga wena nami. Singobani pho? Wayeyisibonelo sethu. Ngingubani mina na? Lutho.

162 Bengitshela omunye, kulentambama, emhlanganweni omncane. Ngathi, "Yonke indodana ezalwa nguNkulunkulu imele ivivinywe, kuqala, ilaywe." Ngiyakhumbula ngenkathi nginokwami, noma ihora lami elikhulu kunawo onke. Uma u—uma umuntu ezalwa ngokusha, kunendawana encane, njengosayizi wozipho lomunwe wakhe, uNkulunkulu ayejovela kuye, inqubo, futhi iwela enhliziyweni yakhe bese igxilisa okwehange lapho. Bese uSathane emenza akufakazise. Futhi uma lokho kungekho lapho, usuhambile.

163 Ngiyakhumbula lapho esibhedlela, ngangithi angibe neminyaka engamashumi amabili-nambili ubudala, amashumi amabili-nantathu, mhlawumbe, ngapho nje, ngangiyinsizwa. Nobaba wami, efela ezingalweni zami, nami ngikhuluma kuNkulunkulu njengomphilisi. Nobaba wami uqobo esekuhlaselweni yinhliziyo, wacamelisa ikhanda lakhe engalweni yami, nami ngimkhulekela; futhi ngimbona eguqula lawomehlo futhi engibuka, futhi wawa, ukuba ayobonana noNkulunkulu. Ngamthatha ngamweza ngase ngimmbela eduze komfowethu, nezimbali yayisalokhu ifreshi ethuneni lakhe, nami ngishumayela uNkulunkulu ophilisa abagulayo. Ngisebenzela iNkampani yezoMsebenzi woMphakathi, ngihola utwenti sente ngehora, nomkami esebenza phandle lapha efetri yamayembe; ukusiza siphilise umfana wethu omncane owayenezinyanga eziyishumi nesishiyagalombili ubudala, uBilly Paul, nomntwana onezinyanga eziyisishiyagalombili ayemphethe.

Ngibone uDadewethu Wilson enqekuzisa ikhanda lakhe. Uyakukhumbula lokho; uRoy Slaugher nezinye zezingwazi ezindala.

164 Ngenzani na? Ngahamba imigwaqo, nesemishi esandleni sami, ngehla esigxotsheni, futhi ngifakaza kuwo wonke umuntu odlulayo, ngothando lukaJesu Kristu. Ngiye egaraji labo futhi ngicele ukuthi ngingalisebenzisa yini, ngikhulume nomakhenika. Ngingene lapho, ngithi, "Madoda, senake nasindiswa kuze kube manje na? Ngathola into ethize enhliziyweni yami." Ngingene ezitolo zegrosa ngesikhathi sasebusuku. Ngifike ekhaya ngelesibili noma elesithathu nqo ekuseni, kade ngishaya izingcingo zabagulayo ubusuku bonke gulukunqu. Nginga. . . Ngihlale phansi nje, ngishintshe futhi ngigqoke izingubo zami zomsebenzi. Futhi ngihlale lapho esitulweni futhi ngiphumule kuze kuphume ilanga, ngisukume ngihambe. Futhi sengonde kakhulu, ngokuzila ukudla nokukhuleka, ngize ngidingeke ukuba ngikhuleke ukuba ngifake izipolo zami, ukuba ngikhuphukele esigxotsheni. Ngishumayela, futhi ngishumayela, "UNkulunkulu wayemkhulu, uNkulunkulu wayenesihawu, uNkulunkulu wayewuthando," kubantu.

Futhi, lapha, ubabayi wami efela ezingalweni zami. Nabafowethu bafa, wabulawa ngenkathi ngimi epulpiti ezansi lapha kuleli elincane, ibandla lePentecostal lamakhaladi, ngishumayela. Bafika bangitshela, "Umfowenu ufele phezulu emgwaqeni omkhulu. Imoto imshayisile futhi yambulala." Igazi lomfowabo uqobo liconsa eyembeni lakhe, lapho amqukula khona emgwaqeni omkhulu. Emva nje ngqo kokuba ngimngcwabile, ubabayi wami wafa. Kwase kuthi–ke, lapho kwalala umkami phandle lapho.

165 Ngase ngihamba, ngiza ngapha, kulelitabernakele. Ngisuka kuleli, lapho lomsamo omi khona, ngatshela abantu, izinyanga eziyisithupha ngaphambi kokuba kwenzeke, "Kuzofika uzamcolo. Ngase ngibona iNgelosi ithatha udondolo, futhi ilinganisa, 'Amafidi angamashumi amabili-nambili phezu koMgwaqo uSpring.'"

USandy Davis nabo behlezi lapha, bahleka, bathi, "Kwakuthi akube ama intshi ayisishiyagalombili noma ayishumi ngo 1884, mfana. Yini ekhuluma kuwe na?"

166 Ngathi, "Kuzoba njalo. Ngoba, ngibone esinye salezoziyezi, futhi kwangitshela kanjalo. Futhi uzobakhona." Futhi kunomaka eMgwaqeni uSpring, namhlanje, emafidini engamashumi amabili nambili amanzi. Ngathi, "Ngagibela phezu kwesiqongo salelitabernakele ngesikebhe." Futhi ngakwenza.

167 Ngalesosikhathi, umkami wagula. Ngamkhulekela. Futhi ngifika etabernakele, abantu wayemlindele. Ngathi, "Uyafa."

"O, ngumkakho nje, lowo."

168 Ngathi, "Uyafa."

Ngawelela lapho ngakhuleka ngakhuleka ngakhuleka. Futhi ngangeneka izandla zami. Wabamba isandla sami. Wathi, "Billy, ngiyohlangana nawe ekuseni, ngime Laphaya." Wathi, "Uqoqe abantwanyana bese uhlangana nami eSangweni."

169 Ngathi, "Uqale nje ukumpompoloza, 'Bill.' Ngiyoba Lapho." Niyabo? Wayeseyaphuma. Ngambeka phansi lapho emakhazeni.

Ngenyukela ekhaya, ukuba ngiyocambalala. Futhi sengikwenzile . . . UBilly Paul omncane wayehlala noNkk. Broy nabo, egula kakhulu. Udokotela wayembbeke ukuba afe noma ngasiphi isikhathi. Mina ngikhulekela uBilly. Futhi nakhu kufika uMfowethu Frank wayesengithola. Wathi, "Ingane yakho iyafa, intombazanyana."

170 Ngaphuma esibhedlela. UDokotela Adair wayengangivumeli ngingene, wathi, "Unesifo solwembu lobuchopho. Uzosibuyisela kuBilly Paul." Kwakunonesi onginika olunye uhlobo lwezinto ezibomvu ukuba ngiziphuze, ukuba ngenzele oluny'uhlobo lwesidambisa zinhlungu, lwento ethize ukungithulisa. Futhi nganginazo ukuba ngisuke egumbini, ngakujikijela ngewindi. Ngathi nyelele ngomnyango ongemuva, ngehlela ekamelweni elingaphansi.

Nakho kulele ingane lapho, phambi kwesibhedlela, iwodi ehlukaniselwe umuntu oyedwa, izimpukane konke emehlweni ayo amancane kanjalo. Ngathatha isivimba-miyane esidala, ngaziphunga, ngase ngisibeka phezu kwayo. Ngehla, ngathi, "Nkulunkulu, nakho kulele ubabayi wami nomfowethu, ngaleya, nezimbali ethuneni labo. Nakho kulele uHope, elele ngaleya. Futhi nansi ingane yami, ifa. Ungayithathi, Nkosi."

171 Wavele nje wehlisa ikhethini, kwaba sengathi uthi, "Thula. Angifuni ukukuzwa, nhlobo." Wayengakhulumi ngisho nakimi.

172 Manje–ke, uma Wayengakhulumi kimi, kwase kuyisikhathi sikaSathane. Wathi, "Futhi bengicabanga ukuthi wathi WayenguNkulunkulu olungileyo. Yini konke lokhu ompongoloza ngakho na? Usengumfana nje. Qalaza, phezu kwedolobha. Onke amantombazane nobobonke abafana owake wazihlanganisa nabo bacabanga ukuthi ulahlekelwe yingqondo. Ulahlekelwe." Manje, wayengeke angitshele ukuthi akukho Nkulunkulu, ngoba ngase ngivele ngiKubonile. Kodwa wangitshela ukuthi Wayenganginakekele.

173 Ngahlala bonke ubusuku gulukunqu, yonke imini gulukunqu. Ngasho lokho kuNkulunkulu, "Ngenzeni na? Ngikhombise, Nkosi. Ungavumeli ongenacala aze ahlupheke ngami, uma ngenze okungalungile." Ngangingazi ukuthi Wayengivivinya. Kodwa yonke indodana eza kuNkulunkulu ifanele ivivinywe. Ngathi, "Ngitshele ukuthi ngenzeni.

Ngizokulungisa. Ngenzeni ngaphandle kokushumayela imini yonke gulukunqu, ubusuku bonke gulukunqu, futhi nje ngiMnike impilo yami, njalonjalo na? Ngenzeni na?"

USathane wathi, "Nakho–ke. Uyabo, manje, uma sekufika kuwe, futhi ubatshele bonke ukuthi uyakholwa ukuthi Ungumphilisi omkhulu, futhi nakho kulele ingane yakho ilele lapho, ifa. Wala ngisho nokukuzwa. Umkakho ubulawe yinyumoniya yofuba. Uthe Wayekwazi ukuphilisa imidlavuza, futhi naNgo. Manje, ukhuluma ngaYe engolungileyo, nokuthi Ulunge kanjani kubantu. Uthini ngawe na?"

174 Ngase ngiqala ukumlalela. Lokho ngukudlinza. Ngacabanga, "Kunjalo."

Wathi, "Angasho. Akadingi ukukhuluma iZwi. *Buka* ingane yakho nje, futhi izophila."

Ngathi, "Kunjalo."

"Futhi njengoba uMenzele okukhulu nje, futhi nokho yilokho Akwenzela khona."

175 Ngathi, "Kunjalo." Ngiqala ukucabanga. "Awu, ini?" Niyabo? Yonke into iqala ukwehlukana, uma kufika ekudlinzeni. Kodwa, uma kufika kuLokho, Lokho kwaphanyeka. Kwahlala lapho. Ngase nje ngilungele ukuthi, "Khona–ke ngizoyeka."

Kodwa lapho kufika phansi kwaze kwathi onke amandla okudlinza ayesehlukene, khona–ke kufika kulokho kuPhila okuPhakade, lokho kuZalwa okusha. Ukuba ke kwakukade Kungekho lapho? Ukuba ke kwakukade Kungenakho na? Sasingeke sazane ngendlela esesazana ngayo manje. Lelibandla belingeke libe lapha kanje, izinkulungwane nezigidi umhlaba wonke jikelele. Kodwa, akabongwe uNkulunkulu, Kwakulapho.

176 Khona–ke ngenkathi ngicabanga, "Ini? Ngingubani mina, empeleni na? Ngingubani mina, ukubuza ubukhosi baKhe na? Ngingubani mina, ukubuza uMdali onginika khona impela ukuphila kwami lapha emhlabeni na? Ngayitholaphi leyongane na? Ubani onginika yona na? Hhayi eyami, empeleni. Wangiboleka yona nje, okwesikhashana."

Ngathi, "Sathane, suka kimi." Ngawela, ngabeka isandla sami enganeni. Ngathi, "UNkulunkulu akubusise, s'thandwa. Ngomzuzu, ubabayi uzokwehlisa, akubeke ezingalweni zikamama. IziNgelosi zizothwala umphefumulo wakho omncane. Futhi ngiyohlangana nawe ngalokho kusa."

Ngathi, "Nkosi, Unginika yena. Uyamthatha. Noma Ungibulala, njengoba uJobe asho, nokho, ngiyaKuthanda futhi ngiyaKukholwa. Uma Ungithumela esihogweni, ngizoKuthanda, noma kanjani. Angeke ngasuka kulokho." Nakho lapho okhona.

Kade kungukuhlakanipha nje, konke kuyohlukana. Kodwa ufanele ube nobuhlobo obuqondene nawe. Ufanele uzalwe ngokusha.

177 Yingalesosizathu abefundisi bededa, izinkokhelo ezinkulu nezinto. Bathi, "Ayikho into okuthiwa ukuphilisa ngokukaNkulunkulu. Ayikho into enjengalezizinto." Abakaze babekuleyonkundla engcwele, njengoba bengikhuluma kulokhu ukusa. Abazi lutho ngaKho. Bangasho kanjani ukuthi bangabantwana bakaNkulunkulu, futhi baphike iZwi likaNkulunkulu na? Ungakwenza kanjani, uphike wona impela uMoya oNgcwele owakuthengayo na?

178 O, khumbula nje, uJesu wazithoba qobo lwaKhe, ekufeni, enzela wena. Wayengaqophisani. Ngenkathi bemphimisela ebusweni baKhe, Akaphindiselanga. Ngenkathi bemhluthula intshebe yaKhe, Akayidonsanga eyabo. Ngenkathi beMukula nganxanye ebusweni, omunye, akazange Abamukule. Wabakhulekela, waqhubeka, ngokuthobeka. Wayeyisibonelo sokuzithoba.

179 Wayegcwele ukukholwa. Ngani na? Wayazi ukuthi amaZwi aKhe awasoze ehluleka. Waphila kakhulu ngeZwi waze Waba yiZwi.

O Nkulunkulu! Mangibambelele ngezandla zami zombili kuNkulunkulu, phambi kwalezizethameli. Angiphile kanjalo. Makuthi leliZwi lize kakhulu, ukuthi mina naleliZwi yinto efanayo. Amazwi ami awabe yileliZwi; makuthi ukudlinza kwenhliziyo yami. Yena makabe senhliziyweni yami, emqondweni wami. Abophele imiyalo yaKhe phezulu esigxotsheni sokuhlakanipha kwami. Ayibophele phezulu esigxotsheni senhliziyo yami. AngiMbone nje. Uma isilingo sivuka, angibone uKristu. Uma izinto ihamba ngokungesikho, angiMbone nje. Uma sengilungele, nesitha sizama ukungenza ngithukuthele, angibone uJesu. Ubeyokwenzani na?

180 WayeseZwini kakhulu impela, kwaze kwathi Yena neZwi babayinto efanayo eyodwa. Bhekisisani.

181 Wayengadingeki ukuba aqophisane. Wayazi ukuthi Yena neZwi wayefana. Wayazi ukuthi WayeyiZwi likaNkulunkulu lenziwe labonakala, futhi umyalo kaNkulunkulu ekugcineni uyonqoba izwe. Wayekwazi lokho, iZwi laKhe. Wayenokukholwa. Wayazi ukuthi Wayekuphi. Wayengadingeki ukuba axoxisane, futhi athi, "Lapha, ungeza *ngapha*."

182 UDeveli wathi, "Manje, buka, Ungenza izimangaliso. Uyazi Unokukholwa okukhulu. Ungenza izimangaliso. NgizoKwakhela isakhiwo, esiwusayizi ophindwe kabili kwesika Oral Roberts. Isizathu, abantu bonke . . . I—into kuphela Ofanele uyenze, bakhombise. Ziwise kulesisakhiwo lapha, yehlela phansi ngqo, ngoba kulotshiwe, uyabo, 'IziNgelosi ziyakuKuthwala, funa noma ngasiphi isikhathi unyawo luwele etsheni.'" Niyabo?

Wayazi ukuthi Wayenamandla. Wayazi ukuthi Wayengakwenza. Wayazi ukuthi kwakukuYe, kodwa Wayengafuni ukukusebenzisa aze uNkulunkulu aMtshele ukuba akwenze. Niyabo? Ufuna kube nguNkulunkulu kuYe, kube yiZwi kukho konke. Futhi Wayekwazi lokho, ngenkathi Ekhuluma noma yini, ukuthi kwakuyiZwi likaNkulunkulu; futhi nakuba amaZulu nomhlaba kudlula, leloZwi ngelinye ilanga liyonqoba.

183 Wayengaqophisani futhi abe nokukhathazeka. Wayekhuluma nje amaZwi kaNkulunkulu. Lonke iZwi eliphuma ezindebeni zaKhe kwakuyiZwi likaNkulunkulu eligcotshiwe.

Bekungemangalise yini uma besingakusho lokho, "Izwi lami neZwi likaNkulunkulu liyefana. Engikushoyo, Uyakuhlonipha, ngoba angenzi lutho aze ANgitshele kuqala"? O, naso isibonelo sakho. Nanso impilo efanele iVangeli.

184 Hhayi labobapristi owayefunde kakhulu futhi epholishiwe, futhi benalo lonke lolodumo olukhulu, futhi bema futhi benze imikhuleko emide, futhi beshwabadela izindlu zabafelokazi, futhi beshwabadela izihlalo eziphakeme e—ebandleni, zonke lezizinto lapho. Babe. . . Lokho kwakungesiyo impilo efanele iVangeli.

Kodwa Wayelifanele iVangeli, kakhulu, ukuthi uNkulunkulu wathi, "Le iNdodana yaMi ethandekayo, eNgithokozile kakhulu ngaYo. Yizweni. IZwi lami liyiYo. IyiZwi laMi. Yona naMi siyafana."

185 Yazini, bhekisisani lokhu manje. Wayazi ukuthi iZwi laKhe lalizothi ekugcineni linqobe izwe. Wayazi ukuthi iZwi laKhe lalivelaphi. Wayazi ukuthi Lalingenakwehluleka neze, yingalesosizathu Athi, "Kodlula kokubili amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze lehluleka." Niyabo? Wayengakusho lokho. Lowo kwakunguMuntu OYena neZwi likaNkulunkulu baba ngabafanayo. Wathi kubo . . .

"Benifanele nenze *lokhu* na*lokho*."

186 Wathi, "Ubani ongaNgilahla ngesono na? Ubani ongaNgimangalela na?" *Isono* nguku "ngakholwa." "Uma Mina, ngomunwe kaNkulunkulu, ngikhipha amademoni, amadodana enu iwakhipha ngobani na?" Niyabo? Kwakungesikho lokho, ngakho kwakudingeka kube ngenye into ethize. Niyabo? "Uma Mina . . . "

Bathi, "Awu, sikhiphe amademoni."

187 Wathi, "Uma Ngikwenza ngomunwe kaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu eliqinisekisiwe, manje–ke amadodana enu iwakhipha ngobani na? Khona–ke yiba ngumahluleli."

188 Abantu bangezinsuku zaKhe, nabantu bahlekisa ngaYe, bakhuluma ngaYe. Kodwa, Yena, baMehlisa isithunzi, ngandlela

zonke ababengakwenza ngayo. BaMtshela ngazo zonke izinhlobo zobubi, bemelene naYe, kodwa Waqhubeka.

Manje ngifuna ukuvala emzuzwini, ngokusho lokhu.

189 Abantu balolu izinsuku bayisigejane esiguliswa yimizwa. Abantu balolusuku bayisigejane esiguliswa yimizwa. Bayesaba ukuthatha izithembiso zikaNkulunkulu. Amadoda ebandla, inhlangano yebandla, izinhlangano zamabandla ziyesaba ukuthatha inselelo yomBhalo kaNkulunkulu walolusuku. Ziyaqonda. Ziyaqonda ukuthi izimo zazo zesimanje nevangeli lazo lenhlaliswano ezilishumayelayo aliyikuhlangabezana nenselelo yalelihora, akungaphezu kokuba uSamsoni wayengahlangabezana nayo esimweni sakhe. Kwathatha uNkulunkulu.

Futhi nantu uhlelo olwakwethembisayo. Ngizofika kulokho emzuzwini nje.

190 Ngifuna ukubamba lelozwi, umzuzu. Nakuba bezibiza ngomKristu, bazithathela izivumokholo, izivumokholo ezenziwe ngumuntu, ukuthatha indawo yeZwi likaNkulunkulu. Ngakho, bangathatha isivumokholo, ngoba umuntu wasenza. Kodwa bayesaba ukweneka ukukholwa kwabo lapho kuNkulunkulu abazisho ukuthi bayamthanda. Kunjalo. Bese–ke uthi leyompilo ifanele iVangeli na? Ngeke, nakuba bengamalunga ebandla. Kodwa lokho akulifanele iVangeli. Qhabo, impela.

191 IVangeli! UJesu wathi, "Hambani niye ezweni lonke futhi nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Lezizibonakaliso ziyakuwalandela amakholwa."

Futhi uma uphika lokho ukuthi kulandela amakholwa, ungaba kanjani nempilo . . . Akunandaba, ungahle ungalisho neze izwi elibi, ungahle ugcine yonke imiyalo eyishumi, lokho akuyikuhlangana ngalutho nayo. Isalokhu ingalifanele iVangeli. Niyabo? Ibingeke.

Labobapristi bakugcina lokho, futhi wayesalokhu engafanele. Wathi, "Nina ningabakayihlo, uDeveli." Ubani owayengabeka umunwe phezu kweyodwa yalawomadoda na? Umaka owodwa wecala, futhi ayekhandwa ngamatshe ngaphandle kwesihawu. Amadoda angcwele! NoJesu wathi, "Nina ningabakayihlo, uDeveli," ngenkathi iVangeli lingena kuwo.

192 Nakuba bezibiza ngamaKristu, bayathanda ukubambelela ezivumweni kholo, izivumokholo zabo. O! Izivumokholo siphemba futhi sigcwalisa ukucabanga kwabantu besimanje balolusuku. Nendoda ezoba yimpumelelo kulolusuku, izofanele ihambisane nenkambiso yesimanje yokucabanga. Ake ngikusho lokho kahle futhi kucace. Niyabo? Indoda, uma uzoba yimpumelelo, uzofanele uhambisane nokucabanga kwesimanje kwalolusuku. Ku . . . Bayajikeleza, bathi, "O, ayisiso isithandwa na? Ayimangalisi na? Ingahlala nje lapho iqonde nto, futhi

ayisihlalisi neze kweqe imizuzu eyishumi nanhlanu. Nomelusi wethu akasiklabalaseli njalo ngalezizinto."

Ngiyamdabukela lowomelusi. Noma yiyiphi indoda engama epulpiti futhi ibuke isono salolusuku, futhi ingamemezi, ikhona into engalungile ngaleyondoda. Ayilifanele iVangeli ezisho ukuthi iyalishumayela. Kunjalo. Ngakho, ngokwenzenjalo, bazenzela izaba, ngokuthi, "Manje, buka, ibandla lami!"

193 I—indoda ifika lapha, kungekudala, ebandleni elikhulu elithize, futhi yayibhala ngesifundo esithile. Yayisithi, "Ngibhala ngokuphilisa ngokukaNkulunkulu." Yathi, "Mfowethu Branham, siyakuthanda, ehlelweni lethu." Elinye lamahlelo amakhulu kunawo onke, elinye lamakhulu esizwe, noma izwe. Yayisithi, "Siyakuthanda, kulelihlelo." Yayikhona lapha eJefferson Villa. Kodwa, yathi, "ngizothola ngalokhu ukuphilisa ngokukaNkulunkulu." Yathi, "Sinye isici ibandla lami ngempela elisitholayo." Niyabo? Yathi, "Uzihlanganisa ngakumaPentecostal amaningi kakhulu."

Ngathi, "Awu, manje, uyazi, lokho kunjalo." Ngathi, "Lelo yiqiniso. Uyazi, njalo bengifuna ithuba lokusuka kuwo." Ngathi, "Ngizokutshela ukuthini. Ngizoza edolobheni lakho, uthole ibandla lakho lingixhase."

"O," yathi, "bangeke."

Ngathi, "Yilokho engakucabanga. Yilokho engakucabanga."

194 Yathi, "Uyabo ihlelo lami ngeke likumele lokho." Lezo yizaba kakhulu, njengokuthi, "Ngithathile umfazi," noma "ngithengile inkabi." Angikhathali ukuthi zingaki iziqu zobudokotela onazo, nokuthi ubukwa kangakanani, yihlelo lakho. Lolohlobo lwenkonzo alulifanele iVangeli elilotshwe kuleNcwadi. Kunjalo.

195 Noma yiliphi ilunga lebandla eliyochema nezinto ezinjengalokho, futhi bazibize ngomKristu! Futhi baphume lapha futhi baphile...Nabesifazane bephungula izinwele zabo, futhi begqoka izingubo iBhayibheli elithi abangazigqoki. Abesilisa beqhubeka ngendlela abenza ngayo manje, "isimo sokumesaba uNkulunkulu," bethatha iziphuzo futhi bebhema izigazu, futhi beganwa izikhathi eziningana futhi beba ngabadikoni bebandla futhi ngisho nabelusi, kanjalonjalo. Nabantu abahambisana nento enjengaleyo, lolohlobo lwempilo alulifanele iVangeli.

196 Owesifazane oyohamba, futhi aye kutelefoni futhi ancetheze, futhi aqale ukuqophisana ebandleni, nezinto ezinjalo, leyo akusiyo impilo efanele iVangeli esizolimela. Noma yimuphi umuntu oyobhidliza ibandla, bese eqala ingxabano phakathi kwabantu, nezinto ezinjalo, akalifanele iVangeli esilishumayelayo. Impela. "Yisimo sokumesaba uNkulunkulu, bephika amandla akho," amandla kaNkulunkulu anigcinayo kokunjalo.

197 Qaphelani, manje, abakwenzi. Abayikukwenza nje. Banezaba, ukuthi, ibandla labo alikholelwa kuLo. Ba . . .

Awu, kodwa, uJesu ubengathi—athi endodeni, kulobubusuku, akhulume enhliziyweni yayo futhi athi, "Ngifuna uhambe, ushumayele iVangeli eligcwele."

"Ibandla lami aliLimeli, Nkosi. Ungixolele, uma Uthanda. Nginenkokhelo enhle. Mina—mina—mina, Uyazi, ngingumelusi, elinye lamabandla amakhulu kunawo onke kulelidolobha, Nkosi. O, sidumisa iGama laKho ezansi lapho! Yebo, mnumzane. Impela siyalidumisa. Ngeke ngakwenza." Izaba ezifanayo, into efanayo. Ngakho abezi emkhosini wokomoya welaKhe elithenjisiwe, iZwi eliqinisekisiwe.

198 Akashongo yini uJesu ukuthi, "Lapho kukhona isidumbu, izinkozi ziyakubuthana"? "Izinkozi," hhayi oklebe, manje. Izinkozi! Lapho kukhona ingxavungxavu, nesi—nesi—sibhucu, khona-ke oklebe bayabuthana. Kodwa lapho esentsha, iNyama ehlanzekile ikhona, izinkozi ziyobuthana. Niyabo? Impela. Lapho iZwi, uKudla kwezinkozi, ziyobuthana.

199 Ngakho abezi emkhosini wokomoya abamenyelwe kuwo. Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu unike iMelika isimemo, iminyaka eyishumi nanhlanu edlule, ukuya emvuselelweni enkulu, ukuya emkhosini wokomoya na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Beza na? Qhabo, mnumzane. Qhabo, mnumzane. Manje-ke, ukwenqaba ukuza, ngabe leyompilo ilifanele iVangeli, nakuba bezibiza ngalokho na?

200 Ngenkathi indoda ifika kimi, kungekudala, yase ihlala etafuleni, yayisithi, "Mfowethu Branham, ngifuna ukufinyelela ngale kwetafula," indoda enkulu, "Ngifuna ukubamba isandla sakho. Ngiyakuthanda." Ngangisenkonzweni futhi ngayizwa ishumayela. Yathi, "Ngiyakuthanda. Ngikholwa ukuthi uyinceku kaNkulunkulu."

Ngathi, "Ngiyabonga, dokotela. Ngiyakuthanda, nami."

Yathi, "Ngifuna ukukutshela ukuthi ngikuthanda kangakanani, njengomfowethu." Yayisithi, "Uyayibona indlovukazi yami encane ihlezi lapha, umkami na? Uyamkhumbula na?"

Ngathi, "Ngiyamkhumbula."

Yathi, "Udokotela umnikeza amaviki amabili ukuba aphile, enomdlavuza oyisimila. Futhi wena ufika edolobheni futhi wamkhulekela. Futhi wabuka phezulu, futhi wabona umbono. Wabuka emuva wase ungitshela ukuthi, 'ISHO KANJE INKOSI, uzophiliswa.'" Ibala elikhulu emhlane wakhe, lashona phakathi *kanjalo*, lalibukeka njengenkulukazi . . . njengengxenye yebele lowesifazane lidonseleke ngaphakathi, emhlane wakhe, emgogodleni wakhe ngqo. Akukho ngisho ibala lawo, namhlanje." Yathi, "Nanso ihlezi indlovukazi

yami, iyaphila namhlanje." Yathi, "Yini enye ebengingayenza ngaphandle kokuthi ngikuthande, ngokukhuleka lowomkhuleko wokukholwa na? Ngingayeka kanjani ukukukholwa ukuthi u—uyinceku yeNkosi, ngenkathi ungibona, futhi washo khona impela nje okwakuzokwenzeka na?" Yathi, "Manje kukhona enginakho okwakho, Mfowethu Branham." Yathi, "Ngingowenhlangano yamaPentecostal enkulu kunayo yonke ekhona."

Ngathi, "Yebo, mnumzane. Ngiyakwazi lokho."

Yathi, "Ngixoxe nabazalwane, kungekudala, futhi bangitshele ukuba ngixhumane nawe, futhi ngikutshele ukuthi kwakungamahloni ukuthi wathatha leyonkonzo oyinikwe nguNkulunkulu wayiyisa esigejaneni sabantu abasuka emfuleni nangakhona kanjalo."

Ngathi, "Lokho kunjalo na?"

Yathi, "Yebo." Yathi, "UNkulunkulu wathumela leyonkonzo ukuba ishaye izindawana zemizwa, izindawana ezinkulu, ezibalulekile."

201 Ngibone uDeveli ekhuluma ngayo leyonkathi. Ngacabanga, "Ya. 'Gxuma wehle kulentaba, futhi ukhombise, uyazi, usuke kulendlu.'" Niyabo? Niyabo?

Ngacabanga, "Ukuyiholela nje kudana." Umama wami omdala wayevame ukuthi, "Nika inkomazi intambo eyenele, izozilengisa yona."

Ngathi, "Kunjalo na?"

"Yebo." Yathi, "Kungamahloni, ngalokho okwenzayo." Yathi, "Uyini na? Namhlanje kul'lkhuni ukuba uzithengele ukudla." Yayisithi, "Buka uOral Roberts nabo, bangena, base bephuma lapho nokukodwa ekhulwini kwenkonzo onayo. Buka ukuthi bahambani."

Ngathi, "Ya. Kunjalo." Niyabo?

Yayisithi, "Iqembu lami lizokuthatha. Sizokufaka ngqo, nje—njengomunye wabazalwane bethu. Bonke bazokunika isandla sokudla senhlanganyelo, futhi sizoqasha indiza, futhi sikunike iholo lakho lamakhulu amahlanu ngeviki, noma ngaphezulu uma ulifuna. Futhi sizokuthumela kuwo onke amadolobha amakhulu ezweni." Lokhu kwenzeka ePhoenix ngqo, eArizona, ngale kwetafula ngqo. Yayisithi, "Futhi sizokhokhela eyakho..." Yathi, "Manje–ke udedele izwe, izwe elingaphandle, udedele izikhulu, abafo abakhulu, abaphezulu-phezulu..." Yathi, "Ukhuluma njalo ngokuba phansi-nokuphuma. Sinokuphezulu-nokungaphandle." Yathi, "Babonise isandla seNkosi. Khona–ke ngizobahambisa nomkami, nabanye, bangafakazisa ukuthi lezozinto ozishoyo ziyafezeka."

202 Yathi, "Yebo, mnumzane. Lokho kungaba kukhulu."

Manje, niyabo, indoda, isesikhundleni se D.L., iL.L.D., umbhali wezincwadi, niyabo, udokotela wencwadi efundwayo, umbhali okahle, indoda ekahle. Niyabo? Yayingawazi umBhalo.

Benazi yini ukuthi iNgelosi eyenza lezo uhlobo lwemisebenzi ayizange iye eSodoma na? Yahlala neqembu elibizelwe ngaphandle, uAbrahama.

Yayingakwazi nje. Ngavele ngayiyeka kanjalo, yathi nje ukuhlala lapho kancanyana. Ngangifuna ukubona nje ukuthi ukubamba kwakuyini. Ngathi, "Awu, ngizofanele ngenzenjani na?"

Yathi, "Awu, Mfowethu Brnaham, into nje kuphela abayishilo . . . Siyixoxile, izinto ezimbalwa, izinto ezincane ezincinyane ozifundisayo, ukuthi nje uzibeke eceleni."

Ngathi, "Isibonelo nje, ini, mfowethu?"

"O," yathi, "umbhaphathizo wakho, uyazi. Uyazi, uthi nje ukubhaphathiza njengabakamunye, into efana naleyo." Yathi, "Izinto ezincane njengalokho."

Ngathi, "O?" Ngaqhubeka.

Yayisithi, "Ubufakazi obubonakalayo bokuqala; nabashumayeli besifazane; nezinto ezincane ezimbalwa njengalokho."

203 Ngathi, "Ehhe?" Ngathi, "Uyazi, ngiyamangala inceku eyodwa kaNkulunkulu ingacela enye inceku kaNkulunkulu, emva kwamazwi okungibonga owenzile, futhi ungibiza ngomprofethi, futhi wazi ukuthi iZwi leNkosi, noma isambulo seZwi, siza kumprofethi. Futhi uyajika, Dokotela Pope, (akukhulumi ngobuhlakani bakho obuhle), futhi usho futhi ucele, inceku eyodwa kaNkulunkulu, ucela enye inceku kaNkulunkulu ukuba ixegise entweni e . . . ? . . . kusho lukhulu kuyo kunempilo qobo lwayo." Ngathi, "Qhabo, mnumzane, Mfowethu Pope. Ngeke ngakwenza nhlobo. Qhabo, mnumzane."

Kuyini na? Kunohlamvu lokuPhila okuPhakade; luphile noma lufe, noma ngabe ungumfo omkhulu noma awusuye umfo omkhulu.

204 Ngedlula, ngeliny'ilanga . . . Kungesikho ukungawanaki lamadoda amabili. Ngabuka ngaleya, futhi kwakunesithombe esikhulu lapho eTulsa, eOklahoma; indawo kaOral Roberts ezayo, ikholiji lokufundisa abefundisi. Lizobiza. Futhi ngiyamazi uDemas Shakarian, uMfowethu Carl Williams, nabo abasebhodini yabaphatheli balo. Amadola ayizigidi ezingamashumi amahlanu, nesakhiwo samadola ayizigidi ezintathu; umfana oyiPentecostal, lokho kungokuninginingi okukhulu uNkulunkulu amenzele khona.

205 Ngacabanga, "Mina, nekholiji na? Ngiphambene nalo, okokuqala nje."

206 Futhi kwathi, "Ikhaya lesikhathi esizayo likaOral Roberts ikholiji elikhulu." Ngahamba ngaqhubeka ngehla ngomgwaqo, kwakukhona into enkulu yesimanje. Futhi uOral Roberts, ethendeni elincane elimahlikihliki, uza emhlanganweni wami ngaleya eDolobheni iKansas, eKansas.

Kwathi, "Ikhaya lesikhathi esizayo likaTommy Osborn," o, ndoda, cishe indawo yamadola ayizigidi ezintathu noma ezine iya phezulu kanjalo.

Futhi lapho, uTommy Osborn, eyodwa yamadoda angamaKristu amahle kunawo onke. Uyindoda yangempela, indoda ethunywe nguNkulunkulu ngempela. Wama ngqo ngapheseya komgwaqo lapho; omncane, umfana onokwethuka, umfana omncane nentombazane emotweni; begijima bejikeleza, baphuma. Wathi, "Mfowethu Branham, ngangilapho ngenkathi ngibona lolohlanya luphuma lugijima. Futhi ngikubonile ulukhomba ngomunwe wakho ebusweni balo, futhi uthi, 'EGameni likaJesu Kristu, phuma kulo.' Ngilubonile luwa luvundla ezinyaweni zakho; emva kokuba selubeke isiprofetho salo, lwathi, 'Kulobubusuku, ngizokushaya uphume uyothi ngqu phakathi kwalezozethameli zabantu abangamakhulu angamashumi ayisithupha-nanhlanu.'" Futhi wathi, "Ngikubonile uma lapho, awuzange uphakamise iphimbo, futhi wathi, 'EGameni leNkosi, ngenxa yokuthi uphosele uMoya kaNkulunkulu inselelo, kulobubusuku, uzowela lapha ezinyaweni zami.' Lwathi, 'Ngizokukhombisa ukuthi ngizowela kwezikabani izinyawo.'"

207 Futhi ngathi, "Phuma kulo, Sathane." Lwavele lwawa lwaqethuka futhi lwahloma izinyawo zami kwiphansi lendlu ngqo.

Wathi, "UNkulunkulu unguNkulunkulu, Mfowethu Branham. Yilokho kuphela." Wathi, "Ngangizibethelele endlini izinsuku ezimbili noma ezintathu." Akancengi. Uzoxoxa ngakho. Akanamahloni ngakho. Wathi, "Ucabanga ukuthi nginesiphiwo sokuphilisa na?"

208 Ngathi, "Kukhohlwe, Tommy. Wathunyelwa ukushumayela iVangeli. Hamba, uLishumayele. Hamba noMfowethu Bosworth lapho."

209 Ngabuka lapho, futhi ngabona. Ngaqala ngaphambi kwalabo bobabili.

Ngacabanga, "Nango uOral Roberts nemishini engamakhulu amahlanu, ukuthi akukho ngisho nasandla somuntu esithinta izinhlamvu zamagama; amadola ayizigidi ezine eposini, ngonyaka odlule." Izigidi ezine; okukodwa kokune kwayo yonke imali eyathathwayo, kulolonke izwe lenkolo yamaKristu, jikelele. Okukodwa kokune kwemali kulolonke izwe lenkolo yobuKristu kungena endodeni eyodwa. Indawo enje! Ngaphuma lapho ukuyokubona.

210 Futhi, manje, uOral ngumfowethu. He! Ngiyamthanda. Ungumfo wangempela, umfo impela, futhi ngiyamthanda. Futhi ungazisa kakhulu impela nje, futhi ngiyamazisa kakhulu, nami. Asivumelani nje ngo—ngomBhalo.

Futhi, uTommy Osborn, hhayi ongcono. Nje ngimazisa kakhulu impela. Ungomunye wamadoda amahle kunawo onke engike ngahlangana nawo, uTommy Osborn.

"Nalawomadoda," ngacabanga, ngenkathi ngiyongena eofisi lawo futhi ngakubona ayenakho, ngicabanga ukuthi ngingaba namahloni ngawo ukuba eze, abone elami: umshini owodwa omncane wokuthayipha, nathi sizama ukukhipha izinhlamvu zamagama. Futhi into enje pho! Ngahlala ekugcineni kwekharaveni ngalesosikhathi. Ngacabanga, "Kungaba yini lokho?"

Ngase ngiphuma. Ngacabanga, "Awu, 'Ikhaya lesikhathi esizayo likaOral Roberts.' 'Ikhaya lesikhathi esizayo likaTommy Osborn.' Omunye akakhulumi komunye."

Ngakho, ngehla ngomgwaqo. Ngacabanga, "Kodwa mina–ke?"

211 Futhi Into ethize yathi, "Buka phezulu."

212 Ngacabanga, "Yebo, Nkosi, mangibeke ingcebo yami eZulwini, ngoba yilapho inhliziyo yami ikhona." Manje, angikusho lokho ngokudabuka. Ngiyakusho nje lokho ngoba kwenzeka, noNkulunkulu uyazi ukuthi lokho kunjalo. Niyabo?

213 Iphi ingcebo yakho na? Uyafuna ukuba ngomunye umuntu othize omkhulu na? Uma unguye, awumuntu. Ufika endaweni uze ungabe usafuna ukuba ngumuntu othize omkhulu. Ufuna ukuba yinceku encane ethobile kuKristu. Yileyondlela yokuphuma. Yilokho kuphela.

214 UMfowethu Boze nabo ubumba ibandla eChicago. Badingeka nje bayeke ibandla lasePhiladelphia kulelohlelo. Manje babekhuluma ngokuthola omunye umfo nebhantshi lakhe elibheke emuva *kanje*, enye iDD. Ngathi, "Nisemgwaqeni wenu ophumayo. Uma nifuna ukuthola umelusi wangempela walelobandla, tholani umfo omdadlana othobile okungabal'khuni ukuba abhale igama lakhe, nenhliziyo yakhe ivuthela uNkulunkulu. Thathani lowomfo nje. Yilowo enifuna ukumthola, umuntu ongazazi zonke lezizinto, umuntu ongayikuphoqelela futhi ashayele, futhi aniphose kuzo zonke izinhlobo zezikweletu, yonke enye into, futhi nje anondle ngeZwi likaNkulunkulu. Yilolohlobo lomuntu lokutholwa."

Ngakho, abayikuza emkhosini wokomoya. Kufanele ngivale. Sengeqe isikhathi manje. Cishe emizuzwini eyisithupha, sizobe sesiphuma, iNkosi ithanda.

215 Ngizwa abanye bethi, "Kodwa, Mfowethu Branham, kungcono usekele lesositatimende." Uthi, "Abantu abasibo

abaguliswa yimizwa. Lababantu abasibo abaguliswa yimizwa. Kuphela bafundisiwe.” Bangabaguliswa yimizwa abafundisiwe, ke. Kunjalo. Ya. “Abasibo abaguliswa yimizwa. Bangabafundisiwe.”

Manje–ke ngifuna ukunibuza umbuzo. Niyabo? Niyaqonda. Ngifuna ukunibuza umbuzo ke, ngicela nichaze izenzo zabo zanamhlanje, uma bengesibo abaguliswa yimizwa. Ngitsheleni ukuthi yini ebenza benze njengoba benza, uma bengesibo abaguliswa yimizwa; niyabo, wonke umfo edonsela ihlelo lakhe, oyisiminzi. UJesu wayengenjalo. Wayengajahi ngalutho. Niyabo? Wayengesiye oyisiminzi. Wayeyisibonelo sethu.

216 Ubugebengu, isizwe, isizwe sinobugebengu obuningi kunoma sake saba nabo. Yini engalungile na? Injejane, amalunga ebandla, ethatha izimpilo, amadoda edubula omkawo nomndeni, futhi eshisa abantwana bawo. Futhi bukani igagasi lobugebengu. Abasibo abaguliswa yimizwa na? Pho yini ndaba? Yini izenzo zabo na?

Izizwe ezihlanyiswa amandla, zonke zifuna ukuthatha konke. . . okusele futhi zikwenze iflege elilodwa, isizwe esisodwa, lokho kube yiflege labo nesizwe sabo. Ukuhlanyiswa amandla!

217 Ukuba nesimilo esibi, ngani, izwe linesimilo esibi kakhulu kunoma lake laba naso. Abesifazane abanqunu emigwaqeni, abesifazane abanqunu, futhi bathi basile engqondweni na? Bangeke. Nje bangeke.

218 Lalelani. Kwakukhona umuntu oyedwa eBhayibhelini abahhundula izingubo zabo, lowo kwakunguLegiyona. Wayesangene. Ngenkathi uJesu emthola futhi umnika ukuba ase engqondweni, wembatha izingubo zakhe. Kunjalo.

Yini enenza nihhundule izingubo zenu na? UDeveli. Kunjalo. Bese–ke nithi abasibo abaguliswa yimizwa na? Qala ukwehla ngomgwaqo lapha, futhi ushayele ibanga lezindlu zasedolobheni ezine ungabonanga owesifazane onqunu, bese ubuya ungitshela. Kunjalo. Thola.

219 Manje–ke ukuthi abasibo abaguliswa yimizwa na? Manje–ke yini engalungile na? Ngeke babasengqondweni yabo esile. Owesifazane onengqondo esile ubengekwenze lokho; unomqondo ongcono. Uyazi ukuthi uzikhiphelani. Isigejane samademoni akhanukayo phandle lapho, nje singcolile, amanyala, anganakekeli, amadoda adakwayo, ababulali, yonke enye into. Wena uthi . . .

220 Izwe liphuza uphuzo oluningi manje. Bachitha eningi imali ngophuzo, eUnited States kunoma beyichithela amagrosa. Ngicabanga ukuthi yi. . . Ngiyakhohlwa ukuthi isikweletu sophuzo oludakayo sibiza kangakanani ngaphezulu unyaka ngamunye, esizweni kunoma kwakwenza. Futhi abophuzo oludakayo benzani na? Bakuthumela esikhungweni sezinhlanya.

221 Umdlavuza. Ngenkathi odokotela bezokwelapha abavela emhlabeni jikelele bebhala emaphephabhukwini, futhi bakutshele, “Umdlavuza ngemithwalo yezimoto.” Osikilidi. Bawufaka emagundwaneni, futhi kufakazelekile ukuthi ukunika umdlavuza wamaphaphu. Amaphesente angamashumi ayisikhombisa abo athatha umdlavuza wamaphaphu ngokubhema osikilidi. Nalabo besifazane nabesilisa bayoba phafuza behle ngqo bese bewufuthela ebusweni bakho. Uma lokho kungesibo abaguliswa yimizwa, yini abaguliswa yimizwa na?

222 Kanti, iVangeli likaJesu Kristu lingashunyayelwa futhi lifakazelwe, noNkulunkulu waseZulwini esimweni saKhe seNsika yoMlilo evayizela phezu kwabantu futhi ekhombisa ukuthi uJesu Kristu usekuhlanganeni komhlangano wokugcina wokuFika kwaKhe, ebanika isibonakaliso sokugcina. Futhi bayaKuhleka futhi bahlekisa ngaKho, futhi bazibiza ngamalunga ebandla; bese bethi–ke abasibo abaguliswa yimizwa na? Kuchazeni lokho. Isikhathi sami silokhu sihamba. Kodwa nje buza uma bengaguliswa yimizwa. Impela. Bangoguliswa yimizwa abafundisiwe. Kunjalo impela. Chaza isimo sabo. Ungeke.

223 Bagunda izinwele zabo, bagqoka izingubo zokwezwe, baphumele emgwaqeni kanjalo. NeBhayibheli likaNkulunkulu lixwayisa ngokumelana nakho, linqabela ngisho nabesifazane ukuba ngisho bakhuleke nezinwele eziphunguliwe. Futhi lithi indoda. . .Futhi uyakwenza lokho. Uzisho, yena uqobo, kumyeni wakhe, ukuthi unesimilo esibi, qobo lwakhe, futhi unelungelo eliphelele ukuba ahlukanise naye futhi amsuse kuye. Kunjalo impela. IZwi likaNkulunkulu lisho lokho, nabesifazane bayakuzwa lokho, futhi baqhubeka nokuba nezinwele ezimfishane, futhi azibize ngomKristu. Uma lokho kungesikho ukuguliswa yimizwa, yini ukuguliswa yimizwa na? Ngifuna umuntu angitshele ukuthi kuyini ukuguliswa yimizwa, ke. Yebo. Bangabaguliswa yimizwa.

224 Abafundiswe kakhulu, iziqu, ikholiji! Sibeka esiningi isikhathi ekufundiseni abantwana bethu imfundo, e—ekusebenziseni ongwaqa nebhayoloji, kunoma sifanele ngeBhayibheli noJesu Kristu. Akukho mntwanyana kulelizwe ongeke akutshela ukuthi ubani uDavid Crockett. Akukho nokuthathu kwabo ongakutshela ukuthi Ubani uJesu Kristu. Manje–ke, akusibo abaguliswa yimizwa na? Impela, yikho. Besingaqhubeka siqhubeke siqhubeke, ukuthi benza kanjani!

225 Khumbulani nje. Namabandla ayakuvumela, iBhayibheli libe likugxeka. Ngabe inkonzo ingeguliswa yimizwa na? Abaguliswa yimizwa abafundisiwe. Kunjalo impela. Amabandla ayakuvumela.

226 Khumbulani uLoti. Wayeyindoda ehlakaniphile. Mbukeni, umzuzu nje manje. Ninga—ninga . . . Asinga . . .

Ngiyaxolisa ngokweqa ngemizuzu ethi ayibe mibili nje. Lokhu ku—lokhu kusemqoka kakhulu. Kuphumela e . . . Niza ukungizwa ngenza leteyipu.

227 Bukani. Bukani. Manje, yimani umzuzu nje. Khulekani umzuzwana nje, enhliziyweni yenu, "Nkosi, mangikubone." Vula ukuqonda kwakho. Kwangathi uNkulunkulu angakwenza. Bukani i . . . Nje thathani lesisizwe, sodwa. Akesisho ukuthi uNkulunkulu wathini.

228 IBhayibheli lasho, ukuthi, "Izono zaseSodoma zawuzwisa ubuhlungu umphefumulo olungileyo kaLoti imihla ngemihla." Nje wayengenaso isibindi ngokwenele ukuba ame gelekeqe aphikisane nakho. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Akakwazanga ukukwenza, ngokuba wayeyimeya yedolobha. Akakwazanga. Kodwa iBhayibheli lasho ukuthi, "Izono za—zabaseSodoma zawuzwisa ubuhlungu umphefumulo wakhe." Wayazi ukuthi kwakungalungile, kodwa wayengenaso isibindi sokukwenza, ukuma athi qekelele aphikisane nakho.

229 Manje bukani. Bangaki oLoti eMelika, izolo, befunda iBhayibheli labo, ukulungiselela umlayezo wabo wosuku, futhi kwenzeka bahlangana nombhaphathizo wamanzi eGameni likaJesu Kristu na? Bangaki ababo abahlangana nombhaphathizo kaMoya oNgcwele na? "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade"? UMarku 16, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo"? UJohane 14:12, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza"? "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini, celani enikuthandayo futhi kuyakwenziwa"? Bangaki oLoti abakubonile Lokho na? Kodwa, ngenxa yezaba zabo, zehlelo labo! Kubuke ngaphandle futhi kubona eBhayibhelini.

230 Bukani ibandla labo labesifazane abaphungule izinwele, futhi bayazi iBhayibheli liyakugxeka. Babuke behla ngomgwaqo, emalungeni abo uqobo ebandla ehla ngomgwaqo, efake izikhindi, futhi ayazi ukuthi iZwi liyaphikisana nakho. Kodwa abanaso isibindi ukukumemeza baphikisane nakho. Kodwa, nokho, indoda ezisho ukuthi ingumKristu, umphefumulo wayo phakathi kwayo umemeza uphikisana nakho, kodwa ayinaso isibindi. Uma leyo kungesiyo iSodoma yesimanje, ikuphi na?

Nkulunkulu, siphe umuntu ozomemeza aphikisane nakho. Kunjalo. NjengoJohane umBhaphathizi wathi, "Izembe libekiwe empandeni yomuthi." Yilokho esikudingayo namuhla.

231 Bhekisisani. BayiSodoma yesimanje. Khumbulani. Niyabo? Lonke izwe seliphenduke iSodoma neGomora lesimanje. ULoti futhi ehlala ngale. Qhabo . . . Ekuhlalisa yonk'indawo,

ngokuba izinkolelo zakhe eziqotho kuyamtshela ngeZwi ukuthi wayenephutha.

232 Bukani eChicago, iChicago enkulukazi, ngenkathi labobashumayeli abangamakhulu amathathu behlezi lapho. NeNkosi yangitshela ngalobo busuku ukuthi babezokwenzani. Babengicuphile. Mina, ngiwelele lapho. Ngahamba futhi ngatshela uMfowethu Carlson. Ngathi, "Anizukuba nawo kulelohhotela. Nizodingeka niwuyise kwenye indawo, futhi kuzoba yikamelo elil'hlaza s'bhakabhaka. Futhi bangicuphile, abangicuphile yini, Mfowethu Carlson na?" Wagobisa ikhanda lakhe.

Wahlala lapho eofisi lami, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ukuba mina ngifike, umhlangano waseChicago. Wathi, "Angisoze ngakukhohlwa lokho, Mfowethu Branham."

Ngase ngithi, "Bangicuphile. Ngani, Mfowethu Carlson na? Uyesaba yini ukungitshela ukuthi kungani, wena noTommy Hicks?" Bagobisa ikhanda labo. Ngathi, "Tommy, awuyi ngani uyokhuluma na?"

Wathi, "Bengingeke ngikwenze."

Ngathi, "Bengicabanga ukuthi uthe ubuzongisiza."

233 Ngathi, "Izolo ebusuku iNkosi ingitshelile. Wehlela lapho namhlanje, futhi uthola ukuthi awuzukuyithola leyondlu. Uya kwenye indlu. Udokotela Mead uzobe ehlezi *ngapha*. Leyondoda eyikhaladi, umkayo, oculayo, uzobe ehlezi khona *lapha*, kanjalonjalo, lapho bonke abazobe behlezi khona." Ngathi, "Kuzoba nompristi kaBuda lapho." Futhi ngathi, "Manje thola. Banawo ukuphikisana nami ngoba ngishumayela umbhaphathizo wamanzi eGameni leNkosi yethu uJesu Kristu. Banawo ukuphikisana nami ngokuba ngishumayela inzalo yenyoka; nokuphikisana nobufakazi obubonakalayo, ukuthi, wonke umuntu okhuluma ngezilimi unoMoya oNgcwele, nezinto." Ngathi, "Woza wehle futhi ubhekisise uNkulunkulu."

234 Wangena lapho, behlela lapho, futhi wona impela amahora amabili kusukela ngaleyonkathi, noma ngaphezulu, ngesikhathi esithize ngaleyontambama, babizela enhla uMfowethu Calrson. Wayesethi, "Umfo omvumele abe naleyo, futhi wakhokha idiphozi kuyo, wathi, 'Sidingeka sikhansele, ngoba imenenja ithe ibisivele iyethembise ibhendi ngalobubusuku, noma ngalokho kusa.'" Futhi abakwazanga ukuyithola.

235 Ngakho saphumela eTown and Country. Futhi ngalokho kusa ngenkathi singena lapho, futhi sama phakathi lapho. No—noMfowethu Carlson wathi, "Kunento eyodwa. Nina bazalwane ningahle niphikisane noMfowethu Branham, kodwa," wathi, "akesabi ukusho lokho akukholwayo." Wathi, "Ungitshele ukuthi lezizinto bezizokwenzeka ngayo impela nje indlela eziyiyo." Wathi, "Manje nangu. Akazikhulumele."

236 Ngathatha umBhalo, "Angibi ngongawulaleliyo umbono wasezulwini," njengoba kwasho uPawulu. Ngathi, "Niwufakele mina, ngombhaphathizo wamanzi eGameni likaJesu Kristu. Ningaphezu kwamakhulu amathathu uzethula njengo Dokotela u*S'bani–bani*, noDokotela u*S'bani–bani*." Ngathi, "Anginayo ngisho nemfundo yasesikoleni yokubhala nokufundwa kolimu. Kodwa ngiphosela inselelo noma iyiphi indoda lapha ukuba ulethe iBhayibheli lakho futhi ume lapha eceleni kwami, futhi uphike elilodwa lamaZwi elishiwo."

Ninakho eteyipini khona lapha, uma nifuna ukuzwa. Leso kwakuyisixuku esasithule du owake wasizwa. Ngathi, "Yin'indaba?" Ngabe ukhona noma ubani lapha kulobubusuku, owayekhona kulowomhlangano wasekuseni, ake sikubone uphakamisa isandla sakho. Ya. Awu, impela, qalazani yonke indawo.

Ngathi, "Manje–ke, uma ningenakukwesekela, khona–ke sukani emva kwami." Kunjalo. Okuninginingi ukuklabalasa, uma bengasekhonini. Kodwa ukubhekana ubuso nobuso nendaba-mlonyeni, kwehlukile. Kunjalo. Ku. . . Lawomadoda aphuma.

237 UTommy Hicks wathi, "Ngifuna amakhulu amathathu alawomateyipu, ukuwathumela kuwowonke umshumayeli kaziqu zintathu ongumzenzisi engimaziyo."

Lawomadoda engixhawula, athi, "Sizokwehlela etabernakele futhi siphinde sibhaphathizwe."

Akuphi na? Izaba. "Ngeke ngakwenza. Ihlelo lami aliyikungivumela ngikwenze. Ngithathile umfazi. Ngithengile inkabi yejoka, noma inkabi, njalo. Ngi—ngithengile insimu. Ngifanele ngiyoyibheka." Niyabo? Ezinye zalezozinto, ezinjalo, izaba. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngabe leyompilo ilifanele iVangeli na? ["Qhabo."]

Uma iVangeli liqinisile, asithengise ngayo yonke into esinayo futhi siphilele Lona. Yiba ngumKristu. Yebo, mnumzane. Amen. Qaphelani manje, njengoba sivala.

238 Kodwa izaba zabo yizivumokholo zabo namahlelo abo.

Kufana nesihlahla. Ngangibuka uMfowethu Banks, ngoluny'usuku. Ngangine—nesihlahla seshoba, ngasitshala ngenkathi kuqala ngithuthela enhla lapho, cishe, o, cishe iminyaka eyishumi nanhlanu eyadlula, noma ngaphezulu. Futhi ngayeka leyomivini, amagatsha akhule esihlahleni seshoba, futhi asikwazanga ukuba sibuyisele umshini wokugunda utshani phansi kwalapho. Futhi kwakungekho nehlamvana lotshani, empeleni. Futhi ngaphumela lapho, ngathatha isaha ngase ngisaha lezozingatsha ngazisusa, saze sathi lesosihlahla seshoba sakhula saya phezulu le *lapha*, lapho owawungahamba khona ngaphansi kwaso nomshini wokugunda utshani. Nesixhotshana sotshani esihle kunabo bonke owake wabubona siphansi kwaso

manje. Kwakuyini na? Imbewu yayilapho. Yayifanele ithole ukukhanya.

239 Futhi inqobo nje uma ihlelo, izaba zakho, izama ukusitha ngethunzi leyoMbewu owaziyo ukuthi empeleni ilele lapho, uthatha indawo kaLoti. Ntshinga lezozinto, futhi udedele ukuKhanya kweVangeli kukhanyise phakathi phezu kwalapho, amandla kaJesu Kristu. Yebo. Ukuvimbela ukuKhanya kusuke kuyo, kuyoyivimbela ukuba iphile. Ngokuba, uma ukuKhanya kuke kuze kufike kuyo, iyoqhumela ekuPhileni.

Yingalesosizathu abantu bethi, "Ungayi komunye waleyo uhlobo lomhlangano." Besaba ukuthi okunye kokuKhanya kuyoshaya elinye lamalunga abo.

240 Khumbulani owesifazane emthonjeni. Wayeyisifebe.

Nakho kumi labobapristi. Babonile uJesu etshela uNatanayeli, "Ngakubona ngapho, uphansi komkhiwane."

Nabapristi bathi, "UnguBelzabule. Ungumbhuli. Lowo nguDeveli."

241 Lona abesifazane abancane, ngenkathi enyukela lapho, esesimweni sakhe sesimilo esibi, ehlala namadoda ayisithupha. Futhi ngenkathi enyukela lapho ekulesosimo, kulesosimo ayekuso. NoJesu wathi, "Ngiphuzise." Ingxoxo yaqala. Wathi, "Hamba ulande indoda yakho uze lapha."

Wathi, "Anginayo."

Wathi, "Usho iqiniso. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo, ayisiyo indoda yakho."

Wathi, "Ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena, Nkosi. Ngiyazi uMesiya uyokwenza lokho nxa Efika."

UJesu wathi, "NginguYe."

242 Lokho kwakuxazulula. Ngenkathi lokho kuKhanya kubaneka kuvundla kuleyoMbewu ilele phakathi kulesosifebe esidadlana, izinsuku zesifebe zase zedlule. Sasuka saqonda emgwaqeni, sidumisa uNkulunkulu, sathi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Lona akasuye uMesiya na?" Kwakuyini na? UkuKhanya kwafinyelela kuleyombewu emuva phansi kwethunzi lompheme wesifebe. Yebo, mnumzane.

Manje asivale, ngokusho lokhu. Angazi ukuthi mangaki amanye amakhasi engisenawo, kodwa ngi—ngiqinisekile ngeke ngiwathathe onke. Cishe ishumi, kodwa nje lokho kuthi akuphele ngohhafu owodwa. Kodwa asivale, ngokusho lokhu.

243 Ake siqhathanise into ethize, kanye, kwempilo efanele. Ake siqhathanise impilo kaPawulu oNgcwele nombusi oyisicebi esisesincane. UkuKhanya okufanayo kwashaya amadoda omabili. Bobabili babenesimemo esifanayo esivela kuJesu Kristu. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bobabili wayeqeqeshwe kahle emiBhalweni. Bobabili babengosiyazi

bezenkolo. 'Khumbulani, uJesu wabatshela—watshela umbusi oyisicebi esisesincane, "Gcina imiyalo."

244 Sathi, "Ngikwenzile lokhu, kusukela ebusheni bami."

Wayeyindoda eqeqeshiwe. Wayenjalo noPawulu oNgcwele. Bobabili babeqeqeshwe kahle emBhalweni. Kodwa, bobabili babeneZwi. Omunye wayenaLo olwazini; omunye wayenembewana yokuPhila kukho. Ngenkathi lokho kuKhanya kubaneka ngale, phambi kukaPawulu, wathi, "Nkosi, UnguBani na?"

Wathi, "NginguJesu."

"Ngilapha, ke." Wayeselungele.

245 UkuKhanya kwashaya amadoda omabili. Omunye waqhuma; omunye akaqhumi. Yileyondlela okungayo namhlanje: ibandla lokomoya, ibandla lokwemvelo.

246 Isicebi sasinezaba zaso. Asikwazanga ukukwenza. Sasisindana kakhulu sinabangani abaningi kakhulu bezwe. Sasingafuni ukuyeka ukuzimatanisa.

Yileyo indaba ngenqwaba yabantu namhlanje. Uyacabanga, ngoba ungowedlangala, ubungeke nje washiya lobobuzalwane. "Bonke bayaphuza nezinto ezinjalo. Benza *lokhu*." Kulungile, hambisana nalo; akukho okumelene nedlangala, akukho okumelene nebandla. Ngikhuluma ngawe. Uyabo? Ya. Uyabo? Akukho okumelene nalokho. Ngokuba, isithupha soyedwa, nohhafu wedazani omunye. Ngisanda kuqeda nje nginitshela ukuthi ibandla lalingelutho kodwa idlangala, ihlelo, uma bephika iZwi likaNkulunkulu.

247 Qaphelani. Isicebi sasinezaba zaso. Asizange sibushiye ubufakazi baso, nokho. Sithola ukuthi saya ebhizinisini elikhulu. Sasinolwazi. Futhi saya endaweni enjalo saze sadingeka sandise kakhulu impela, saze sakha izinqolobane ezintsha ukuba sifake izinto zaso kuzo. Futhi ngenkathi sifa; nenye impohlo, nokhololo wayo ubheke emuva, yashumayela umngcwabo waso, akungabazeki. Futhi ngenkathi yenza, ngahle ukuba yathi . . . Bawehlisa uhhafu amaflege, futhi bathi, "Umfowethu othandekayo, imeya yalelidolobha, manje isisezingalweni zikaSomandla, ngoba ibiyilunga elikhulu lebandla. Yenza *ukuthi-nokuthi*, no*kuthi*."

NeBhayibheli lasho, "Sesisesihogweni saphakamisa amehlo aso, sisekuhlushweni." Niyabo?

248 Futhi khumbulani, sasisalokhu sifuna ukubamba isikhundla saso esihogweni. Simbonile uLazaru, esezifubeni zika Abrahama, sase sithi, "Baba Abrahama, thumela uLazaru phansi lapha." Sisalokhu simbiza ngo "baba." Niyabo?

Sathatha ulwazi lwaso, futhi saya ebandleni lezihlakaniphi. Ngenkathi ukuKhanya kusishaya, saKwenqaba.

Uma leyo kungesiyo inkambiso yesimanje yebandla namhlanje, angiyazi. Akunandaba ukuthi uNkulunkulu ubaneka ngokuvundla endleleni yabo yezinyawo, iNsika yoMlilo kumbe noma kungahle kube yini; basalokhu, nolwazi lwabo, bangaLichaza balichezukise, futhi baye eqenjini lezihlakaniphi, ngenxa yokuma kwezenhlaliswano.

249 Kodwa uPawulu wayesevele esekumeni kwezenhlaliswano, nolwazi olukhulu, isifundiswa esikhulu phansi kukaGamaliyeli, owangakwesokudla kumpristi omkhulu, ngangokuthi waze waya kubapristi futhi wathola iziyalo ukufaka bonke labobagingqiki abangcwele ejele. Kodwa ngenkathi ukuKhanya kushaya endleleni yakhe yezinyawo, futhi ubonile ukuthi leyoNsika yoMlilo efanayo eyahola uIsrayeli edabula ehlane yayinguJesu Kristu, washiya konke ake akwazi. Uza ekuPhileni.

250 Ubungayibiza leyompilo yesicebi ngempilo efanele iVangeli esalizwa na? Nakuba sasiyikholwa, ubungalubiza lolohlobo lwempilo . . . Phakathi kwezihlakaniphi nemibungazo, lobobusuku phezulu lapho e . . . lapho ilanga lishona, sinikeza uthosi, futhi mhlawumbe omuny'umpristi esho umkhuleko, phezulu esiqongweni salapho. Futhi sasinemibungazo, nesinxibi silele esangweni laso phansi lapho. Futhi sinikeza uthosi waso, futhi sikhuluma ngokukholwa kwaso okukhulu esasinakho kuNkulunkulu. Futhi ngaphambi kokuba kuphume ilanga, ngokusa okulandelayo, ngaphambi kokuba kuphakame ilanga, sase sesisesihogweni. Kunjalo. Nazo izihlakaniphi zenu.

251 Kodwa uPawulu, ngenkathi ukuKhanya kumshaya, ake siqhathanise impilo yakhe futhi sibone ukuthi ngabe yayifanele yini. Kwenzekani na? Ngenkathi, uPawulu, ukuKhanya kwamshaya, washiya lonke ulwazi lwakhe futhi wasuka kulelo qembu lezihlakaniphi, futhi wahamba eMoyeni kaJesu Kristu. Udumo kuNkulunkulu! Enokuba simati nje njengoba wayenjalo, akazange ngisho asebenzise amagama amakhulu.

Ngenkathi efika phakathi kwalawomaKorinte, wathi, "Angizi neze kini ngokuhlakanipha komuntu. Angizi neze kini ngamazwi awuwangala, ngoba nibeka ukukholwa kwenu kulokho. Kodwa ngiza kini ngobulula, ngamandla okuvuka kukaJesu Kristu, ukuze ukukholwa kwenu kube phakathi lapho." Nanso impilo. Ibhekisiseni.

252 Akazange asebenzise imfundo yakhe. Akazange ahambe nesigejane sezihlakaniphi. Wahamba eMoyeni kaKristu, ethobile, elalela iZwi likaNkulunkulu, ngenkathi Laliphambene kakhulu impela nezivumokholo zabo. Kodwa uPawulu wabona ukuKhanya futhi wahamba kuKho (kunjalo na?), ededela ukuPhila kukaKristu kubonise uJesu Kristu onyakeni ayephila kuwo, ukuze abantu babone uMoya kaNkulunkulu ukuye.

Nabathobile bakukholwa, kakhulu impela, baze bafuna ngisho nokungenisa amaduku. Ababewathathe emzimbeni

wakhe. Futhi bakukholwa, kakhulu impela, ungukumela okungaka kukaJesu Kristu, kwaze kwathi, noma yini ayeyithinta, bayakholwa, yayibusiswa. Yebo. Indoda eyayinje pho, inikela impilo yayo, umcebo wayo, nayo yonke into eyayinayo! Imfundo yayo; yayikhohlwa yonke, ukuba yehle nabadobi, nezinxibi nomalalepayini emgwaqeni, ukudedela izibani zayo zibonise uthando lukaJesu Kristu.

Wathi, "Ngishaywe imivimbo emhlane, kamashumi amane nesishiyagalolunye; akungikhathazi. Futhi, ngithwele emzimbeni wami izimpawu zikaJesu Kristu." Umfo omncane bandla esesimweni esibi kakhulu kangaka, wathi, "Ngiphethe emzimbeni wami izimpawu zikaJesu Kristu." Okwehluke kanje pho kulesisikhulu nabapristi besizungeze macala onke.

253 Futhi ngenkathi eseRoma, futhi kungekho-muntu omi ngakuye. Futhi babakha iblokwe, ukuba bamnqume ikhanda, phandle lapho. Yilapho akusho khona. O, he! Wathi, "Ngibekelwe umqhele, iNkosi, umaHluleli oLungileyo eyakungipha wona ngaloloSuku; futhi kungesimi kuphela, kodwa manje bonke labo abathanda ukubonakala kwaYo." Kunempilo efanele iVangeli, noma, indodana.

254 Wamela uKristu. Wavumela iVangeli libonise ngaye. Ngaphambi kokuba enze, wahamba futhi wafunda iVangeli. Wehlela eArabiya futhi wahlala lapho iminyaka emithathu, futhi wathatha iTestamente eLidala. Futhi wakhombisa, ngeTestamente eLidala, ukuthi WayenguJesu Kristu. Futhi waKuvumela kubonise ngaye, esigejaneni esithobile sabantu. Ukuthi, yena, ngenkathi . . . Wathi, "Ngiyazi ukuthi kunjani ukusutha, futhi ngiyazi ukuthi kubanjani ukulamba nokuswela."

Indoda enemfundo njengaye, nesifundiswa esikhulu njengaye, emi nge . . . nomfundaze ovela kuGamaliyeli, omunye wothisha abakhulu kunabobonke owayekhona wosuku, futhi wama ingalo nengalo nompristi omkhulu. Mfowethu, wayengahle abize izigidi zamadola futhi abe nazo zonke uhlobo lwezakhiwo. Kunjalo. Kodwa wathi, "Ngi . . . "

255 Engenalo ngisho kuphela ibhantshi elilodwa. NoDema wabona indoda inenkonzo engaka njengaleyo! UThimothewu wesiBili, isahluko 3, wathi, "UDema ungishiyile, nawo onke amanye amadoda, ethanda lelizwe lamanje." Wathi, "Uma uza, ungiphathele lelobhantshi engalishiya enhla lapho. Kumakhaza." Indoda eyayinenkonzo enjalo, futhi yayiba nebhantshi elilodwa kuphela na? Udumo kuNkulunkulu!

256 Kungikhumbuza ngoMartin oNgcwele, ngenkathi ezama ukumela iVangeli, nayo yonke into, ngaphambi kokuba aphenduke. E—eNayisiya yangaPhambili, noma umkhandlu waseNayisiya, o*Baba beNayisiya*, emlandwini. Ngoluny'usuku, wayedlula emasangweni lapho. Wayevela Toras, eFransi. Futhi

kwakunabantu . . . Umalalepayipini omdala elele lapho, efa, engenazingubo zokugqoka. Nabantu bedlula, ababengamupha izingubo zokugqoka, kodwa abekwezanga. Bamedlula futhi abangamnaka umfo omdala. NoMartin oNgcwele wama lapho futhi wakubuka. Bathi . . .

257 Lonke isosha laline—lalinendoda ukugcina amabhuzu ayo ecwebezela. Futhi yayipholisha amabhuzu enceku yayo.

Wayesekhumula ibhantshi lakhe, wayesethatha ummese wase elinquma uhhafu, laba libili, inkemba yakhe. Wasonga umalalepayipini omdala ngalo, wathi, "Sobabili singaphila."

Waya ekhaya wayesoyolala. Elele lapho, ecabanga indoda endala eyayikhalile. Khona manjalo, Into ethize yamvusa. Wabuka. Kumi ekamelweni, nakho kumi uJesu Kristu ezisonge ngalesosiqephu esidala sengubo asonga umalalepayipini ngaso. Wathi, "Kakhulu njengoba wenze lokhu kwabancane balaba abancinyane, ukwenzile kiMi." Leyo yimpilo efanele iVangeli. Niyazi ukuthi waphawula kanjani ngempilo yakhe, naye, anazi na?

258 Bukani uPolycarp, emele umbhaphathizo weGama likaJesu, ephikisana nebandla eliRoma Katolika. Futhi bamshisela esigxotsheni; badiliza indlu yokugezela base bemshisa. Bukani uIrenaeus, bonke abanye babo, abahluphekela lembangela. Lokho izimpilo ezifanele.

259 Bukani uPawulu akusho eNcwadini yamaHeberu, isahluko 11. Wathi, "Basahwa behlukaniswa, badonswa behlukaniswa; bazulazula, bembethe izikhumba zezimvu nezikhumba zezimbuzi, futhi wayesehlane, futhi beswela kanjalonjalo; izimpilo lelizwe elingazifanele." Nakho lapho okhona. Leyompilo ilifanele iVangeli. Izoma kanjani eyakho nami ngoSuku lokwaHlulela, namadoda anjengalawo na?

260 Bukani uPawulu manje. Sizoqhubeka sehle. Wamela iVangeli, udedela uJesu ageleze kakhulu ngaye. Akunandaba ukuthi kanjani, ini, kungakhathaleki ukuthi noma ubani wayecabangani ngakho. Kuphi, umpristi omkhulu, ngani, wahamba futhi wanqunywa ikhanda, ngenxa yaLo. Wayengukumela okufanele kweVangeli. Ededela . . . Bukani lapho. Kungakhathaleki ukuthi abantu babecabangani, ededela umsinga wokuPhila okuPhakade ugeleze ngaye, ngangokuthi wathi, "Ngingaba ngoqalekisiweyo kuKristu, ngenxa yabazalwane bami."

Manje uyazi ukuthi wenzani uma uthola ukuPhila okuPhakade. Nanko umbuzo wakho. Nanso impendulo yakho. Uthatha uhlangothi lwezihlakaniphi; noma, uthathe *Lolu* hlangothi, uma ngempela unokuPhila okuPhakade. Yilokho okwenzekayo.

261 Yilokho okwenzekayo. UPawulu, elungele ukuqalekiswa kuKristu, ukuvumela abantu bakhe . . . Izimpumputhe, abantu abangazi lutho ababengalilaleli iVangeli lakhe!

Ngicabanga ukuthi, amahloni kimi uqobo. Ngase ngilungele ukuyeka, ngoba babengangilaleli. Ngizwa kuthi angiphenduke. Futhi ngiphendukile. Niyabo?

262 Qaphelani. Kungakhathaleki ukuthi abanye babecabangani, loluhlobo lwempilo lulifanele iVangeli.

Manje sengiyavala.

263 Isicebi, njengeningi lethu namhlanje, savalela ngaphandle futhi senqaba iZwi lokuPhila, futhi siba yilunga lebandla; futhi sakhombisa impilo, efakazelayo eBhayibhelini, yayingalifanele iVangeli esasicelwe ukuba silemukele. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lalingakhanya kanjani iVangeli ngokukhanya okwenziwe mnyama okunjalo, siphika amandla kaNkulunkulu na?

264 Manje, indlela kuphela yokuphila impilo efanele, ngukuvumela uKristu neZwi laKhe (okungukuthi, UyiZwi) lizibonisa lona uQobo ngokuphelele impela kuwe uNkulunkulu aze aqinisekise Akusho eZwini. Ngokuba, uKristu wafa ukuze Azethule yena uQobo phambi kukaNkulunkulu, uMhlatshelo. Futhi Wabuyela emuva ngesimo sikaMoya oNgcwele, ukuzibonisa yena uQobo ngabantu baKhe, ukuqhuba umsebenzi waKhe; ezibonisa yena uQobo ngawe, ukugcwalisa iZwi laKhe elithenjisiwe ngalezizinsuku zesikhathi esizayo.

NjengoJohane umBhaphathizi wezwa, ngenkathi ezwa uKristu eza. NoKristu waphumela emanzini. NoJohane wathi, "Bheka iWundlu likaNkulunkulu."

Akekho omunye owaKubonayo. Kodwa yena waKubona, lokho kuKhanya kwehla kuvela eZulwini, njengejuba. NePhimbo lithi, "Lena yiNdodana yaMi ethandekayo Engithokozile ukuhlala kuYo." Wakubona Kuza.

Futhi uJesu waphumela emanzini, uImanuweli, phambi ko—komshumayeli owayefanele ukuba yishinga. Waphumela emanzini, phambi kwabantu, wayesethi, "Ngifuna ukubhaphathizwa nguwe."

265 UJohane wathi, "Nkosi, yimina engiswela ukubhaphathizwa nguWe. Yini ukuba Uze kimi na?" Omabili amehlo anqwamana, umprofethi noNkulunkulu wakhe. Amen. Ubunga . . . Ngi . . . Bengingethande yini ukuba futhi ngibhekisise lokho na? Ngibone lawo aqinile, amehlo abekwe ajula kaJohane ehlutshwa phansi futhi ngithole lawo aqinile, amehlo abekwe ajula kaJesu; abazala besibili omunye nomunye, enyameni.

266 UJesu wathi, "Johane, vuma kalokhu manje, ngokuba kusifanele. SinguMlayezo walelihora. Kusifanele ukugcwalisa ukulunga konke."

267 UJohane wacabanga, "Yebo, UnguMhlatshelo. UMhlatshelo ufanele ugezwe ngaphambi kokuba Wethulwe." Wayesethi–ke "Woza." WayeseMbhaphathiza. Amen. Ngamany'amazwi, "Kusifanele ukugcwalisa ukulunga konke."

UJesu, azi ukuthi leyondoda yayingeyoqobo, wathi, "Akaze abekhona umuntu ozelwe ngowesifazane, onjengaye. Wedlula umprofethi; ungakwemukela, lona wedlula umprofethi." NoJesu, ebuka enhliziyweni yakhe, futhi ekwazi lokho. Umzala wakhe uqobo wahlangana naYe lapho, ubuso-nobuso.

268 UJohane wathi, "Nkosi, ngiswele ukubhaphathizwa nguWe. Futhi yini Uze kimi na?"

269 Wathi, "Vuma kalokhu, Johane. Kodwa, khumbula, kusifanele ukugcwalisa konke lokho uNkulunkulu akwethembisile. Futhi NginguMhlatshelo. Ngifanele ngigezwe ngaphambi kokuba ngethulwe." O, he! He!

270 Futhi, namhlanje, lapho iziNkanyiso zakusihlwa zikhanya, lapho kungekho muntu osile engqondweni kodwa ongeke asho; noma yisiphi isifundiswa esikhulu seBhayibheli sabuka eBhayibhelini, siyazi ukuthi lolu usuku lokugcina. Manje–ke, kusifanele ukuwa sisuka kulezizindonga ezinkulu, noma sisuke kulezizinto, nokuthi singene ekulungeni kukaJesu Kristu ngalolusuku lokugcina, futhi sithathe uPhawu lukaNkulunkulu ngaphambi kokuba uDeveli asinike uphawu lwesilo. O, he. Yebo.

271 Khulekela ukuthi uNkulunkulu ukuba avumele ukuKhanya kwalolusuku kuvuke kuwe, ukuba ubeyinceku ethobile kuNkulunkulu. Bese–ke uvumela isithelo sikaMoya sihlale njalonjalo empilweni yakho. Naleyo yimpilo ilifanele iVangeli.

272 Ake ngisho lokhu, sengivala. Indlela kuphela, indlela kuphela ongaphila ngayo impilo elifanele iVangeli, ngukuvumela iVangeli Qobo lwalo, konke okuncu kweVangeli, kungene kuwe futhi kubuye kubonise izithembiso zaKhe, kuzenze ziqinisekiswe. Vumela uNkulunkulu ahlale kuwe, ukuqinisekisa izithembiso zalolusuku.

NjengoJohane nje, njengoba uJesu athi kuJohane, "Vuma kalokhu, Johane. Kunjalo. Kodwa siyizithunywa zalolusuku, futhi sifanele sigcwalise ukulunga konke."

Futhi uma singamaKristu alolusuku, asemukele uJesu Kristu enhliziyweni yethu. Futhi UyiZwi. Ningaphiki noma yiliphi laLo. Thanini, "LiyiQiniso." Futhi niLibeke enhliziyweni yenu, nibhekisise isithelo sikaMoya phezu kwenu, futhi nigcwalise zonke izithembiso Azenza eBhayibhelini. UNkulunkulu ufuna ukugcwalisa iZwi laKhe, futhi akanazandla kodwa ezami nezakho. Akanamehlo kodwa awami nawakho. Akanalwimi kodwa olwami nolwakho. "Mina ngingumVini. Nina ningamagatsha." Amagatsha lithela isithelo. UmVini ufaka amandla igatsha. Leyo yimpilo efanele.

273 Umkhuleko wami ngukuthi, kulabo abasemsakazweni noma e. . .ezweni leteyipu, nalabo abakhona. Kwangathi uNkulunkulu womusa wonke, waseZulwini, angakhanyisa uMoya waKhe oNgcwele obusisiweyo phezu kwethu sonke, ukuba thina, kusukela kulobubusuku, emva kwalokhu, singaphila impilo uNkulunkulu azothi, "Ngithokozile kakhulu. Ngenani ezintokozweni zaPhakade okulungiselelwe nina selokhu kwasekelwa umhlaba." Makuthi uNkulunkulu waseZulwini athumele izibusiso zaKhe phezu kwenu nonke bantu.

274 Ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzobusisa nina besifazane, kulobubusuku, onezinwele ezimfishane, ngangokuthi nizobona, futhi nisuke kulenkambiso yesimanje yosuku, futhi niqonde ukuthi iBhayibheli lithi anifanele nikwenze lokho. Futhi uma ninecala lokugqoka izingubo zokungabi nasimilo, ukuthi uNkulunkulu waseZulwini uzochitha umusa waKhe enhliziyweni yenu, ukuthi anisophinde nikwenze, ukuthi anisoze nabanecala lento enjengaleyo futhi. Kwangathi uMoya oNgcwele ungakuvula nje kini futhi anikhombise. Kwangathi nina, eningenambhaphathizo kaMoya oNgcwele . . .

275 Kwangathi nina besilisa onamakhosikazi enu, futhi niwadedele abe ngubasi wendlu futhi aniholele ngakhona, kwangathi uNkulunkulu waseZulwini angakupha umusa ukuba ubeke unyawo lwakho phansi futhi ubuyisele lowo wesifazane emqondweni wakhe osile futhi, ya, futhi uqonde ukuthi leyo yindawo yakho kuKristu. Hhayi ubasi, manje, kodwa uyinhloko yendlu. Khumbula, akekho ngisho nakokudaliweyo kwasekuqaleni. Kuphela ungumkhiqizo wakho ovele kamuva, unikwa nguNkulunkulu, kuwe, ukukunakekela, ukugcina izingubo zakho zokugqoka zihlanzekile futhi akulungisele ukudla kwakho, kanjalonjalo. Akasuye undlovu kayiphikiswa wakho.

276 Nina besifazane baseMelika nehla nenyuka nomlomo wopende ebusweni benu, nekhala lenu libheke phezulu emoyeni (liyona, liyoniminzisa), bese–ke nicabanga ukuthi ningolunye uhlobo oluthize lukandlovu kayiphikiswa. Unguye, esitabaneni, kodwa hhayi indodana kaNkulunkulu yangempela. Kunjalo.

277 Kwangathi uNkulunkulu anganipha umusa nina madoda, njengamadodana kaNkulunkulu, ukuba niwumise umbhedo onjalo njengalowo. Kunjalo. Kwangathi Anganipha umusa, ukuba nibalahle phansi labosikilidi, niyeke ukulalela lawomahlaya angcolile, wonke lowombhedo. Asibe amadodana kaNkulunkulu, ukuba sikwazi ukuhamba impilo elifanele iVangeli.

Nomuntu owehla ngomgwaqo, athi, "Uma wake wabakhona umKristu, nango ehamba oyedwa. Nango ehamba oyedwa

uNkulunkulu nje azikhombisa yena uQobo ngaye ngqo, naleyondoda ingumKristu wangempela, kwake kwaba khona umKristu. Ungahle ucabange ukuthi owesifazane ubukeka eyifeshini endala. Uyinenekazi langokoqobo." Nakho.

278 Yiba ngumKristu onesithunzi, ngokuba singabafokazi lapha. Leli akusilo iKhaya lethu. IKhaya lethu lingaPhezulu. Singamadodana namadodakazi eNkosi, eNkosi *uqobo*. Asivumele izimpilo zethu zibe yi—yimpilo enesithunzi. Asiphile impilo eyohlonipha leyonto esizisho ukuthi siyiyo, umKristu. Futhi uma ungenakuluphila lolohlobo lwempilo, khona–ke yeka ukubizwa ngomKristu, ngoba uletha kuphela ihlazo phezu kwesiSusa.

279 Ngiyanibonga, bantu, kulobubusuku obushisayo, nihlezi lapha. Ngithemba ukuthi akuyikubabikho noyedwa kini olahlekayo, ngalolоSuku. Ngi—ngi—ngithemba ukuthi wena nami, sisonke, sizothola umusa phambi kukaNkulunkulu, ukuthi ngizokwazi ukuthi njalo ngimele lokho okuyiQiniso, ukuba nginganilimazi neze, kodwa ngingenincengi neze. Niyabo? Uma benginganincenga, bengingebe uhlobo olukahle lukababayi, uma ngiyeka umntwanyana wami enze nje noma yini. Ngiyoba qondisa. Nothando luyokwenza lokho. Uthando luyaqondisa. Ngiyakukhumbula ungibhalela lelo nothi, lolosuku, Pat. Ngisenalo. Futhi uthando luyaqondisa. IBhayibheli lasho njalo. Futhi uma kungaqondile, yingalesosizathu uNkulunkulu esiqondisa. Uyasithanda.

280 Kwangathi singaphila impilo, kusukela emva kwalokhu, efanele, ngobumnandi nobubele. Unganaki, uthi, "Awu, akabusiswe uNkulunkulu, ngiyazi unaWo. Wakhuluma ngezilimi. Wasina eMoyeni." Lokho kulungile. Kodwa uma engenaso isithelo sikaMoya, uMoya awukho lapho. Uzifanisa kuphela nolunye uhlobo lwamadlingozi, noma okuthize, ngoba uMoya oNgcwele ungaphila kuphela impilo yesithelo sikaMoya. Yileyondlela kuphela Ongayenza.

281 UNkulunkulu anibusise. Asikhothamise ikhanda lethu, umzuzwana nje.

Akuthi i. . . UNkulunkulu, ochithe ukuKhanya kwaKhe ngalolusuku lokugcina, Lokho okulele lapha phambi kwami, kweBhayibheli laKhe; nesithombe saleziziNgelosi, lokhu kuKhanya okuyimfihlakalo esimweni sesivivane, ukuthi ngisho nososayense abazi ukuthi Kwafika kanjani lapha. BangeKuchaze. Kodwa, Baba, siyabonga. Wasitshela, izinyanga kungakenzeki, futhi siyabonga kuWe.

282 Makuthi abantu, obizwa ngeGama laKho, basuke esonweni, kulobubusuku, Nkosi, ukungakholwa. Kwangathi, njengoba . . . Ngidingeke ngikhulume ngokufufuzela kakhulu ngokumelana nodadewethu, hhayi ngoba ngingabathandi, Nkosi, kodwa angifuni ukubona uDeveli ebazongolozela baze bawe bafe,

ngolunye lwalezizinsuku, bese–ke bezama ukuhlangana naWe bekulolohlobo lwesimo, emva kokuzwa iQiniso likaNkulunkulu, njengaleli. Kwangathi bangezwa ukuthi bakukweleta kubo uqobo, ukuba bahambe bayohlolisisa imiBhalo, futhi babone ukuthi ngabe lokho kunjalo yini. Baguqe ngamadolo abo–ke, ngobuqotho, futhi bathi, "Nkulunkulu, ngabe lelo yiQiniso na?" Khona–ke lokho kuzodingeka konke, Nkosi, bazobaqotho ngakho, ngokubaba iZwi laKho liyiQiniso.

283 Abantu bahlalile. Abaningi babo, mhlawumbe, babanezinto ezibalimazayo. Kodwa uMoya kaNkulunkulu ukhulumile kubo, futhi bahlala bathula du futhi balalela. Ihora lishiywe yisikhathi. Ihora lishiywe yisikhathi kusihlwa, kanti futhi sekuleyithi esikhathini esiphila kuso. Ilanga liyashona. Izwe liyaphola. Nkulunkulu, ubumnyama buzongena masinya, bese kuthi–ke ukuFika kweNkosi, ukuhlwitha iBandla laKhe. SiKubonga kakhulu ngalokhu, Nkosi!

284 Siyakhuleka manje ukuthi Uzobusisa wonke umuntu eBukhoneni bobuNkulunkulu. Wonke umuntu ozwa leteyipu, Nkosi, umhlaba wonke jikelele, kwangathi bangasuka kulezozivumokholo ezindala nezinto, futhi beze futhi bakhonze uNkulunkulu ophilayo, beze futhi balondolozele inzalo yemali kuBo, yenzani njengoba kwenza indluvukazi yaseNingizimu. Yafika, kwayithatha izinyanga ezintathu ukufinyelela lapho indoda yayimele khona uJesu Kristu, noma uNkulunkulu waseZulwini; uSolomoni. UJesu wathi, "Iza ivela emikhawulweni yomhlaba, ukuzokuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni, futhi bhekani kukhona lapha omkhulu kunoSolomoni." Futhi siyazi kukhona lapha "omkhulu kunoSolomoni," uMoya oNgcwele qobo lwaWo omkhulu ulapha, usebenza ngabantu. SiKubonga kakhulu ngalokhu, Baba. Ngikhulekela isibusiso manje.

285 Busisa umelusi wethu othandekayo uMfowethu Neville. Nkosi, njengoba ngi—njengoba ngimbuka futhi ngicabanga ngemisebenzi yakhe yothando, inhliziyo yami iyagxuma nje. Ngiyamthanda. Ukumbona lapho ebuka umkakhe nabantwanyana bakhe, ngi—ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzomqinisa. Umuphe isibindi. Umbusise eminingi, eminye iminyaka eminingi yenkonzo, lensimu enkulu yesivuno esikuyo.

286 Busisa bonke lababafowethu abangabefundisi behlezi lapha kulobubusuku. Abaningi babo bayizivakashi ezivela kwezinye izindawo. Ngikhulekela ukuthi Uzoba nabo lapho, uJunie noMfowethu Ruddell, nalawo madoda ayigugu angamabandla angodade kulelibandla lapha, emi futhi ebambe ukuKhanya kweVangeli ezingxenyeni ezehlukene zamadolobha ngapha nangapha, ngalokhu kuKhanya okufanayo, eLilwela. NgiyaKubonga ngalawo madoda, Nkosi. Akhuthaze. Futhi anikeze umusa ukuba amele izivivinyo ezinkulu nezinto ezifika phezu komhlaba ukuvivinya onke amaKristu.

287 Philisa abagulayo nabahluphekileyo, Nkosi. Yiba nathi lonke leliviki elizayo manje. Siphe isibindi. Kwangathi ezincane, izifundo zikaSonto sikole eziphukile zosuku zingesuke neze enhliziyweni yabo. Kwangathi bangazindla, imini nobusuku. Siphe lezizibusiso, Baba. EGameni likaJesu Kristu, ngiyakucela. Amen.

288 NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] NiyaLikholwa na? ["Amen."] Asicule icule lethu elimnandi futhi, "Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda," njengoba sizijoyina ndawonye. Uphi uDadewethu Angren na? Ngabe ukhona, omunye wabo, noma udadewethu uludlalile upiyano, omunye wamanenekazi lapha na? Angikuboni. Ya, nangu, inenekazi ngapha. Kunjalo.

289 Bengifuna, kulobubusuku, ngakho konke ukukhathalela, kodwa angimbonanga uMfowethu Angren. Bengifuna angiculele, kulobubusuku, *UMkhulu Kangaka!* Ngiqagele umfowethu uye ekhaya. Niyabo? Ngilizwile leloculo kulokhu ukusa, futhi ngilithokozele ngempela lelo. He, o, he! Lelo nje linkeneze enhliziyweni yami. Futhi bengi—ngi—ngifuna ukumuzwa ecula elithi *UMkhulu Kangaka!*

290 Manje asicule u*Ng'yaMthanda*, wonke umuntu, kanyekanye. Manje valani amehlo enu nje. Futhi asibuke kuYe manje, sithi, "Nkosi, uma kukhona noma yikuphi lokhu kwenyama kimi, kukhiphe, khona manje. Kukhiphe." Futhi wena, phandle, ozwa leteyipu, uma uzwa leliculo, licule nathi, ke, khona esitulweni sakho lapho ohlezi khona.

Uma kukhona lokho, uma ulahlwa yicala yiZwi, uma ungacabangi ukuthi LiyiZwi, hlola imiBhalo, ubone uma Liqinisile. Likufanele. Lisho ukuPhila noma ukufa.

Bese kuthi–ke sisacula leliculo, uma kukhona okwenyama empilweni yakho, ungesiphakamise yini isandla sakho, usesitulweni sakho. Phakamisisa isandla sabo abantwana bakho nomkakho, abathandekayo bakho abangakuwe. Cula u*Ng'yaMthanda*, futhi unikele impilo yakho kuYe. Uthi, "Ngihlanze, Nkosi, kubobonke ububi."

Sisacula manje, asime.

Ng'yaMthanda, ngi . . .

Nkosi Jesu, ngikhulekela ukuthi Uzophilisa abantu, laba ozofaka lamaduku. Ngiyababusisa, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Wang'thengela insindiso
Emthini waseKalvari.

291 Manje, kulesisibusiso esikhulu! Qhubeka nje ulidlale, dade. Valani amehlo enu nje futhi nicabange, umzuzu manje. Asikhuleke, enhliziyweni yethu, "Nkosi Jesu, ngihlole. Ngabe ngiKuthanda ngempela na? Wena wathi, 'Uma niNgithanda, niyakugcina izisho zaMi. Uma niNgithanda, niyakugcina

iZwi laMi.'" Bese kuthi–ke enhliziyweni yakho, uthi, "Nkosi, mangigcine iZwi laKho. MangiLifihle enhliziyweni yami, ukuba ngingoni neze kuWe, lokhu ngukuthi, ngikholwe ngokungesikho noma yini Oyishilo."

292 Manje sisacula u *Ng'yaMthanda,* asixhawulane nomunye oseduze kwethu. Yeluleka ngale nje, uthi, "UNkulunkulu akubusise, mfowethu, noma dade." Ngokuthula ngempela manje.

"Ngi . . ." UNkulunkulu akubusise, mfowethu. "Ngi . . ." UNkulunkulu akubusise, dadewethu. UNkulunkulu akubusise, dade. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, dade. "Futhi pur- . . ." UNkulunkulu akubusise, dadewethu. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. " . . . -ry's mthini."

293 Manje asiphakamisele izandla zethu kuYe.

> Ngi—ng'yaMthanda
> Ngoba . . .

Unokuthize, ngaphandle kwalokho, ofuna ukukwenza na? Ngifuna niphume.

> . . . mina
> Wang'thengela insindiso
> Emthini waseKalvari.

294 NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Akamangalisi na? ["Amen."] Ngikhulekela ngamunye wenu, bantwana. Bekungangisiza ngani ukuma lapha futhi ngisho lezizinto uma mina, enhliziyweni yami, ngingacabanganga ukuthi bekuzonisiza na? Lapho, sengikhathele futhi ngikhandlekile. Sekul'ukhuni nje ukuba ngime lapha. Izinyawo zami ziyathunukala. Nezicathulo zami, ngime kuzo saze sajuluka phakathi lapho, nayoyonke into, izinyawo zami seluze luyashoshozela. Futhi ngikhathele kakhulu! Angisesuye umntwanyana, nhlobo. Futhi sengishumayele izintshumayelo ezingamahora amathathu- noma amane, futhi ngikhulekela abagulayo, futhi ngihamba imini nobusuku. Kungani ngimi lapha, ngikwenze na?

Niyazi, yonke leminyaka engamashumi amathathu, uma kwakungukuthandwa ngabantu, ngikugwemile lokho. Niyazi angiyithathi imali. Niyakwazi lokho. Angiyithathanga. Sengake nganitshela noma yini eGameni leNkosi kodwa akwangafezeka na? Niyazi ukuthi lokho kuqinisile.

Ngiyanithanda. Wuthando lukaNkulunkulu olusenhliziyweni yami lwalowo nalowo wenu. Ngifisa sengathi benginga . . . Ngifisa sengathi bengingama phambi kukaNkulunkulu, futhi ngithi, "Nkulunkulu, ma—ma—mangibasize. Ma—mangenze *lokhu*." Ngeke ngakwenza. Umuntu ngamunye uzofanele azimele ngesingabo. Niyabo?

295 Ngi—ngi—ngikholwa ukuthi sonke siyenyuka manje, ngolunye lwalezizinsuku. Futhi uma kwenzeka silala ngaphambi kwalesosikhathi, ngisuswa kini, khumbulani, ngiyohlangana nani Laphaya. Ngiyazi Lilapho. Yona impela imibono onitshele yonke into, iphelele, ifezekile njengoba Asho nje. Akukho noyedwa, kuyoyonke leminyaka ongake lapha asho ukuthi ngake nganitshela noma yini eyofezeka kepha yenzeka. Umhlaba jikelele, uyakwazi lokho. Anikaze nikubone emsamo, okwatshela wonke umuntu iQiniso ncamashi. Niyabo? Bekuhlala njalo kunjalo. LowoNkulunkulu ofanayo ungivumela ngibuke ngedlule ngale kwekhethini lesikhathi. Ngibabonile labo besifazane nabesilisa besho bengigaxa futhi bengigona, bathi, "O, Mfowethu Branham."

296 Ngi—ngingeke nje ngahlala. Ngakho, uma ngikhathele, ngiyahamba, noma kanjani. Iqolo lami liyathunukala. Futhi mina, nsuku zonke. . . ngi—ngi—ngineminyaka engamashumi amahlanu-nane ubudala. Niyazi, uthola ubuhlungu obengeziwe nsuku zonke.

Umkhuleko wami ungukuthi, "Nkulunkulu, ngibambe ungihlanganise. Ngibambe ungihlanganise, ukuba ngishumayele iZwi, ngime kuleloQiniso, ngize ngibone umfana wami, uJoseph, esekhule ngokwenele, futhi egcwaliswe ngoMoya oNgcwele; ngingathatha leliBhayibheli elidala eseligugile, ngiLibeke esandleni sakhe, ngithi, 'Ndodana, liphathe kuze kube sekupheleni kwempilo yakho. Ungaxegisi kuLo.'"

297 Ngangicabanga ukuthi uBilly mhlawumbe uyoshumayela iVangeli. UNkulunkulu akazange ambize.

Kodwa ngikholwa ukuthi, uJoseph, ngisho noma engumfana omncane odelelekile, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu umbizile. Yingalesosizathu abantwanyana bengenakuhambisana naye, ungumholi. Futhi ngi—ngi—ngiyazi ukuthi uNkulunkulu umbizile. Ngifuna ukumqeqesha ngendlela yeZwi, indlela yeZwi leNkosi, ukuthi akazukulishiya leloZwi. Ngifuna ukukwenza, qobo lwami, uma uNkulunkulu ethanda. Futhi uma sengigugile futhi sengihlezi ngiqhiyeme, futhi ngikwazi ukumbona lapho, ame epulpiti athi, "LeliVangeli elifanayo, ubabayi wami walimela. Uhlezi laphaya, usegugile futhi wephukile, kulobubusuku. Kodwa ngifuna ukuthatha indawo yakhe futhi ngigcwalise izicathulo zakhe, ngime lapho."

298 Khona ngiyobuka phezulu, bese ngithi, "Nkosi, mukisa inceku yaKho ngokuthula." Yilokho engifuna ukukubona kabikabi. Kuze kufike lesosikhathi . . .

299 Manje–ke ukuba–ke bengingakhulela kwesinye isizukulwane na? Angeke. Ngifanele ngize nalesisizukulwane. Ngifanele ngime nani. Yinina engifanele nginimele, futhi ngilande ngani phambi kukaNkulunkulu, ngeVangeli engilishumayelile. Nicabanga ukuthi bengingama lapha futhi

ngizame ukunisontasonta, niphume eNtweni ebengicabanga ukuthi ibiqinisile na? Bengiyonikhuthaza ukuba nihambe niLenze. Kodwa ngiyakwazi lokho, uma kuyiphutha, ngifuna ukunikhipha kulokho, nginifake kokuyikho. Qiniso, ngokuvela enhliziyweni yami, uNkulunkulu uyangifakazela, ngiyanithanda, nonke, ngolwangempela, uthando lobuKristu bobuNkulunkulu. UNkulunkulu anibusise. Ningikhulekele.

300 Angazi ukuthi ikusasa lami liphetheni, kodwa ngiyamazi Ophethe ikusasa lami, ngakho ngiphumule kulokho.

301 Ngibuyisela i, lelipulpiti kumuntu enginethemba elikhulu kuye, njengenceku kaJesu Kristu, umelusi wethu, uMfowethu Neville.

